

Ellen G. White Estate

A photograph of a white lighthouse on a cliff overlooking the ocean at dusk. The lighthouse is illuminated from within, and the sky is a mix of blue and purple. Palm trees are visible in the foreground. The title 'IZINYATELO EZIYA KU KRISTU' is overlaid in large white letters.

IZINYATELO EZIYA KU KRISTU

ELLEN G. WHITE

Izinyatelo Eziya ku Kristu

Ellen G. White

1920

**Copyright © 2014
Ellen G. White Estate, Inc.**

Information about this Book

Overview

This eBook is provided by the [Ellen G. White Estate](#). It is included in the larger free [Online Books](#) collection on the Ellen G. White Estate Web site.

About the Author

Ellen G. White (1827-1915) is considered the most widely translated American author, her works having been published in more than 160 languages. She wrote more than 100,000 pages on a wide variety of spiritual and practical topics. Guided by the Holy Spirit, she exalted Jesus and pointed to the Scriptures as the basis of one's faith.

Further Links

[A Brief Biography of Ellen G. White](#)
[About the Ellen G. White Estate](#)

End User License Agreement

The viewing, printing or downloading of this book grants you only a limited, nonexclusive and nontransferable license for use solely by you for your own personal use. This license does not permit republication, distribution, assignment, sublicense, sale, preparation of derivative works, or other use. Any unauthorized use of this book terminates the license granted hereby.

Further Information

For more information about the author, publishers, or how you can support this service, please contact the Ellen G. White Estate at mail@whiteestate.org. We are thankful for your interest and feedback and wish you God's blessing as you read.

Contents

Information about this Book	i
IZIWI LO KWANDULELA	iii
AMZAWI O'MHUMUSHI.....	iv
IZIHLOHO 1—UTANDO LUKA NKULUNKULU KU MUNTU.	5
IZIHLOHO 2—UKUFUNWA KUKA KRISTU NGU MONI.	12
IZIHLOHO 3—UGUQUKO	17
IZIHLOHO 4—UKUVUMA IZONO.	28
IZIHLOHO 5—UKUNGCWALISWA.	32
IZIHLOHO6—UKOLO NOKWAMKELEKA.....	37
IZIHLOHO 7—U PAN LOBU LANDELI BUKA KRISTU. .	43
IZIHLOHO 8—UKUKULELA KU KRISTU.	50
IZIHLOHO 9—UMSEBENZI NOKUPILA.....	58
IZIHLOHO 10—UKU MAZI UTIXO.	64
IZIHLOHO 11—ITUBA LOKUKULEKA	70
IZIHLOHO 12—MASENZENI NGOKU NGABAZA.	80
IZIHLOHO 13—JABULANI E NKOSINI.	87

IZWI LO KWANDULELA

Ezindhlebeni eziningi kuzwakala amazwi e Simemo Somusa, Sokuti:— “Woza Kimi” lesa Simemo So. Msindisi O’Nesihau. O’Nkliziyo Yake votando ipumele kubo bonke aba dukayo ku Nkulunkulu; nase zinhlizweni zaba ningi, aba langazelele ngo kwempela usizo olu nokufunyanwa ku Jesu, kuvuswa inhliziyi yo ku tanda ukubuyela endhlini ka Yise. Kwa banjalo umbuzo ka Tomase uya vama ukupindwa “wokute:— Si nga yazi kanjani indhlela?”

Indblu ka Yise Songati ikude, nendhlela ibonakale iuzima, i nga qinisekile. Yizipi izinyatela eziholela ekaya?

Igama la lencwadi li casisa umsebenzi wayo. Ikomba ku Jesu ukuti Uye yedwa onamandhla uku hlangabezana nezinswelo zo m’pefumulo, no’ qondisa izinyawo zo’ngabazayo no nqikazavo endhleleni yo kutula.

Iholela umfuni wokulunga nowo kupelela kwesimilo. isinyatelo nge. Sinyatelo endhleleni yokupila ko bu Kristu, ku loku ku busiswa oku funyanwa eku zinikeleni oku pelele komuntu, nase kwetembeni oku ngantengi emuseni osindisayo nase mandhleni a gcinayo o’Mhlobo we zoni.

Isiyalo esifunyanwa ku lamakasi si lete ukududuzwa ne temba, e Mpefam’lweni eminingi e katazekile, Sa siza aba landeli aba ningi be Nkosi ukuba ba hambe be netemba eli kulu noku tokoza okukulu ezinyatelweni zo’ Mholi wabo ongu Nkulunkulu. Ku yetembeka ukuti Si-ya kuleta lona lelozwi kwabaningi abadinga usizo olunjalo.

“Ma yi vele lapo indhlela
Izi nyatelo ezenyukela ezulwini ”

[iii]

Kwaku njalo uJakobe, lapo ecindezelwe hi valo lokati isono Sake Sesi mahlukausile ku Nkulunkulu, walala ubutongo wapupa, bhaka isikwelo Simi emhlabeni isihloko Saso. Sive Sa finyelela ezulwini. Ngaloko waembulelwa ukuhlangana okupakati ko mhlaba nezulu, na mazwi okududuza nawe temba akulunywa ku Mndindi Yi Lowo owa-emi esihlokweni Se zikwelo ezi lufifi.

Songati-ti umbono wasezulwini unga pindwa kwa ba ningi lapo be funda lendaba ye ndhlela yokupila.

“ABACINDEZELI”
(*PUBLISHER*).

* * * * *

AMZAWI O'MHUMUSHI.

* * *

BAKITI: —

IZwi lika Nkulunkulu Ji isibane soku kanyisela izinyatelo zokolwayo; ingakoke ugilingile ukucansisela olwimini lwakiti lencwadi, ukuze abaningi abangalwaziyo ulwimi Iwama Ngisi, batole amandhla okuqinisela endhleleni yokukolwa; okukupela kwesi hlengo sokuhlenga umuntu ukuba angene ekupileni okuPakade.

Izwi lako Tixo
Liti uyi Ngewele
Selibuya liti
Nati masibe ngcwele.

Yimi,

[1] M.S.R.

IZIHLOHO 1—UTANDO LUKA NKULUNKULU KU MUNTU.

Imvelo neziboniso kufakazelana ngokufanayo ngotando luka Nkulunkulu. U baba wetu ose Zulwini ungumtombo wokupila, wokuhlakanipa, nowentokozo. Bheka izinto ezinhle nezimangalisayo zemvelo Cabanga ngokufaneleka kwazo oku mangalisayo kuzo inswelo, nentokozo, kungesiyo yomuntu kupela; kepa kuzo zonke izidalwa ezipilileyo. Ukukanya kwelanga, nemvula ezitokozisa, zenze umhlaba ube mutsha, izintaba nolwandhle, namageceke konke kukuluma kiti ngotando lo Mdali. Ngu Nkulunkulu osutisa inswelo zemihla ngemihla zazo zonke izidalwa Zake. Emazwini amahle oMhlabeleli awati:—

Anehlo abo bonke alinde Kuwe,
Wena ubuanika ukudhla ngesikati esifaneleyo.
Wena uvula isandhla sako,
Usutise imfiso yazo zouke izinto ezipilileyo.

Izihla 145. 15, 16.

U Nkulunkulu wamenza umuntu wangeweke ngokupeleleyo watozoza; nomhlaba omuhle njengokuvela kwawo esandhleni so Mdali wawungena Into olubolayo, nasitunzi sesiqalekiso. Ukwepulwa komteto ka Nkulunkulu—nmteto wotando—okwaleta usizi, [2] nokufa. Kanti noko pakati kokuhlupeka okuvezwa ukona, utando luka Nkulunkulu luyabonakaliswa. Kulotywe ukuti u Nkulunkulu wawulahla umhlaba ngenxa yomuntu.¹ Ameva nezipunzi, ubulukuni nezilingo, okwenza ukupila kwomuntu ukuba kube okokuhlupeka nokusebenza, kwemiselwa ukuze alunge; nanje nge nxenye vemfundiso efunekayo ecebeni lika Nkulunkulu lokupakamisa ekutshabalaleni, nasekushoneni okwavezwa yisono. Izwe noma lawa, aligcwele izinsizi nenhlupeko lonke nokungatokozi. Emvelweni

¹Gen 3. 17.

ngokwayo kukona izitunywa zetemba nokonwaba. Kukona izimbali pezu kwameva, nameva agcwele izimbali.

“U’Nkulunkulu ulu Tando,” kulotywe loko kuzozonke izimbali ezimqumbi napezu kwazo zonke izindawo zotyani obumilayo. Izinyoni ezitandékayo zenza uku hlabela emoyeni ngengoma zazo ezimnandi nezi mbali ezilobekela kahle ngokufezekileyo zigcwalisa umoya ngepunga lazo elimnandi; imiti epakamileyo yebhati namakasi ayo anotileyo ahlala eluhlaza sonke isikati, konke kufakazelana ngako ukunakekela notando lobuzali luka Nkulunkulu wetu, nangayo imfiso yake ukuba atokozise abantwana Bake. Ilizwi lika Nkulunkulu libonisa isimilo sake. Yena ngokwake ulushumayela utando lwake olungapejiyo nombau; ekukulekeni kuka Mosi uma eti, “Ngibonise ukukazimula Kwako,” INkosi yapendula yati, “Ngiyakukwenza konke ukulunga kwami kudhlule pambi kwako.”² Loku kunguku kazimula kwake. I Nkosi yadhlula pambi kuka Mosi [3] yamemezela yati. “I Nkosi, i Nkosi u Nkulunkulu, onomusa, nomhau, obekezelayo, ovamile ngokulunga neqiniso, ogcina umusa enkulungwaneni, otetelela inkohlakalo nokuposisa, nesono.”¹ Yena “utukutela kade, unomusa omkulu”² “ngokuba yen a utokoziswa umusa.”³

U Nkulunkulu ubope inhliziyo zetu kuye ngezibopo ezingenakubalwa ezulwini, nasemhlabeni. Ngazo izinto zemvelo, nangazo izibopo ezitambileyo nezijulileyo zomhlaba ezingenako ukwaziwa zinhliziyo zabantu, wafuna ukuzibonisa ngaloku kitina. Kanti noko loku kubonakalisa u Tando lwake ngokungapeleleyo. Noma bonke lobu ubufakazi benziwe. isita sokulunga sifipaze imicabango yabantu, ukuze babheke ku Nkulunkulu ngokwesaba, bacamange ukuba ulukuni akateteleli, U Satana udonsa abantu ukuba bacabange ngo Nkulunkulu njeugomuntu oqonde, kakulu ukupata ngomteto olukuni, ongumahluli opata kabi kalukuni, ocindezelayo kwabanamacala. Isita sifanisa u Mdali njeugomuntu olinde ngeliso elinesikwele ukubonisisa kahle amacala neziposiso zabantu ukuze abeke ukwa hlula kwake pezu kwabo. Kwaba ukususa leli tunzi elimnyama

²Ekisodusi 33. 18, 19.

¹Ekisodusi 34. 6, 7.

²Jona 4. 2.

³Micah 7. 18.

ngokubonakalisa elizweni utando olungapeliyo luka Nkulunkulu, ukuba u Jesu eze kuhlala pakati kwabantu.

iNdodana ka Nkulunkulu yeza ivela e Zulwini ukuba ize ukubonakalisa u Vise. “Akuko muntu owake waboua u Nkulunkulu nangasipi dsikati; I Ndodana eyodwa ezelweyo, esesifubeni sika Yise. Iyona eyashumayela Ngaye.”⁴ “Kungeko noyedwa owazi u Yise ngapandhle kwe Ndodana, uaku lowo eyakubonakalisa [4]

kuye i Ndodana.”¹ Ekwenzeni komunye wabafundi isicelo sokuti, “Sibonise u Yihlo,” u Jesu wapendula wati, “Senginesikati eside kangaka nani, kanti wena Filipu awukangazi? Lowo ongibonileyo ubone u Baba; ntsho ngani kepa ukuti Sibonise u Yihlo?”²

Ukubonisa owayekutunyi we emhlabeni u Jesu wati, “iNkosi ingigcobisile ukuba ngishumayele indaba dungileyo kwaba mpofu; Yangituma ukupilisa abanenhliziyi ezidabukileyo, ukushumayela iukululeko kwabatunjiweyo, ngibuyise ukubona kulabo abazimpumpute, ngikulule labo abanemivimbo.”³ Lona— ke kwa kungumsebenzi wake. Wayehamba kuzozonke izindawo enza okulungileyo, epilisa bonke abacindezelwe ngu Satan. Kwakukona imizi impela lapo kwakungeko kona ukukala, nokugula kuyona noma inye indhlu; ngoba wabe edhlula kubo, wapilisa bonke abagulayo babo. Umsebenzi wake wafakaza ngokugcotywa kwake kwa Pezulu. Utando, umusa nomhau, kwabonakaliswa kuzo zonke izenzo zake ekupileni kwake, inhliziyi yake yaibafela ngo sizi abantwana babantu, watabata isimo sobuntu, ukuze afikelele entswelweni za bantu A babempofu nabatobekileyo babengesabi ukusondela kuye. Nabantwana abancane imbala babe sondela kuye. Babetanda ukukwela emadolweni ake, babheke kulobo buso bosizi obunomusa wotando. U Jesu wayengacindezeli nelilodwa ilizwi leqiniso; kepa wayelikuluma ngotando ngaso sonke isikati. Wayenza umusa omkulu kuko konke owayekwenza nabantu. Wayengakahlamezi, engakulumi ngapaudhle kokuba kuswelekile, ilizwi lonya, engazange anike [5] buhlungu empefumulweni obutakataka. Akazange abekecala ebutakatakeni benyama. Wayekuluma iqiniso ngasosonke isikati. kepa elikuluma njalo ngotando. Wave kuneipisa ukuzenzisa, ukun-

⁴Johani 1. 18.

¹Matt. 11. 27.

²Johani 14. 8, 9.

³Luke 4. 18.

gakolwa, nokukohlakala; kodwa izinyembezi zaziba selizwini lake uma e kuza abantu ezilimazayo. Walikalela i Jerusalem umuzi owa eutanda owenqaba ukumamkela oyi Ndhlela, oyi Qiniso, noku Pila.

Babemenqabile ongu Msindisi, kodwa yena wababuka ngokudabuka okukulu. Ukupila kwake kwakungokokuzidela ezindhla ngokunakekela abanye. Yonke imipefumulo ya i pakeme emeblweni Ake. Wati kanti wayezipete ngokuhlouipeka kwa Pezulu, wazitoba ngokunakekela okukulu kubobonke abangamalungu endhlu ka Nkulunkulu. Wayebona imipefumulo ewile kubobonke abantu, okwakungumsebenzi wake ukubasindisa!

Sinjalo isimila sika Kristu njengokubonakala kwaso ekupileni Kwake. Lesi isimilo sika Nkulunkulu. Kusuka enhliziyweni ka Vise, imifulana yemihau ya Pezulu, ebonakaliswa ku Kristu igelezela kubantwana babantu. U Jesu ngu Msindisi otambileyo no nomhau, wave. “Ngu Nkulunkulu ebonekaliswe enyameni.”¹

[6] Kwakwenzelwa ukuba kuhlengwe tina okwati u Jesu wapila, wablupeka, wafa; waba ngu “Muntu enezintsizi ” ukuze sibe ngabadhlehane ndawonye nave ekutokozeni okupakade. U Nkulunkulu wavumela i Ndodana yake etandekileyo: igcwele umusa neqiniso, ukuza ivele elizweni lombuso o nge naku balwa ize elizweni eloniwe isono, lenziwa mnyama nge situnzi sokufa nokulahlwa. Wayivumelaukushiya isihlalo sotando Lwake, ukudunyiswa yizitunywa: ukuza kutwala ihlazo, ukweviswa, ukutobeka, inzondo, nokufa. “Ukushayelwa ukutula kwetu kwaba pezu Kwake; nangemivimbo Yake siyapiliswa.”¹ Mbheke esehlane. ese Getsemane, epezu kwesipambano. Indodana ka Nkulunkulu e nge nabala yatatela pezu kwayo umtwalo wesono. Yena owabe munye no Nkulunkulu, wakuzwa empefumul weni Wake ukwa-hlukana okubuhlungu okwabangwa isono pakati kuka Nkulunkulu nomuntu. Loko kwaveza emlonyeni ‘Wake ukukala okubulilungu kokuti, “Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyelani na?”² Kwakungumtwalo wesono, ukubona nokwazi ngobuningi baso obukulu, ukwaklukanisa kwaso umpefumulo ku Nkulunkulu,—kwaba iloku okwadabula inhliziyweni ye Ndodana ka Nkulunkulu.

¹Tim. 3. 16.

¹Isaya 53. 5.

²Matt. 27. 46.

Kodwa loku kuzinikela okukulu akwenzelwanga nkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyelani na?² kungenzelwanga futi ukumenza ukuba *a tande* ukusindisa. Siyapika “U Nkulunkulu walitanda kangaka ilizwe waza *wanikela* iNdodana Yake ezewelwe yodwa.”³ U Yise uyasitanda kungasiko ngombango omkulu, kodwa wawenza umbango ngokuba wasitanda. U Kristu waba yonindhlela owayengati ngayo atele utando Lwake olungenasipelo elizweni eliwileyo. “U Nkulunkulu wave ku Kristu exolisana nezwe ukuba lize Kuye,”⁴ U Nkulunkulu wahlupeka kanye ne Ndodana Yake. Ebuhlungwini base Getsemane—ukufa endaweni yoku-

[7]

Nqunywa amakanda, nenhliziyi yotando olungapeli: kwarola inani lokusindiswa kwetu.

U Jesu wati, “Kungenxa yaloko engitandayo u Baba, ngokuba ngabeka pansu ukupila kwami, ukuze ngibuye ngikutate.”¹ Loko ku kuti U Baba wanitanda kangaka. nje ngokuba e ngitanda ngapezulu Mina. “Ekumeni kwami esikundhleni senu, nokunimela, ngokunikezela ngokupila kwami ukuze nginhlenge, ngokutata onko amacala enu, iziposiso zenu, ngitandisiwe ku Baba; ngokuba ngokuzinikela kwami u Nkulunkulu angalunga, kanti abengumlungisi walowo okolwa ku Jesu.”

Akuko muntu ngapandhle kwe Ndodana ka Nkulunkulu obenga lwenza lolusindiso; ngokuba nguye owayesesifubeni sika Vise owayengashumayela ngaye. Nguve kupela owaye azi ukupakama nokujula kotando luka Nkulunkulu owaye ngalubonakalisa. Akuko luto olungapansi kokuzinikela okungapeliyo okwenziwa ngu Kristu ngenxa yabantu abawileyo—okwakunga veza utando luka Vise ebantwini abalablekileyo.

“U Nkulunkulu wa litanda kangaka izwe, waza wanikela iNdodana Yuke e zelweyodwa.” Akainikelanga ukuze ihlale pakati kwabantu kupela, ukutwala izono zabo, ife ingumnikelo wabo; kepa *wamnika* esizweni esiwileyo. U kristu wazi hlanganisa nemfuneko nenswelo zabantu. Yena owayemunye noNkulunkulu uzihlanganisile nabantwana babantu ngezibopo ezinga sayi datyulwa. U Jesu

²Matt. 27. 46.

³Johani 3. 16.

⁴2 Kor. 5.19.

¹Johani 10.17.

[8] “akanamahloni okubabiza ngokuti ngabazalwane.”² Umnikelo wetu, Ummeli wetu, u Mfowetu, etwele isimo setu sobuntu pambi kwe-sihlalo sokubusa sika Yise, emunye nesizwe asisindisayo kuwo onke amapakade angapeliyo,—iNdodaua yomuntu. Ekwenza konke loku ukuze umuntu apakanyiswe eknubeni nase kutshoneni kwesono, ukuze akanye Iutando luka Nkulunkulu azuze inxenye ekutokozeni okucwebileyo.

Inani elakokelwa ukusindiswa kwetu umnikelo ongapeliyo ka Baba wetu wasezulwini ekunikeni iNdodaua Yake ukuba ize kufela tina, kufanele ukusinika imicabango epakamileyo yaloko esingaba iko ngenxa ka Kristu. Njengompostoli u Johane owatwasiswa wabona ukupakama, ukujula, nobubanzi botando luka Yise kuso isizwe esifayo, ugewaliswe ukudunyiswa, nenhlonipo, e.swele amagama afaneleyo—angabeka ngawo ubukulu nobuhle balolutando, ubiza izwe ukuba likubone “Bhekani uhlobo lotando u Yise alubeke pezu kwetu ukuze sibizwe ngokuti singamadodana ka Nkulunkulu.”¹ Hai inani okumbeke kulo umuntu loku! Ngenxa yeziposiso amadodana abantu abangabantu baka Satana. Ngenxa yokolo emnikelweni owemiswayo ka Kristu ainadodana ka Adam angaba ngamadodana ka Nkulunkulu. Ngo kutata isimilo sobuntu u Kristu waba pakamisa abantu. Abantu abawayo babekwe endaweni, lapo, ngenxa yokuhlangana no Kristu bangaba nako ngokweqiniso ukulifanela igama lokuba “ngamadadana ka Nkulunkulu.”

[9] Utando olunje, aluna kulinganiswa. Abantwana be Nkosi epezulu! Isetembiso esihle! Imbangi yokutetelelwa okukulu! utando olungena kulinganiswa luka Nkulunkulu ngenxa yelizwe elalingam-tandi! Lomcabango unamandhla awehlulayo pezu kompefumlo, uleta umeabango ekwazeni intando ka Nkulunkulu. Ikona oku sibhekisisa isimo sobu Nkulunkulu ekukanyeni kwesi Pambano ngo kuba ikona oku sibonisa umusa, ukutamba, nokutetelelwa kuhlangene nokulingana no ku lunga, ngo kuba ikona sibona ngokuso bala ubufakazi obungabalekiyo botando olungenamkaulo, nomunyu owedhlula usizi lokukala kuka nina ngenxa yomntwana olahlekileyo.

“Zonke izibopo zobuntu zingafa,
Isi Hlobo nesihlobo zingetembani.

²Heb. 2. 11.

¹Johani 3. 1.

Onina bayeke ukwondhla ababo;
Izulu nomhlaba ekupeleni kususwe,
Kodwa akuko kupenduka
Okungafikela utando luka Jehova.”

[10]

IZIHLOHO 2—UKUFUNWA KUKA KRISTU NGU MONI.

Umuntu ngemvelo wanikwa amandhla amakulu nomqondo obluzeke kahle. Wayefezekile esimweni sake ezwana no Nkulunkulu. Imicabango yake yabe icwengile, imiqondo yake icwebile. Kodwa ngenxa yokungalaleli amandhla ake apendulwa, kwati ukuzidhla kwatabata indawo yotando. Indabuko yake yababutakataka kangaka ngenxa yeziposis nje gokuba kwamenqabela, ngalamandhla ake, ukuwahlula amandhla esono. Wenziwa otunjweyo ngu Satana, ongabe wahlala kulesosimo ngonapakade, uma u Nkulunkulu akalamulanga ngempela. Kwakulicebo lomlingi uku cita icebo la Pezulu endabukweni yomuntu, agcwalise izwe ngosizi nencitakalo. Azeke akombe kulolonke lolusizi njengesitelo somsebenzi ka Nkulunkulu ekudaleni Kwake umuntu.

[11] Esimweni sake sokungabi nasono, umuntu wayeba nenhlango ezimnandi Naye “Ekufihlwe kuyo yonke imicebo yokuhlakanipa nokwazi.”¹ Kodwa ngemva kwesono sake, akazange abe esatola ukutokoza ekuewebeni, wafuna uku catya ebusweni buka Nkulunkulu Sisenjaloke isimo senbliziyo engakenziwa ngokutya. Aivumelani no Nkulunkulu, ingetokoze ekuhlanganeni Nave, Umoni akanako ukutokoza pambi ku ka Nkulunkulu angagoba enhlango weneni yaba ngcwele. Uma eben- gavunyelwa ukungena ezulwini kungenike ntokoza loko kuye, Umoya wotando olungazidhliyo olubusa lapo,—zonke inhliziyo zivumelana nenhliziyo yo Tando olungapeliyo—akutinti mtambo ozwayo empefumulweni wake. Imicabango yake, intokoza yake, imiqondo yake, ingaba ugeyasemzini kuleyo ebusa labo abangenasono abahlala kona. Angaba ligama elingakali kahle entokozweni yase. zulwini. Izulu, kuye, lingaba indawo yenhlupeko; augafisa ukufihlwa Kuye ongukukanya kwalo nompakati wentokoza yalo. Akusiwo umteto wokuzibusa ngaku Nkulunkulu, okipa abakohlakeleyo ezulwini; bavaelwa ngokungafaneli kwabo

¹Kolose 2. 3.

ubudhlelana balo. Ukukazimula kuka Nkulunkulu kubo kungaba ngumlilo otshisayo. Bangatetelela uku citakala, ukuze babenokufihlwa ebusweni Bake owafela ukubahlenga.

Kulukuni kiti, ngokwetu, ukupepa esigodini sesono esitshone kuso. Inhliziyo zetu zikohlakele, asinako ukuzipendula. “Ubani ongaveza okuhlangezile entweni engahlangezanga? Qa namunye.”¹ “Umcamango wenyama u isita ngaku Nkulunkulu; ngoba awulaleli umteto ka Nkulunkulu, nangeqiniso ungenako ukuba njalo.”² Imfundo, ukukanyiswa, ukusebenzisa intando, imizamo yobuntu; konke loku kunendawo yako ekufanele, kodwa lapa akunamandbla. Kungasiveza isimo sanga pandble sokupelela kokuzipata kahle, kodwa akunako ngokungafaneli kwabo ubudhlelana balo. Ukukazimula ukupendula inhliziyo; akunakucwebisa imitombo yokupila. Kufanele ukuba kube kona amandhla asebenza ngapakati, ukupila okutsha okuvela pezulu, ngapambi kokuba abantu bapendulwe esonweni basiwe ekucwebeni. [12]

Lawomandhla angu Kristu. Umusa Wake wodwa ungapilisa imicamango engapilile yompefumulo u idonsele ku Nkulunkulu, ekucwebeni. Umsindisi wati. “Uma umuntu engazalwanga ngokwangapezulu,”—ngapandhle kokuba amukele inhliziyo entya, in-fiso ezintya, amacebo, imiqondo, edonsela ekupileni okutsha,—“akanakububona ukukosi buka Nkulunkulu.”¹ Umcamango wokuti kufanele ukuba sikulise ukulunga okukona emuntwini ngendabuko, ungukukohlisa okubulalayo. “Umuntu ngendabuko akazamkeli izinto zomoya ka Nkulunkulu; ugoba zingubuula kuyena; engenako futi nokuzazi, ngokuba zibhekisele ezintweni zomoya.”²

“Ningamangali ngoba ngiti kini kufanela ukuba, Nizalwe ngokutsha.”³ Ngo Kristu kulotywe. “Kuye kwakukona ukupila; naloko kupila kwaba ukukanya kwabantu.”⁴ Nge Lake kupela “igama ngapansi kwezulu elinikwe ebantwini ekungalo sifanele ukusinda.”⁵

¹Job. 14. 4.

²Rom. 8. 7.

¹Johane 3. 3.

²1 Kor. 2. 14.

³Johane 3. 7.

⁴Johane 1. 4.

⁵Izenzo 4. 12.

Akwenele ukubona umusa wotando luka Nkulunkur isisa, ukutamba kobuyise okusesimilweni Sake. Akwanele ukubona ukuti usekwe pezu kwesimo esingapeliyo sotando. U Paule umpostoli wakubona konke loku umawayeti, “Ngiyavuma emtetweni olungileyo.” Kodwa, wenezela, ebuhlungwini bompefumulo wake obuhlungu ongenatamba, “Ngi inyama, ngitengiswe ngapansi kwesono.”⁶ [13] “Wayelangazelela ukusweba, uku lunga, owa engenamandhla ngokwake ukukufumana, wakala epumesela eti.”¹ “Hai umuntu olusizi enginguye! Ngubanina oyakungikulula kulomzimba wokufa?” Sinjalo isikalo esenyuke sivela ezinkliziweni ezisindwaye, Kuwo wonke amazwe nakuzo izikati. “Kubo bonke kukona impendulo inye.” “Bbeka i Undhlu like Nkulunkulu elisusa isono sezwe.”²

Miningi imifanekiso u Moya ka Nkulunkulu owayeqope ngayo ukubonisa no kufanekisa leliqiniso, ulenze libe sobala emipefumulweni efisa ukukululwa emtwalweni wesono. Okwati emva kwesono sake ekn kohliseni u Esau, u Jakobe wabaleka ekayeni lika yise, wayehlulwe ngumcamango wesono. Eyedwa esengolahliweyo njengaloku wayenjalo, ehlukaniswe nako konke okwenze ukupila ukuba kube mnandi, umcamango owodwa ongapezu kwayo yonke imicamango owawucindezele umpefumulo wake kwaku ngukwesaba ukuti isono sake simnqamulile ku Nkulunkulu, nokuti a ba se zulwini se be mdlile. Ekudabukeni walala pansu ukupumula emhlabeni oze, ezungezwe izintaba kupela pezulu kulizulu likanya izinkanyezi. Esalele kwavela ukukanya okueha kwavela isiboniso sake; bonake etafeni ayelele kulona, izinyatelo ezibanzi ezingabonakaliyo zabonakala zenyuka ziyakulo isango lezulu, napezu kwalo izitunywa zika Nkulunkulu zenyuka, zebra, kanti, ekukazimleni okungapezulu, izwi lobu Nkulunkulu lezwakala ngesitunywa sentokozo netembn. Kwaziswa ngaloluhlobo ku Jakobe loko okwahlangabezana nenswelo nokulangaza kompefumulo wake,— Umsindsi. Ngentokozo nangokubonga kwembulwa indhlela okwati ngayo vena umoni abuyiselwe ebudhlelananeni no Nkulunkulu. [14] Isinya- telo esicushileyo sepupo lake sasi bonakalisa u Jesu, okunguyena sikwelo kupela sokuhlangana pakati kuka Nkulunkulu nomuntu. Yiso lesi isibonakaliso owayekuluma ngaso u Kristu

⁶Roma 7. 16, 12, 14.

¹Rom 7. 24.

²Johane 1. 29.

enkulumeni yake no Natanyeli uma wayeti “Niyakulibona izulu livuleka, izitunywa zika Nkulunkulu zenyuka zehla pezu kwe Ndodana yomuntu.”¹ Ngokuhlubuka, umuntu wazahlukanisa no Nkulunkulu: umuntu wanqanyulwa ezulwini. Akubangako ndhlela yokuhlangaua kulelogeba elikulu elali pakati kwabo. Kodwa ngenxa ka Kristu umhlaba ubuye wahlanganiswa nezulu. Ngemisebenzi Yake u Kristu wenza ibuloro kuleligeba elalennziwe isono, ukuze izitunywa ezikonzayo zibenokuhlanga ua nomuntu. U Kristu uhlanganisa umuntu owileyo ebutakatakeni bake nokungabi nakusiza kwake, nomtombo wamandhla angapeliyo.

Kodwa ayilize amapupo abantu okuqubekela pambill, iyilize imizamo yokupakamisa uluntu uma bedela umtombo owodwa wetemba, nosizo esizweni esiwileyo. “Sonke isipo esihle nasosonke isipo esipeleleyo”² sivela ku Nkulunkulu. Akuko ukupelela kweqiniso esimilweni kungeko Kuye.

Kupela indhlela eya ku Nkulunkulu ngu Kristu. Uti: “Ngi indhlela, iqiniso, nokupila: akako umuntu oza ku Baba ongezi Ngami.”³

Inhliziyo ka Nkulunkulu iyakala ngabantwana Bake abasemhlabeni ngotando olunamandhla kunesifo. Ekunikeleni Kwake i ndodana Yake usitelele lonke izulu ngesipo sinye. Ukupila ko Msindisi, nokufa, nokulamula, ukukonza kwezingelosi, ukuncenga kuka

[15]

Moya. U Yise esebenza ngapezu kwako konke nangakokonke intokozo engapeliyo yabasezulwini, konke loku kubalelwa ekusindisweni kwomuntu.

O! masicamange umnikelo o isimangaliso owe nzelwa tina! Masilinge ukutokoza umsebenzi namandhla awenziwe lizulu ukubuyisa abalahlekileyo, libabuyisele endhlini ka Baba. Imiqondo enamandhla kuuale, nezisebenzi ezinamandlila kunalezi zazingesetyenziswe,—imivuzo emikulu kakulu enikezelwa abenza okulungileyo, intokozo yezulu ibandhla lokuhlangana nezitunywa, ubudhlelana notando luka Nkulunkulu ne Ndodana Yake, ukupakama nobubanzi bawo onke amandhla etu kuwo onke amapakade,— loku konke akusizo ini izinxuso ezinamandlila, nezikutazo, ukusinxusela

¹Johane 1. 15.

²Jakobe 1. 17.

³Johane 14. 6.

nkuba sinike inhliziyo umsebenzi otandekayo ku Mdali wetu, no Msindisi wetu.

Ngako lunye uhlangoti, izahlulo zika Nkulunkulu ezen-zelwa isono, nemivuzo engenakupetshwa, ukuhlaziseka kwezimilo zetu, nokutshatshalaliswa kokugcina, zibonakaliswa elizwini lika Nkulunkulu ukusiyala ukuba singangeni emsebenzini ka Satana.

Asi ikuwubuka umusa ka Nkulunkulu? Wayengenzani ngapezu kwalolu? Masizibeke ebuzalwaneni obuqondile kunye nave owasitanda ngotando olu mangalisayo, masiwatate amatuba esenzelwe wona, ukuze sipendulwe sifaniswe Nave. Sibuyiselwe ebudhlelaneni nezitunywa ezikonzayo, ekuzwaneni, nasekuhlanganeni no Yise ne

[16] Ndodana.

IZIHLOHO 3—UGUQUKO

Umuntu angalunga kanjani ku Nkulunkulu? Umoni angalungiswa kanjani? Kungo Kristu kupela, angaletwa ekuzwaneni no Nkulunkulu nobungcwele; kodwa singeza kanjani ku Kristu na? Bangingi ababuza lowombuzo, njengaloku senzenjalo isixuku ngosuku lwePentikosi, lapo, sesihlatyiwe isono, samemeza sapumesela sati:— “Siyakwenzenjani?” Izwi lika Petros lokuqala lempendulo lati “Guqukani.” Kwesinye isikati, ngemva kancane, futi wati: “Guqukani nependulwe ukuze izono zenu zesulwe.”¹

Ukuguquka kuhlenganisa ukudabuka ngenxa yesono, nokupenduka kusona. Asiyi kusenqaba isono ngapandhle kwokuba sibone ububi baso; uma singapendukanga kuso ngenhliziyo, akunakubakona ukupenduka kwempela ekupileni.

Bangingi abehluleka ukuqonda isimo seqiniso so kupenduka. Bangingi abadabukiswa ukuba bonile, benze isibonakaliso sangapandhle sokupenduka, ngoba besaba ukuti ukwenza kwabo okubi kuyakuleta inhlupeko kubona. Kodwa ke pela loku akusiko ukupenduka okukulunywa ngako esi Balweni. Bakalela inhlupeko, kunoma bakalele isono abasenzile. Kwabe kunjalo ke ukudabuka kuka Esau uma ebona ukuti ubuzibulo bake bulahleke ngonapakade. U Balamu esabiswa isituny- wa esabe simi endhleleni siveze inkemba, wavuma isono sake esaba ukulahlekelwa ukupila kwake; kodwa kwabe kungeko ukupenduka kwesiminya, kungeko ukuguquka okuqonde nto, kungeko ukuzonda ububi. [17]

U Judas Iskarioti emva kwokunikela i Nkosi wakala wati “Ngonile ngaloku, ngokuba nginihele igazi elingenasono.”¹ Ukuvuma kwabe kuqutywa kuvela empefumulweni onecala, kupetwe luvulo olukulu lokuzilahla, nokwesaba okukulu okulindele ukulahlwa okuzayo. Loko okwabe kuzakulandela ukwona kwake kwamgcwalisa ngokwesaba; kodwa kwabe kungeko ukudabuka kwenhliziyo okujulileyo, ukudabuka kwenhliziyo enosizi empefumulweni wake,

¹Izenzo 2. 38; 3. 19.

¹Mat. 27. 4.

kwokuti unikele nge Ndodana ka Nkulunkulu eng na bala, wampika o ingcwele ka Israel. U Faro, lapo ehlupeka pansi kwezahlulelo zika Nkulunkulu, wavuma isono sake enzela ukuba apepe ukujeziswa futi, kodwa wapindela kuko ukwedelela i Zulu masinyane ngemva kokususwa kwezitshayo zake. Konke loku kwabe kungukukalela loko okuvezwa isono, kodwa kungesiko ukudabuka ngenxa yesono uqobo lwaso.

[18] Kodwa lapo inhliziyo ivuma, ivumela amandhla o Moya ka Nkulunkulu—isazelo siyapila, umoni abonise kahle ukujula, nokusweba komteto ka Nkulu nkulu ongcwele, nesiseko soMbuso wake ezulwini nasemhlabeni—Ongu: “Kukanya okukanyisa wonke umuntu ozayo elizweni,”² okukanyisa izindawo ezifihlakeleyo zobumnyama zivezwe ekukanyeni—Ukuzibekicala kufike kuhlale emcamangweni nasenhliziyweni. Umoni atole ukwazi ngokulunga kuka Jehova, ezwe ukwesaba kumfikela, kokuba abonakale, esese macaleni ake nasekungcoleni, pambi kwalowo umPenyi wezinhliziyo. Ubona utando luka Nkulunkulu, nbuhle bobungewele, ukutokoza kokueweba; afise ukuhlanzwa, abuyiselwe ebudhlelaneni ne Zulu.

Umkuleko ka Davide emva kwokuwa kwake utyenisa isimo sokudabuka kweqiniso ngenxa jesonu. Ukupenduka kwake kwabe kungokwesiminya kujulile. Kwabe kungeko mzamo wokuncipisa isono sake; kungeko sifiso sokubalekela ukwehlulelwa okwabonakala emkulekweni wake. U Davide wabona ubukulu besiposiso sake; wabona ukungcola kwompefumulo wake; wavedabuka ngenxa yesono sake. Akakulekelanga ukutetelelwa kupela, kodwa wakulekela ukucweba kwenhliziyo. Walangazelela intokoza yobungewele,—ukuba abuyiswe, abuyiselwe ebudhlelaneni. nase nhlanganweni no Nkulunkulu. Nalu ulimi lompefumulo wake:—

“Ubusisiwe oziposiso zitetelelweyo, osono simboziweyo.

Ubusisiwe umuntu i Nkosi engabaleli kuye ukwona.
Nase moyeni wake ekungeko ku kohlisa.”

“Yiba nesirau pezu kwami, O Nkulunkulu, njengokomusa
Wako otandekayo;
Njengobuningi bomusa Wako otambileyo, yesula iziposiso zami..

²Johane 1. 19.

Ngokuba ngiyazivuma izono zami; isono sami sihlala njalo
 sipambi kwami
 Ngihlanze ngo hisope, ngiyakuhlazeka; ngigeze, ngiyakuba
 mhlope ngapezu kweqwa
 Dala kimi inhliziyo emhlope, o Nkulunkulu;
 Wenze mutsha umoya olungile pakati kwami.
 Ungangilahli ebusweni Bako;
 Ungamsusi U Moya Wako O ewebileyo kimi.
 Buyisa kimi intokozo yokusindisa Kwako;
 Nngipakamise ngo Moya Wako ovamileyo
 Ngikulule ezonweni zegazi, O Nkulunkulu, Wena ungu [19]
 Nkulunkulu wokusindiswa kwami.
 Ulwimi lwami luyakulilabelela kakulu ubulungisa Bako.”¹

Upenduko olunjengalolu lungapezu kwamandbla etu ukuba silwenze; luzuzwe kupela ku Kristu. owenyuka waya pezulu wanika izipo kubantu.

Kukulendawo ke lapo iningi lifike liposise konar ngenxa yaloko lahluleke ukwamkela usizo u Kristu afisa ukubanika Iona. Bocamanga ukuti abanako ukuza ku Kristu ngapandlile kokuba baqale ngokupenduka, nokuti upenduko ilona lulungisa indhlela yokutetelelwa kwezono zabo. Kuliqiniso ukuti upenduko luham-bela pambili ukutetelelwa kwezono; ngoba inhliziyo eyapukileyo. nependukayo kupela eyakuzwa ukufuneka ko Msindisi. Kodwa kuswelekile ini ukuba umoni alinde aze apenduke ngapambi kokuba abe nokuza ku Jesu? Ukupenduka kuswelekile ini ukuba kwenziwe isitintelo pakati komoni no Msindisi na?

I Baibele alifuudisi ukuba umoni ufanele ukupenduka ngapambi kokuba asamkele isimemo sika Kristu, “Wozani kimi, nonke nina enisebenzayo, nisindwa imitwalo, ngiyakuninika ukupumula.”² Kungamandhla avela ku Kristu arolela ekupendukeni kweqiniso. U Petrosi walucasisa loludaba enkulumeni yake nabakwa Israeli, uma waeti, “Yena u Nkulunkulu umpakamisile ngesandhla Sake sokunene ukuba abe iNkosi, u Msindisi. ukuba anike npenduko ku Israeli, nokutelelelwa kwezono.”³ Asinako ukupenduka ngapandlile

¹Ps. 1. 2; 51. 1-4.

²Matt. 11. 28.

³Imisebenzi 5. 31.

[20] ko Moya ka Kristu ovusa umqondo wetu. njengaloku singenako ukutetelelwa ngapandhle kuka Kristu.

U Kristu ungumtombo wayo yonke imicamango elungileyo. Uye kupela kwake ongatyala enhliziyweni ubuta besono. Yonke infiso veqiniso nokucweba, konke ukuhlabeka ngazo izono zetu, kuugubufakazi bokuti u Moya Wake uyahamba pakati kwezinhliziyu zetu.

U Jesu wati, “Mina, uma sengi pakanyisiwe, emhlabeni, ngiyakubadonsa bonke abantu beze kimi.”¹ U Kristu ufanele ukuba abonkaliswe ku moni njengo Msindisi ofayo, efela izono zelizwe; nanjengokuba si i bona iNdodana ka Nkulunkulu pezu kwesipambano sase Calvari, imfihlakalo yokusindiswa iqafa nkuvuleka emcamangweni yetu, nobulungisa buka Nkulunkulu busiholela eku-pendukeni. Ekufeni ngenxa yaboni, U Kristu, wabonakalisa utando olungena kuqondwa, okuti uma umoni ebona lolutando, lutambise inhliziyu, luhlale enhliziyweni, lukanyise ukupenduka embefumulweni.

[21] Kuliqiniso ukuti ngesinye isikati abantu baba— namahloni ngenxa yendhlela zabo ezikohlakeleyo, ba i yeke eminye imikuba yabo emibi, ngapambi kokuba baqonde ukuba baholelwa ku Kristu. Kodwa uma belinga ukupenduka, ngenxa yemfiso epeleleyo yokwenza okulungileyo, kungenxa yamandhla ka Kristu abadonsayo. Amandhla abangawaqondiyo asebenza emipefumulweni yabo, ingqondo ipiliswe, nokupila okungapandhle kupendulwe. Ati u Kristu uma ebadonsa ukuba babheke esipambanweni Sake, ukubona Yena owahlatywa izono zabo, kufike ke isiyalo emiqondweni yabo. Ukukohlakala kokupila kwabo, nesono esizikileyo empefumulweni sibonakaliswe kubo. Baqale ukuqonda ngobulungisa buka

Kristu, bamemeze ngokuti, “Si ini isono, ukuba sifune umnikelo ongaka ukuba kuhlengwe lowo esimbambileyo? Lonke lolutando, konke lokukuhlupeka, konke loku kuzitoba, kwabiza ukuba siugafi; kodwa sibe nokupila okupakade ?”

Umoni angalweuqaba lolutaudo, enqabe ukuholelwa ku Kristu; kodwa uma engenqabi, uyakuholelwa ku Jesu; ukwazi kwecebo lokusindiswa kuyakumholela enyaweni zesipambano ependukile

¹Johane 11. 33.

ezoneweni zake, ezabangela izinhlupeko ze Nnodana ka Nkulunkulu etandekayo.

Ngulowomqondo wobu Nkulunkulu osebenza pezu kwezinto zendabuko okuluma ezinhliziyweni zabantu, odala ukulangaza okuqandekayo kokufumanisa loko esingenako, izinto zezwe azinako ukukolisa loko kulangaza kwazo. U Moya ka Nkulunkulu uyasinxusa ukuba sifune lezozinto ekukupela kwazo ezinganika ukutula nokupumula,—umusa ka Kristu, intokozo yokucweba. Ngemisebenzi ebonakalayo, nengabonakaliyo, U Msindisi wetu u sebenza njalo ukudonsa imiqondo yabantu kulezontokozo ezinga kolisiyo zesono aise ezibusisweni ezingapeliyo ezingaba ngezabo Kuye. Kuyo Yonke lemipefumulo, efuna ezeni ukupuza emitonjeni eyapukileyo yalelizwe kutunyelwa loludaba lwa Pezulu. “Lowo womileyo makeze. Nalowo otandayo makapuze amanzi okupila ngesisa.”¹

Nina enifisa ngenhliziyo ukufumanisa okungcono kunaloko eningakunikwa ilelizwe, kuqondeni loku kulangaza njengelizwi lika Nkulunkulu emipefumlweni yenu. Mceleni ukuba aninike ukupenduka okubonakalisa u Kristu kini otandweni Lwake olungapeliyo ekucwebeni Kwake okupeleleyo. Ekupileni ko Msindisi izihloko zomteto ka Nkulunkulu—utando luka Nkulunkulu kumuntu kwalanekiswa ngokupeleleyo. Ubulungisa, notando olungazidhliyo kwakungukupila kompefumulo Wake. Kunjengaloku simbona Vena, njengaloku ukukanya okuvela ku Msindisi wetu kuwela pezu kwetu, okubangela ukuba sibone ukukohlakala kwezinhliziyzo zetu.

Singabe siyazikohlisa njengaloku enze njalo u Nikodemu, uma siti ukupila kwetu bekuhamba kahle, ukuba izimilo zetu zibe silungile, nokuti akuswelekile ukuba sizitobe izinhliziyzo pambi kuka Nkulunkulu, njengomoni wempela; kodwa lapo ukukanya okuvela ku Kristu kukanya emipefumlweni yetu, siyakubona ukungcola kwetu; siyakubona imiqondo engalungile engubuta ku Nkulunkulu engcolise sonke isenzo sokupila kwetu. Kukona siyakubona ke ukuti ubulungisa betu ngempela kungamanikiniki augcolileyo, nokuti igazi lika Kristu kupela elingasihlanza ekungcoleni kwesono, lenze zintsha inhliziyzo zetu ngomfanekiso Wake.

¹Isam. 22. 17.

[23] Umsebe munye wo ku kazimula kuka Nkulunkulu ukukauya okukodwa kokucweba kuka Kristu, kubhobosa imipefumulo kwenze kubonakale kabuhlungu lonke icapaza lokungcola, kwenze kube solubala ubu gwegwe nokuputa besimilo simnatu. Kwenze kubesolubala izimfiso ezingacwebile. ukungakolwa kwenhliziyo, ukungcola komlomo. Izenzo zomoni zokungatobi ngokwenza ize umteto ka Nkulunkulu zivezwa obala emehlweni ake, umoya wake utshayeke, ubese kuhlupekeni pantsi kwamandhla apenyayo uMoya ka Nkulunkulu. Uyazisola uma ebona isimilo esiewebile esingena capaza sika Kristu.

U Mprofiti u Daniel ekuboneni kwake ukukazimula okwakuzungeze isitunywa sezulu esabe situnyelwe kuye, wanqotywa isazelo sobutakataka bake, nokungapeleli. Ebalisa okwamvelelayo ekuboneni kwake lesisimmangaliso, uti, “Akusalanga mandhla kimina; ngoba ukufaneleka kwami kwapenduka kwaba ukubola kimina, angaze ngasalelwa mandhla.”¹ Umpefumulo otinteki kanje uyakuzonda uknzidhla kwawo, uzonde ukuzitanda kwawo uyakufuna, ngabo ubulungisa buka Kristu, ukuhlanzeka kwenhliziyo okuvumelana, oknzwana nomteto ka Nkulunkulu nesimilo sika Kristu.

U Panle uti, “ngokupata ebulungiseni okukuwo umteto,”—njengokubonakala kwezenzo ezingapandhle, — wayenge “nacala;”² kodwa lapo sekuqondwe umteto wesimilo sobumoya wazibona engumoni. Ehlulelwa libala lomteto, njengaloku abantu bekomba ekupileni okungapandhle, wasizila isono; kodwa lapo eselebuka ekujuleni kwemfundiso zawo ezingcwele ezijul'Heyo, ezibona njengaloku u Nkulunkulu embonayo, wazilahla pantsi ngokutobeka, wasivuma isono sake. Uti, “Ngangipilile ngapandhle komteto okanye; kodwa ekufikeni kwomyalelo, isono savuka, mina ngafa.”³ Ekuboneni kwake isimo somteto ngokomoya, isono sabonakala ekwesabekeni kwaso kweqiniso, kwati ukuzincoma kwapela.

[24] U Nkulunkulu akazibuki izono zonke ngokuti zilingana ngokufanayo; kukona izigaba zokona ekubukeni Kwake, njengaloku kunjalo nasebantwini; kodwa noma sibouakala sisincane ngokungakanani lesi noma ilesiya emehlweni abantu, akuko sono esincane emehlweni ka Nkulunkulu. Ukwahlula komuntu kunxanye

¹Dan. 10. 8.

²Phil. 3. 6.

³Rom. 7. 9.

kuyaketa, akupelele; kodwa u Nkulunkulii uzilinganisa zonke izinto njengaloku zinjalo. Isidakwa siyadelwa, sityelwe ukuba isono saso siyakusivalela ezulwini; kanti ukuzidhla, ukuzigabisa, ukunqwena kuvamisa ukuyekwa kungakuzwa. Kodwa lezi izono ezingatandekiyo kakulu ku Nkulunkulu; ngoba zipambene nokulunga kwesimilo Sake, kulo lolutando lokungazidhli olungenawo umoya wezwe eliwileyo. Lowo owela kwezinye zalezozono ezimbi angaba nokuliqonda ihlazo lake nobumpofu, nokuswela kwake umusa ka Kristu; kodwa ukuzidhla akuzwa kuswela, ngakoke kuvala inhliziyo ngakuye u Kristu, nakuzo izibusiso ezingapele ndawo Owayeze kuzinika.

Umbuti wo mnikelo onosizi owakuleka ngokuti “Nkulunkulii yiba nomusa kimina umoni,”¹ wayezibuka njengomuntu okohlakeleyo kakulu, nabanye bembuka ngaloko kukanya; kodwa wakuzwa ukuswela kwake, nangalowomtwalo wokona, nehlazo, weza pambi kuka Nkulunkulu ecela umusa Wake. Inhliziyo yake ya iwuvulekele u Moya ka Nkulunkulii ukuba wenze umsebenzi wawo. umkulule emandhleni esono. Umkuleko wokuzibonga, wokuzidumisa wom’Farisi wabonisa ukuba inhliziyo yake ivalekile ngakuwo amandhla o Moya oyi Ngcwele. Ngokuba ngenxa yobude buka Nkulunkulu wayengenakuqonda ngokungcola kwake okupambene nokupelela kobungcwele ba Pezulu. Wayengenako ukuswela ngakoke wayengena kwamkela luto.

[25]

Uma ubona ukukolilakala kwako; musa ukulindela ukuba uzenze muhle wena. Bangingi kangakanani abacamanga ukuba abafanele ukuza ku Kristu. Nicamange ukuba ugcono ugemizamo yenu! “U Mtiyopiya angasi pendula isikumba sake, mhlaumbe ingwe ingawapendula amabala ayo? Ningaba nakoke nani ukwenza okulungileyo enejwayele ukwenza okubi.”¹ Kukona ukwelekeleleka kitina kupela kuye u Nkulunkulu. Akuswelekile ukuba silinde izinxuso ezinamandhla, amatuba angcono, mhlaumbe indawo ezingcwele. Asinakwenza luto ngokwetu. Kufanele size ku Kristu njengaloku sinjalo.

Kodwa akungabiko abazikohlisayo ngomcamango wokuti u Nkulunkulu, otandweni Lwake olukulu nomusa omkulu angase abe

¹Luke 17. 13.

¹Jer. 13. 23.

nokusindisa nalabo abenqaba umusa Wake. Ukonakala okudhlulisile kwesono kunga linganiswa kupela ekukanyeni kwesi Pambano. Uma abantu bekuluma ngokuti u Nkulunkulu ulunge kakulir akanakusilahla isoni ababheke e Kalivari. Kwakungenxa yokuba ya ingeko enye indhlela owayengasinda ngayo umuntu ngokuba ngapan dlile komnikelo kwakunqabile ukuba uluntu lusinde emandhleni angcolisayo esonor abuyiselwe ebudhlelaneni nabangwele,—Kwakubanqabele futi ukuba babe ngabadhlelane bokupila komoya,—kwakungenxa yaloku ati u Kristu wawatatela pezu Kwake amacala alabo abangalaleliyo, ngokuhlupeka esikundhleni somoni. Utando, nokuhlupeka, nokufa kwe Ndodana ka Nkulunkulu konke kuyafakaza ubukulu bokwesabeka kwesono, kushumayela ukuti akuko ukupepa emandhleni aso, akuko temba lokupila oku, [26] ngapezulu; kodwa ngako ukuzitoba kompefumulo ku Kristu.

Abangazisolioyo ngesinye isikati bazitetelela ngokukuluma ngamakolwa bati, “O nami ngilunge njengabo nje. Nabo abahlali ngokuzitoba, ngokungapuzi, mhlaumbe bahlale bezilindle ezimilweni zabo ngapezu kwami. Bayatanda intokozo nokuzijabulisa njengami.” Ngokunjalo benza amacala abanye isitetelelo ngenxa ye ziposiso ngo msebenzi wabo. Kodwa izono, izikope zabanye aziteteleli muntu; ngokuba i Nkosi a isinikanga umfanekiso wenyama oposisayo. I Ndodana engenacapaza ka Nkulunkulu yanikwa njengomfanekiso, nalabo abatata ngendhlela engalungile yalabo abati banga makolwa, ngalabo abafanele ukubonisa ukupila ngcono. nemifanekiso emihle. Uma benomqondo opakeme kangaka waloko elifanele ukuba iko ikolwa, esabo isono akubonakali ukuba sikulu kakulu kunaloku? Bayakwazi ukwenza okulungileyo, kanti noko bayenqaba ukukwenza.

Xwayani ukubuyisela emva izikati. Musani ukubu yisela emva umsebenzi wokuyeka izono zenu nifune ukucweba kwenhliziyo ngaye u Jesu. Ilapa ke lapo inkulungwane zaposisa kona zalahleka okokupela. Angisoze lapa ngakuluma kakulu, ngobufnshane nangokungabazeka kokupila; kodwa kukona ingozi eyesabekayo,—ingozi engaqondwa ngokwaneleyo—uku libala ukuvuma elizwini elinxusayo loMoya oyi Ngewele ka Nkulunkulu, ukuketa ukuhlala esonweni; ngoba ke nem pela ukulibala kukuluma loko. Isono, noma sibukwa sisincane kangakanani singenziwa kube loko ukulahleka

kompe fumulo okungenakupela. Okungehluliwe kuyakwehlula tina, kusebenze ukutshabalala kwetu. [27]

U Adam no Eva bazikohlisa ngokuti odabeni oluncane kangaka olunje ngokudhla umuti owawenqatyawe, akunakavela udaba olubi kangaka njengalolo olwashumayelwa ngu Nkulunkulu. Kodwa loludaba oluncane lwalungu kweqa umteto ka Nkulunkulu ongapendukiyo, nocwebileyo, lwamehlukanisa umuntu ku Nkulunkulu, lwavula amasango omsinga okufa, nosizi olungakulumekiyo ezweni letu. Tzikati ngezikati kwenyukile kuvela emhlabeni wetu, ukukala okungayekiyo kokuzila, nayoyonke indalo yabubula, isosizini olukulu ndawonye nobuhlungu, njengempumelelo yokungalaleli komuntu. Izulu ngokwalo labuzwa ubuhlungu bokuhlubuka komuntu ku Nkulunkulu. I Kalivari emiyo njengesikumbuzo somnikelo omangalisayo owafunekayo ukuhlenga loko okwakulahlekile ngokweqa nmteto wa Pezulu. Isono masingasibheki njengodaba oluize.

Sonke isenzo sokwapula nmteto, konke ukunganakekeli mhlaumbe ukwenqaba umusa ka Kristu, kubuye kubuyele kuwe, kwenze lukuni inhliziyu, kutshonisa utando, kupelisa umqondo, kungakwenzi ukuba wenqabe ukuvuma kube kupela, kodwa kukwenza ukuba ungabi nawo amandhla okuvuma, ekunxuseni okutabileyo ko Moya oyi Ngewele ka Nkulunkulu.

Banengi abatanda ukutulisa isazelo ngomcamango wokuti bangapendula indlilela ekohlakeleyo uma betanda; ukuti bangadhlala ngezimemo zomusa, baze Ba pinde uku ganda njalo. Bacamanga ukud bangeti ngemva kokudela u Moya womusa, ngemva kokulahla amandhla abo ngasecaleni lika Satana, ngomzuzwana wokutshetshisa masinyane bangapendula indlilela yabo. Kodwa loku akwenzeki kalula. Ukwazi, imfundo, yakokonke ukupila isibumbe ngokupeleleyo isimilo kangangokuba baingcosana abatanda ukwamkela umfanekiso ka Jesu. [28]

Noma umunye umucu omubi esimilweni, imfiso eyodwa eyonakeleyo ehlale yongiwa ngasosonke isikati, uyakuhamba uhamba uwenze ize onke amandhla e Vangeli. Yonke intokozo embi iqinisa ukufulatela kompefumulo ku Nkulunkulu. Umuntu obonakalisa ubulunkuni bokungakolwa, mhlaumbe ukungalitandi okugxilileyo iqiniso la Pezulu, uvuna isivuno saloko akuhlwayeleyo yena ngokwake. Kulolonke i Baible asiko isiyalo esesabeka ngapezu kwalesi

esiyala ekudhlaleni ngesono kunalamazwi omuntu ohlakanipile, okuti umoni “uyakubanjwa zintambo zezono zake.”¹

U Kristu ulungele ukusikulula esonweni; kodwa leyontando kaiqubi ngamandhla; kuti ke ngokweqa umteto ngaso sonke isikati intando ngokwayo ipendukele ebubini, singeze *safisa* ukuba sikululwe, uma asivumi ukwamkela umusa Wake ini enye angayenzayo Yena? Sizonakalisile ngokwetu ngokupikelela kwetu utando Lwake. “Bheka manje isikati esivumelekileyo; bheka namlila lusuku lwosindiso.”² “Namhlanje uma nilizwa ilizwi Lake ningazenzi lukuni inhliziyo zenu.”³

[29] “Abantu babheka ukubonakala kwangapandhle, kodwa i Nkosi ibheka enhliziyweni,”⁴ —inhliziyo yomuntu; nervalo zayo ezicindezelayo, zentokozo nezosizi —ukuzula kwenhliziyo elahlekayo elikaya lokungcola nenkohliso. Uyayazi imiqondo yayo nayo imicabango, nanamacebo ayo nge rapela. Hamba uye kuye ngompefumulo wako unamacapaza unjengokuba unjalo. Njengo Mculi; vula izindhlwana zayo kulo i Lisoelibona—konke, umemeze uti:— “Ngipenye o Nkulunkulu uyazi inhliziyo yami ngi linge uyazi imicabango yami; ubone ukuba kukona ini indhlela ekohlakeleyo kimi ungirole le endhleleni eya a ku pi leni.”¹

Abaningi bamkela ubukolwa bengqondo. isimo nje sokulunga, kanti inhliziyo a ihlanzanga. Makube ukukuleka kwenu ukuti:— “Dala inhliziyo ehlanzekileyo kimina O Nkulunkulu wenze mutsha umoya oqondileyo pakati kwami”² Sebenza ngeqiniso nompefumulo wako. Zimisele uwuyenge njengaloku ungenza njalo uma umpefumulo wako usengozini. Le indaba yokuba iqedwe pakati kwako no Nkulunkulu, nompefumulo wako, iqedwe ngonapakade. Itemba elicatyangelwayo, kungeko luto olungapezulu liyakukutshabalalisa.

Lifunde, i Lizwi lika Nkulunkulu ngokutandaza. Lelolizwi libeke pambi kwako emtetweni ka Nkulunkulu wokupila kuka Kristu, izinhloko ezinkulu zokucweba ekungati. ngapandlile kwazo

¹ Imizekeliso 5. 22.

² Kor. 6. 2.

³ Heb. 3. 7. 8.

⁴ 1 Sam. 16. 7.

¹ Umhlabeleli 139. 23-24.

² Umhlabeleli 51. 10.

“kungabiko umuntu oyakubona; i Nkosi”³ Lehlula ngesono; libonakalisa ngokusobala indhlela yosindiso. Lilalele njenge lizwi lika Nkulunkulu likuluma empefumulweni wako.

Njengaloku ubona ubukulu besono, njengaloku uzibona njengaloku unjalo ngempela, musa ukupela itemba. Ngaboni eza kubasindisa u Kristu. Asimelwe ukuxolelanisa u Nkulunkulu kitina. kodwa Hai utando olumangalisayo! U Nkulunkulu ku Kristu uxolelanisa izwe kuye.⁴ Uyatshela ugo Tando Lwake olutambileyo izibliziyo zabantwana Hake abaposisayo. Akako umzali [30]

wasemhlabeni ongaba nesineke esinje namacala nesiposiso sabantwana Hake njengaloku enjalo u Nkulunkulu kulabo afuna ukubasindisa Vena. Akuko namunye ongancenga ngokutamba okungepezulu komonayo. Akuko mlomo pezu kwezake kodukileyo. Zonke izetembiso zake, izeluleko zake, zingu kupefumula kotando olungakulumekiyo.

Lapo u Satana ekutyela ukuba ungumoni omkulu, bheka pezulu ku Msindisi wako ukulume ngemisebenzi Yake. Loko okungakusiza ukubheka ekukanyeni kwake. Yuma isono sako kodwa tyela isita ukuba u “Kristu Jesu weza elizweni ukusiudisa, aboni.”¹ Nokuti u ngasindiswa ngotando lwake olungena mlinganiso. U Jesu wabuza u Simon umbuzo ngababili abanecala. O munye wayenecala enkosini yake lemali enkulu. kodwa wabatetelela bobabili u Kristu walmza ku Simon ukuti imupi kulaba abanecala owayitanda ngapezulu inkosi yake? U Simon wapendula wati:—“Yilowo emtetelele kakulu.”² Sibesi ngaboni abakulu; kodwa u Kristu wafa ukuze sisindiswe sibuyiselwe ekuzwaneni nezulu. Ubulungisa Bake bodwa bungasinika amandhla okubasibe ngabantwana baka Nkulunkulu. Labo abatetelele kakulu bayakumtanda kakulu, bayakuma eduze kakulu nesihlalo sake sokubusa ukumbonga ngenxa yotando Lwake olukulu, nomnikelo ongenamkawulo. Kunjengaloku sirjonda utando luka Nkulunkulu esingaqondisisa kahle ububi besono. Uma sibona ubude bekatangwe elehliselwa tina nalapo siqonda uto ngomnikelo ongapelendawo u Kristu awenza ngenxa yetu, inhliziyu ingancibilika itambe ipenduke. [31]

³Heb. 12. 14.

⁴2 Kor. 5. 19.

¹1 Tim. 1. 15.

²Luke 7. 43.

IZIHLOHO 4—UKUVUMA IZONO.

“Lowo owembesa izono zake kayi kupumelela: kodwa lowo ovuma izono azitshiye uyakutola umusa.”¹

Izimo zokutola umusa ka Nkulunkulii zilula zilungile azinansolo. I Nkosi a ifuni ukuba senze into embi nebuhlungu ukuze sizuze ukutetelelwa kwezono. Akuswelekile ukuba sihambe indhlela ende nedinisayo, umhlaumbe sibulale inyama ngobuhlungu, ukuyaleza imipefumulo yetu ku Nkulunkulu wezulu, mhlaumbe sizitetelele izono zetu; kodwa lowo ozivumayo, azitshiye izono zake uyakutola umusa.

U Mpostoli uti, “Vumani amacala enu omunye komunye nikulekelane ukuze nipiliswe.”² Vumani izono zenu ku Nkulunkulu, okukupela konako ukuzitetelela namacala enu omunye komunye. Uma wonile isihlobo sako mhlaumbe, umakelwane wako kufanele uvume isono sako, ku imfanelo yake ukuba akutetelele ngokukuleka. Konake ufanele ufune utetelo luka Nkulunkulu ngokuba umfo wenu omlimazileyo ungumuntu ka Nkulunkulu, ngokumlimaza kwako wone ku Menzi wake naku Msindisi wake. Icala liletwa pambi ko Mteteleli woqobo, uMprisiti wetu omkulu owati “walingwa ngazo zonke indhlela ngokufana nati, kanti akabanga nasono.” Oti futi “epetwe lusizi lokwehluleka nobutakataka betu.”¹ abenamandhla okuhlambulula kuwo onke amacapaza esono.

[32]

Labo abauga i tobi imipefumulo yabo pambi kuba Nkulunkulu ngokuvuma amacala abo, abakasigcwalisi isimiselo sokwamkelwa. Uma singakabi nako ukwazi loko ukupenduka okungahambi nokusola, uma singatanga ngokutobeka kweqiniso kompefumulo nokwapuka kwomoya sazivuma izono zetu, sa i zonda inkohlakalo yetu; asikalufuni ngokweqiniso utetelelo lwezono. Umake singazange silufune, asizange sikufumane ukutula kuka Nkulunkulu. Isizatu esibangela ukuba singatoli ukutetelelwa kwezono zesikati esid-

¹ Amazwi 28. 13.

² Jakobe 5. 16.

¹ Heb. 4. 15.

hulile ilesi kupela. ukuba singavumi ukutoba inhliziyi zetu sivumelane wezimiselo zeZwi leqiniso. Isifundiso esingapandhle srvashtnyayelwa ngaloludaba. Ukuvuma isono, ngokusobala nokuba kungase, kufanele ukuba kube okwenhliziyi kushiwo ngokusobala. Akufanelekile ukuba kube okokuqutshwa kumoni Akufanelekile futi ukuba kwenziwe ngendhlela etshetshisayo nenganakekeliyo, mhlaumbe luqutshwe ngamandhla kulabo abangakazi ngeqiniso ngesimilo esizondekayo sesono. Ukuvuma okuwukupumisela kwompefumulo pakati kuya i fumanisa indhlela eya emhawini ka Nkulunkulu ongenakupela Umhlabeleli uti, “I Nkosi iseduze kulabo abanenhliziyi ezapukileyo; iyabasindisa, abanemimoya edabukileyo.”²

Ukuvuma izono kweqiniso ku isibonakaliso esiqondileyo, kuvuma izono ezitile ngokusobala. Zingaba ezohlobo olufanele ukuletwa pambi kuka Nkulunkulu yedwa; Kungaba kona izono ezifaele ukuvunywa kulabo abahlupekile ngenxa yokwenziwa kwazo, mhlaumbe zingaba ezisobala, zidinga ukuba zivunywe ngokusobala. Kodwa konke ukuvuma izono kufanele ukuba kuqonde kucije, kube ukuvuma zona lezo zono uqobo esinecala ngazo.

[33]

Ezintsukwini zika Samuyeli, ama Israyeli ednka ku Nkulunkulu. Ahlupeka ukujeziswa kwezono: ngokuba ayelahle ukukolwa kwawo ku Nkulunkulu, alahlekelwa kukuqonda kwawo amandhla Ake noku hlakanipa kwake kokubusa isizwe; alahlekehva ukutemba kwawo emandhleni Ake okuvikela, kumiswe ubukosi Bake. Ahlubuka ku Mbusi omkulu wezwe lonke, afisa ukubuswa njengokubuswa kwezizwe ezisemaceleni awo. Ngapambi kokuba afumane ukutula enza ukuvuma okuqondile ati: “Sengezelele kuzozonke izono zetu lobububi, bokuzicelela i Nkosi.”¹ Kwakufanele avume sona lesosono uqobo awayone ngaso. Ukungabongi kwawo kwacindezela imipefumulo yawo, kwawehlukanisa ku Nkulunkulu.

Ukuvuma izono akunako ukwamkeleka ku Nkulunkulu ngapandhle kokupenduka kweqiniso nokubuya kuso isono. Kufanele ukuba kube kona ukupenduka okuqondileyo nokusobala ekupileni; zonke izinto ezi isicunulo ku Nkulunkulu kufanele zisuswe. Loku

²Izihla 34. 18.

¹Sam. 12. 19.

ke kuyakuvezwa usizi olu isiminya ngenxa yesono. Umsebenzi esifanele ukuwenza tina, ongowetu ubekwe ugokusobala pambi kwetu, uti: “Zihlanzeni, nibemhlope; nisuse zonke izenzo zenu ezikohlakelayo pambi kwamehlo Ami; yekani ukwenza okungalungile fundani ukwenza okulungileyo; funani ukwahlula, nikulule abacindezekile, nibonele izintandane, nibe nosizi ngomfelwakazi.”¹ [34] “Uma omubi ebuyisa isitembiso abambise ngaso, abuyise loko akupangileyo, ahambe ezimiselweni zokupila, ngapandhle kokwenza okukohlakelayo; uyakupila ngeqiniso angafi.”² U Paule uti, ekuluma ngomsebenzi wokupenduka, “Loku, nako kona loko, ukudabuka kwenu ngokuka Nkulunkulu, kwenza kini ukucopelela, yebo, ngitsho ukuzihlanguza, ngitsho ukuzisola, ngitsho ukuzisola, ngitsho ukwesaba, ngitsho uku fisa okuknlu, ngitsho ukupisekela, ngitsho ukuhlanguliswa! Kuko konke niziqamisile ngokuti aninacala kuloko kwenza.”³

Uma isono sesibulele isimilo sokuqonda, umoni akabe esaba nako ukubona amacala asesimilweni sake, angaqondi nobukulu bobubi abenzileyo; ngapandhle kokuba avumele amandhla anqobayo o Moya O cwebileyo; uhlala esenkungwini ngezono zake. Ukuzivuma kwake izono akusiko okweqiniso futi akusiko okwesiminya. Kukokonke ukuvuma kwake izono wenezela ukunxepenza, ukuzitetelela indlilela yake; eshumayela ukuti uma bekungenzanga ngoba kuye ngezigameko ezitile ubengekubengekwenze loku naloku, loko ajeziselwa kona.

Emva kokuba u Adamu no Eva, bewudhlile umuti owawenqatyelwe, bagcwalwa zinhloni nokwesaba. Okwokuqala okwabafikela kwaba ukuba bazakutini ukuzitetelela, basinde esijeziweni esibi sokufa. Ite uma ibuza i Nkosi ngesono sabo, u Adamu wapendula, walitata icala walibeka kumngane wake naku Nkulunkulu Eti:—“Umfazi onginike ukuba abenami—nguyena onginike umuti ngadhla.” [35] Umfazi icala walibeka pezn kwenyoka eti, “Ngikohliswe inyoka ngadhla.”¹ Wayenzelani inyoka? Wa ivumelelani inyoka? Wa ivumelelani ukuba ingene ensimini yase Eden? Imibuzo ke le eyaba pakati kokuzitetelela kwake ngenxa yesono

¹Isa 1. 16, 17.

²Ezek. 33. 15.

³2 Cor. 7. 11.

¹Gen. 3. 12, 13.

sake, ngayo ebuyisela icala ku Nkulunkulu ugokuwa kwabo. Umoya wokuzihlanguza waqamuka kuyise wamanga, wabonkaliswa ngawo onke amadodana namadodakazi ka Adamu. Ukuvuma izono ngaloluhlobo akusiko okuqutywa nguMova wobu Nkulunkulu; futi akunakwamkelwa ngu Nkulunkulu; Imifanekiso esezwini lika Nkulunkulu engokupenduka kweqiniso nokuzitoba iveza u Moya wokuvuma izono okungenako ukuzitetelela ngesono; mhlaumbe ukulinga ukuzihlanguza. Ukupenduka kweqiniso kuyakumhola amuntu ukuba asitwale yena isono sake ngowake. asivume ngapandhle kokukohlisa nokuzensiza. Njegombuti mnikelo odabukileyo engapakamisi namehle ukuwabhekisa ezulwini, uyakukala ati:—“Nkulunkulu yiba nomusa kimina umoni.” Nalabo abazivumayo izono zabo buyakuhlanguzwa, batetelelwe; ngokuba u Jesu uyakulinika igazi Lake ngenxa yompefumulo opendukayo.

U Paule akafunanga ukusibhacisa isono sake; kepa usibeka obala njengobubi baso obukulu, engalingi ukuba asenze sibe sincane, uti:—“Baningi kwabacwebileyo engabavalela ematilongweni, amandhla ngiwamkele kuba Pristi abakulu; uma basebebulewe ngakuluma kakulu ngabo. Ngioajezisa ngokubats haya futi-futi ezindhlini zokukuleka ngibacindezela ukuba bakulume kabi betuke; ngibazonda ngokungati ngiluhlanya, yebo, ngabahlupa kwaza kwaba semizini engapandhle.”² Akatandabuzanga ukushumayela ngokusobala ukuti: “U Kristu Jesu weza elizweni ukusiudisa aboni; engingomkulu wabo mina.” [36]

Inhlizivo edabukileyo, netobileyo, etanjiswe ukupenduka kweqiniso iyakuzwa ubumnandi botando luka Nkulunkulu nenhlaulo yase Kalvari; nanjengaloku indodana ivuma izono kuyise otandekayo, ngokunjalo uyakwenza njalo ozisola ngeqiniso alete zonke izono zake pambi kuka Nkulunkulu. Kulotywe futi ukuti:—“Uma sivuma izono zetu, ulungile futi ukolekile akuba asitetelele izono zetu, asihlambulule kukokonke ukungalung.”¹ [37]

²Imi 26. 10, 11.

¹Johane 1. 9.

IZIHLOHO 5—UKUNGCWALISWA.

Isitembiso sika Nkulunkulu ileli:— “Niyakungifuna ningifumanise, uma uiyakungifuna uge nhliziyo yonke yenu.”¹

Yonke inhliziyo kufuneka ukuba inikelwe ku Nkulunkulu, uma kungenjalo akunakubakona ukupenduka kitina. esiyakubuyiselwa ngako emfanekisweni Wake. Ngeadabuko sihlubukile ku Nkulunkulu. UMoya Ocwebileyo usibonakalisa isimo setu emazwini anjengalawa: “Sifile ekuposiseni nasezonweni,” “Yonke inhloko iyagula, nayoyonke inhliziyo ipela amandhla,” “Akuzwakali luto kuyo.” Sibanjiwe esifeni sika Satana: “siyizigqili kuye zentando yake.”² U Nkulunkulu ufisa ukusipilisa, ufisa ukusikulula. Kodwa njengaloku loku kufuna ukupenduka kwempela, ukwenziwa kutsha kwasosonke isimo, kufanele sizinikele ngakokonke Kuye.

Impi yokulwa neziqo zetu iyona impi enkulu eyake yaliwa. Ukuzepula nokutela ngako konke onako entandweni ka Nkulunkulu ku impi enkulu; kodwa umpefumulo kufanelekile ukuba uzitobe ku Nkulunkulu ngapambi kokuba wenziwe mutsha ekucwebeni.

[38] Umbuso ka Nkulunkulu awunjengokuba u Satane ewubonakalisa unjalo, ukuba usekwe ekutini umuntu avume nje ngobumpumpute engakwazi naloko akwenzayo kahle. Lona ngumbuso oqonde esazelweni uase ngqond weni yomuntu. Uti:—“Wozamanje sieamangisane,”¹ isimemo sika Nkulunkulu ke lesi kubantu abenzileyo. U Nkulunkulu ka isunduzi ngamandhla intando yezidalwa zake. Akanako ukwamkela ukukuleka kwenhliziyo engavumiyo, nokungenziwanga ngenqondo. Ukuvuma nje kokuqutywa kwenqabela konke ukukula kwesimilo nomcabango; kumenza umuntu ukuba abe into efana nomtshini oqutywayo. Icebolo Mdali alinjalo. Yena ufisa ukuba umuntu, oyena eyinhloko yawo wonke umsebenzi wake wokudala, akule afike esimweni esipakeme kunazonke. Ubeka pambi kwetu ukupakama kwezibusiso atanda ukusiyisa kuzo ngawo

¹Jer. 29. 13.

²Eph. 2. 1.; Isa. 1, 5, 6; 2Timoti 2. 26.

¹Isa. 1. 18.

u musa Wake. Uyasimema ukuba sizinikele Kuye ukuba abenako ukusebenza intando Yake pakati kwetu. Sekusalele kiti ukuba sikete noma siyavuma ukukululwa ebugqilini besono, ukuze sehlulelane amatuba obukosi namadodana ka Nkulunkulu.

Ekuzinikeleni ku Nkulunkulu kufanele ukuba sikulahle konke okusehlukanisa Naye. Kuugakoke U Msindisi eti:—“Noma kungaba ngumupi wenu ongakushiya konke anako, akanako ukuba ngumfundi Wami.”² Noma yini engasusa inhliziyo ku Nkulunkulu kufanele ukuba iyekwe. U Mamoni u yisitixo sabaningi. Ukutanda imali, ukufisa ukuceba. liketangwe legoli elisibopela ku Satane. Udumo nokuhlonipeka komhlaba kuyatandwa kakulu ngabanye abantu. Ukuzipilela nje ngokwenama, nokuhlala ngokukululeka kubobonke ubueala isona sitombe esikuleka abanye abantu. Kodwa ke lezi zibopo zobugqili kufanele zidatyulwe. Asinako ukuba ngabaka Nkulunkulu inxeny ekuze kuti inxeye sibe abezwe. Asisibo abantwana baka Nkulunkulu uma singebona uqobo. Kukona nalabo abati bakonza u Nkulunkulu, abetembela emandheleni abo ukuba balalele beuze umteto Wake, ukuba batole isimo esilungileyo batole usindiso. Inhliziyo zabo azitintwangwa ukujula kotando luka Kristu, kodwa noko bafuna ukwenza imisebenzi yokupila kobu Kristu, njengaleyo u Nkulunkulu ayifuna kubo ukuze balifumanise izulu. Ubukolwa obunjalo abusizi Into. Lapo u Kristu ehleli enhliziyweni. umpefumulo uyakugcwaliswa utando Lwake, nokutokoza kobudhlelane nave, nga ngokuba kuyakwenza ukuba ubainbelele Kuye. Kuyakuti ngokuhlala ubambelele Kuye. Kuyakuti ngokuhlala ucamanga ngaye sonke isikati, kuti umuntu uqobo lwake azikohlwe. Utando ku Kristu ilona luyakuba ukuqambeka kwesenzo. Labo abalwaziyo utando luka Nkulunkulu oluqubayo, ababuzi ukuba kusweleke okungakanani okungahlangabe zana nezifiso zika Nkulunkulu; abaqondi bafume isigaba esisezantsi; kepa baqonda esimweni esipelelevo sokwenza intando yo Mhlengi wabo. Ngokufisa okukulu bavuma ngakokonke, babonise unakekelo olulingana nenani lomqondo abawuqondileyo. Ukuvuma u Kristu ngapandhle kwalolutando olujulileyo kufana nokukulumanje, ukwenza isiko nje elingahlabi mxwelo, nokusebenza nje umsebenzi onzima weze..

[39]

²Luke 14. 33.

[40] Uzwa sengati ku ukuzidela okukulu ukuba unikele konke ku Kristu? Zibuzeni lombuso:—“U Kristu wanikelani ngenxa yami?” INdodana ka Nkulunkulu yanikela konke—ukupila, notando, nokuhlupeka,—ngenxa yokuhlengwa kwetu. Kungenzekake ukuba siti tina, abangafanelwe lutando olukulu kangaka, sizibambe inhliziyi zetu Kuye? Yonke imizuzu yokupila kwetu sibe singabadhlehane naye ezibusisweni zomusa wake, nangenxa yalesi sizatu ke asinako ukuqonda kahle, ukujula kokungazi nenhlupeko esisindiswe kuyo. Singaba nako yini ukuba simbheke lowo owahlatywa izono zetu, kanti noko sibe sisenokwenza ngokupambene nokuzondana notando Lwake lonke nokuzinikela kwake? Uma sibheke ukuzitoba okungenamkaulo kwe Nkosi yokukazimula, singahonona yini ngokuba singangena ekupileni kupela, ngokuhlupeka nangokuzidela ?

Okubuzwa zinhliziyi eziningi ezizigabisayo iloku “Kungani ukuba kufuneke ukuba ngivume izono ngizitobe, ngapambi kokuba ngifumanise ukuqiniseka kwokwamkeleka kwami ku Nkulunkulu?” Nginikombisa ku Kristu. Wayengena sono nangapezu kwaloku Waye iNkosi yezulu : kodwa ngenxa yomuntu waba isoni ngenxa yesizwe. “Wabalelwa kanye nabakohlakeleyo, watwala izono zeningi wenza ukutetelelwa kwaba kohlakeleyo.”¹

Kodwa ke singaba simnikeni uma sesinikele ngako konke? Inhliziyi engcoliswe isono ukuba u Jesu ayihlambulule, ayihlanze ngegazi yalo uqobo, noku yisindisa ngotando Lwake olungenamlinganiso. Kanti noko abantu bakucamanga ku yinto elukuni ukunikela ngako konke nginamahloni ukuzwa kukulunywa ngako; nginamahloni nawokukuloba.

[41] Nkulunkulu akadingi ukuba sikuyeke loko esifanele ukuba sikugeine. Kukokonke akwenzayo uqapele inhlala —kahle yabantwana Bake. Ngifisa ukuba bati bonke abangamketanga u Kristu baboneukuti unokuningi okuhle abanikeza kona kunaloko abazifunela kona bona ngo- kwabo! Umuntu uyawulimaza kakulu impela umpefumulo wake uma ecamanga ukwenza ngokupambeneyo nentando ka Nkulunkulu. Akuko ukutokoza kwesiminya okungafumanisekayo endhleleni eyenqatyelwe Nguye—okwaziyo okuhle

¹Isa. 53. 12.

nokugcono, ohleze’—ceba okulungileyo ngabantu Bake. Indhlela yokweqa umteto i indhlela yosizi nokutshabalala.

Ku isiposiso ukuhlala nomcamango wokuti u Nkulunkulu uya-tokoza ukubona abantwana Bake behulpeka. Lonke izulu lenanyiswa ukutokoza komuntu. U Baba wetu osezulwini akazivali indhlela zentokozo nakusipi sezidalwa zake. Izimiselo zobu Nkulunkulu zisibizela ukuba sehluwane nako konke ukwenza okungasiletela ukuhlupeka nokujabha, nokungasivalela umnyango wentokozo nezulu. U Msindisi wezwe lonke ubamkela abantu njen-galoku benjalo, nazozonke inswelo zabo, ukungapeleli, nobuta ka taka; futi aka hlambululi esonweni kupela, anike ukutetelela ngenxa yegazi Lake, kodwa uyakwanelisa ukulangaza kwenhliziyi zabo bonke abavumayo ukulitwala ijokwe Lake, balwale umtwalo Wake. Kungumqondo Wake ukwamkelisa ukutula nokupumula kubobonke abeza Kuye ukufuna isiukwa sokupila. Ufuna ukuba senze leyomisebenzi kupela eyakusikokela, iholele izinyatelo zetu ekupakameni kwentokozo lapo abangalaleliyo bengenakufinyelela kona. Ukupila kweqiniso, nokwentokozo yompefumulo ukufaka u Kristu ngapakati oyena temba lokukazimula.

Banengi ababuzayo ukuti:—“Ngingenze *njani* uku zinikela ku Nkulunkulu?” Uyafisa ukuzinikela Kuye; kepa ubutakataka esimilweni, u isigqili soku nga baza, ubuswa ngamasiko okupila kwako esono. Izetembiso zako, nelizwi lako lokuqinisa kunjengeutambo yomhlabati. Awukwazi ukubusa imicamango yako, umqondo wako, nokutanda kwako. Ukwazi ngezitembiso zako ozapulileyo nezitembiso ezikulahlekeleyo uku ncipisa ukutemba kwako eqinisweni lako; kukwenze ukuba uzwe sengati u Nkulunkulu akanakukwamkela; kodwa ke akufanelekile ukuba udele. Into efunekayo kukuqonda isiminya sentaodo yako. Lawo ngamandhla abusayo endabukweni yomuntu, amandhla okuzimisela. namandhla okuketa.. Konke kumi pezu kwesenzo esiqondileyo sentando. Amandhla okuketa u Nkulunkulu uwanikile kubautu; ngawabo ukuba bawasebenzise. Awunako ukupendula inhliziyi yako; wena ngokwako awunako ukunikela ku Nkulunkulu ukutanda kwayo: kodwa ungaketu ukuba umkonze. Ungamnika intando yako azeke yena asebenze kuwe ukutanda nokwenza njengokwentando. Yake elungileyo. Ngokunjalo ke isimo sako sonke siyakuletwa pantsi kokubuswa nguMoya ka Kristu;

[42]

utando Iwako luyakugxumekeka Kuye, imicamango yako ihambe ngokuzwana Naye.

Izifiso, zokulunga nokucweba zilungile nje nazo ngeyazo indhlela; kodwa ukuba uma lapo awu nge sizeke ngaluto. Bangingi abalahlekayo besafisa, betemba ukuba ngama Kristu. Abafiki entunjeni yokuvuma intando ka Nkulunkulu. *Abeketi* ukuba ngama Kristu.

Ngokusebenzisa kahle intando kungaqamuka ukupenduka kwempela ekupileni kwako. Ngokunikeza intando yako ku Kristu, uzihlauganisa na Mandhla angapezu kwabo bonke ubukosi nemibuso. Uyakuzuza amandlila avela ngapezulu ukukubamba ugxumekeke. ngokunjalo, nangokuhlala njalo uzinikela ku Nkulunkulu

[43]

uyakwenziwa ukuba upile ukupila okutsha, yebo ukupila kokolo.

IZIHLOHO6—UKOLO NOKWAMKELEKA.

Njengokuba isazelo sako sesipilisiwe ngu Moya oyiNgewele sekukona okubonileyo ngobubi besono, amandhla aso, ububi baso, nosizi lwaso; useusibuka ngokusenyanya. Uzwa ukuba isono sikwehlukane no Nkulunkulu, nokuti usebugqilini bamandhla esono. Kuti okukona uzama ukusinda, kube kukona ubona ukuti awunamandhla. Imiqondo yako ingcolile inhliziyi imbi, ayihlanzekile. Ubona ukuti ukupila kwako kugcwaliswe ukuzidhla nesono. Ufisa ukutetelelwa, ukuba uhlanzwe, ukuba ukululwe. Ukuzwana no Nkulunkulu,—ukufana Nave,—ungenzenjani ukukufumana.

Ukutula okusweleyo—Ukutetelelwa kwe Zulu, uku tula, no-tando empefumulweni. Akunakutengwa ngemali, akunakutolwa ngengqondo; ukuhlakanipa akunakukuzuzwa, awunako ukwetemba ngeyako imizamo ukukutola. Kodwa u Nkulunkulu uyakunikela kuwe njengesipo, “ngapandhle kwemali nangapandhle kwenani.”¹ Kungokwako, uma kodwa welula isandhla sako ukubambe. I Nkosi iti:— “Noma izono zako zibomvu ziyakuba mhlope njengeqwa; noma zibomvu njengebomvu ziyakuba njengoboya obumhlope.”² “Inhliziyi entsha futi ngiyakukunika, nomoya omutsha ngiyakuwufaka pakati kwako.”³

[44]

Uzivumile izono zako, nasenhliziyweni wazisusa. Uzimisele ukuzinikela ku Nkulunkulu. Manje,—ke suka uye kuye umcele ukuba azigeze izono zako, akunike inhliziyi entsha. Ngakoke kolwa ukuba angakwenza loku *ngokuba* nguYe otembisileyo. Nasi isifundo asifundisa sona u Jesu esese mhlabeni, ukuba isipo asitembise sona u Nkulunkulu masetembe ukuba siyakusamkela, nokuti futi esetu. U Jesu wabasindisa abantu ezifweni zabo lapo babenokolo emandhleni Ake. Wabasiza ezintweni ababezibona, ngaloku wabafaka ukuba babenetemba kuye ngezinto, ababengena kuzibona,—ebaholela ukuba bakolwe emandhleni Ake okutetelela izono. Loku wakushu-

¹Isa. 55. 1.

²Isa. 1. 18.

³Ezek. 36. 26.

mayela ngokusolubala ekupiliseni kwake umuntu owayenesifo sokushwabanisa wati: “Ukuze nazi ukuti i Ndodana yesiNtu yayi-namandhla emhlabeni ukutetelela izono, (wase Eti kogulayo isifo sokushwabanisa,) Vuka utate ukuko lwake uye endhlini yako.”¹ Kona ngokunjalo u Johane umVangeli uti ekuluma ngemimangaliso ka Kristu, “Lezi zilotyiwe ukuze nikolwe ukuba u Jesu ungu Kristu, i Ndodana ka Nkulunkulu, ukuze niti nikolwa nibe nokutola ukupila ngenxa yegama Lake.”²

[45] Endabeni esolubala ebekwe encwadini e Owebileyo yokuba wenzajani u Jesu ukupilisa abagulayo, singafunda uto, ukuba singatini ukukolwa Kuye ukuzesitetelelwe izono. Ake sibuyele endabeni yowayenesifo sokushwabanisa e Bethesda. Umuntu owayebangu’ munyu ehlupeka wayengenamandhla amalungu omzimba wake wayengazange awashukumise sekuyiminyaka engamashumi amatatu nesishiyangalombili. Kanti noko u Jesu wamyalela wati, “Vuka, utate ukuko lwako uhambe.”¹ Ogulayo wayengati “Nkosi uma U vuma ngipilise, ngiyakulalela ilizwi Lako.” Kodwa qabo, wakolwa izwi lika Kristu, wakolwa ukuti usepilisiwe, walinga ukusuka kona-manjalo; *watanda* ukuhamba wahamba nembala Wenza njengokwelizwi lika Kristu, u Nkulunkulu wanika amandhla Wapiliswa.

Ngokunjalo nawe ungumoni, awunako ukuhlaulela izono zako ezidhlulileyo, awunako ukupendula inhliziyo yako, uzenze ngcwele ngokwako. Kodwa u Nkulunkulu uyatembisa ukuba uyakwenza konke loku ekwenzela wena ngenxa ka Kristu. Uya *kolwa* ileso sitembiso. Uyazivuma izono zako, uzinikela wena ku Nkulunkulu. Uya *tanda* uku Mkonzisa. Njengokuqiniseka okwenza ngako loku no Nkulunkulu uyakuligcwalisa ilizwi Lake kuye. Uma ukolwa ilesi sitembiso—kolwa ukuti usutetelelwe wahlanzwa,—U Nkulunkulu uyalenza leliqiniso; usupilisiwe wena, njengokuba u Kristu wanika owayenesifo sokushwabana amandhla okuhamba ekukolweni kwake ukuti usepilisiwe. *Kunjalo* uma nawe ukolwa iko.

Ungalindeli *ukuswa* ukuba upilisiwe, kodwa iti, “Ngiyakolwa iko *kunjalo*, kungesiko ngoba ngiku zwa; kodwa ngokuba ngu Nkulunkulu okutembisile.”

¹Matt. 9. 6.

²Johane 20. 31.

¹Johane 5. 1-9.

U Jesu uti, “Noma izinto zini enisuka nizifisa, umanikuleka, nikolwa ukuba niyakuzamkela, niyakuzamkela.”² Kukona isimiselo kulesisitembiso, sokuba sikuleke njengokwentando ka Nkulunkulu. Kodwa ku intando ka Nkulunkulu ukusihlambulula esonweni, ukusenza abantwana Bake, asinike amandhla okuba sipile impilo ecwebileyo. Ngokunjalo ke singazicela lezizibusiso, sikolwe ukuba siyakuzamkela, simbonge u Nkulunkulu ngokubasizamkela. Kuli-tuba letu ukuya ku Jesu sihlanzwe, sime pambi komteto ngapandhle kwenhloni nokwesaba. “Ngalokoke akuseko ukulahlwa kulabo abaku Kristu Jesu, abangahambi ngokwenyama, kodwa behamba ngoko Moya.”¹

[46]

Ukususela kulesikati aniseboua abenu; kepa senitengiwe ngenani. “Anihlengwangwa ngezinto ezibolayo, njenge siliva negolide njalo njalo; kepa ngegazi elinenani lika Kristu, elingele Undhlu elingenacapaza elingenabala.”² Ngalesisenzo sokukolwa u Nkulunkulu u Moya oyi Ngcwele uzele ukupila okutsha ezinhliziyweni zenu. Senifana manje nomntwana ozalelwe endhlini ka Nkulu-nkulu, unitanda manje niengaloku, etanda i Ndodana Yake.

Manje njengaloku seniznikezele ku Kristu, ningabe nisabuyela emva, musani ukuzisusa Kuye; kodwa yitini imihla ngemihla, “Ngingoka Kristu, ngise ngiznikele Kuye;” nicele ukuba aninike u Moya. Wake, anigcine ngomusa Wake.. Njengokuba ngokuzinikela ku Nkulunkulu, nikolwe kuye, ukuba nibe ngabantwana Bake; ngokunjalo nifanele ukuhlala Kuye. U Mpostoli uti:—“Njengaloku ke senimamkele u Kristu Jesu o iNkosi— ngokunjalo—ke hambani Kuye.”³

Abanye bezwa sengati bangabasekulingweni baqinisekise a Nkosini ukuti nembala bependukile, ngapambi kokuba babange i Sibusiso Sake. Kodwa, bangasibanga isibusiso sika Nkulunkulu noma imanje. Kufanele ukuba babe no musa Wake, u Moya ka Kristu, owelekelela ubutakataka babo, ngapandhle kwaloko abanako ukubupepa ububi. U Jesu utanda ukuba size kuye njeu galoku sinjalo, sinezono, singeuamaudhla. singenakuzimela. Singeza nabobonke obutakataka betu, ubulima betu, ukukohlakala kwetu

[47]

²Marko 11. 24.

¹Ama Roma 8. 1.

²Petros 1. 18, 19.

³Kolose 2. 6.

siwe ezinyaweni zake sinosizi ezinhliziyweui ngenxa yesono. Ku ubukosi Bake ukusisongela ezingalweni Zake zotando asibope amanxeba etu, nokusihlambulula ekungcoleni kwetu.

Hapa—ke lapo kwehluleka inkulungwane kona; abakolwa ukuti u Jesu ubatetelela yena uqobo lwake, ngabanye. Abalitati izwi lika Nkulunkulu njengaloku linjalo. Kulituba labobonke abenza lezimiselo ukuzazela ukuti utetelelo lweluliwe ukutetelela sonke isono. Kubekeni pansi ukucamangela ukuti izitembiso zika Nkulunkulu aziqondiswe kini. Ezawo wonke umoni. opendukayo. Amandhla nomusa kunikiwe ngo Kristu ukuba kuletwe izitunywa ezikonzayo kuwowonke umpfumulo okolwayo. Abako abonakele kaugangokuba bangabi . nakufumanisa amandhla nokuhlambululeka, nokulunga ku Jesu owafela bona. Ulindile ukuba kumula izingubo zabo exinama-bala, zingcoliswe yisono; abafake ingubo ezimhlope zokulunga, uti kubo mabapile bangabubi.

U Nkulunkulu akasipati njengaloku abantu abafayo bepatana, Imicamango Yake yimicamango yomusa, notando, nesihau esinosizi. Uti:— “Okohlakeleyo ma kashiye indhlela yake, nongalungile imicamango yake; apendukele e Nkosini; Yona iyakuba nomusa pezu kwake; naku Nkulunkulu wetu, ngoba uyakutetelela ngokuningi.” “Ngisusile, njengokususwa kwelfu elinzima izinkohlakalo zako, nanjengefu izono zako.”¹

[48]

“Anginantokozo ekububeni kwake ofayo, kutsho i Nkosi u Nkulunkulu; ngaloko pendukani, ukuze nipile.”² U Satana ulungele ukweba iziqinisele ezibusisekile zika Nkulunkulu. Ufisa ukususa inhlansana yetemba kuyoyonke imisebe yokukanya empfumlweni; kodwa uze ungamvumeli ukuba akwenze loku. Unganiki indhlebe ku mlingi, kodwa yiti:— “U Jesu wafa ukuze ngisindiswe. Uyan-gitanda akavumi ukuba ngife. Ngino Baba wase Zulwini onesihau; noma utando Lwake ngilonile, noma izibusiso anginike zona ngizic-itile; ngiyakuvuka ngiye ku Baba ngiti.” “Ngonile ngakulo izulu napambi Kwako, angisafanele ukuba kutiwe ngi yindodana Yako, ngenze ngibe njengomunye wezisebenzi Zako.” Umzekeliso uyasityela ukuba olahlekile uyakwamkelwa kanjani: “*Uma esekude*

¹Isa. 55. 7; 44. 22.

²Ezekile 18. 32.

kakulu, uyise wambona, wamhaukela, wagijima wawela entanyeni yake, wamanga.”³

Kodwa nawo lo mzekeliso, noma unomunyu nosizi, aucazile ngokwanele usizi olungenamkaulo luka Baba wetu ose Zulwini. INkosi yashumayela ngo mprofiti Wayo yati:—“Ngikutandile ngotando olungapeliyo; *ngakoke ngomusa—onotando ngikukipile*”⁴ Moni uma esekude endhlini ka Yise, elahlile impahla yake ezweni lase mzini, inhliziyo ka Yise iyamkalela, kuti yonke imikumbulo ivuke empefumlweni ukuba ibuyele ku Nkulunkulu, konke loku yizincengo zomhau zika Moya oyi Ngewele, onxusa, encenga, edonsa olahle kileyo ukuba eze enhliziyweni ka Yise yotando.

Uma ninezitembiso zeNcwadi ecwebileyo pambi kwenu ningabuye ninike ukungabaza indawo? Niugakolwa ukuba uma umoni elangaza ukubuya, elangaza ukushiya izono zake, i Nkosi ingase imenqabele ukuba eze ezinyaweni Zayo apenduke? Susani imicamango enjalo! Akuko luto olungalimaza umpefumulo wako ngapezu kokuba nomcamango onjalo ngo Baba wetu ose Zulwini. Uyasizonda isono, kodwa umoni Uyamtanda, wazinikela Yena, esesimweni sika Kristu, ukuze bonke abanako basindiswe, babe nokubusiseka okupakade ebukosini bokukazimula. Bekungasetyenziswa lupi ulimi olunamandhla kunalolu oluketwe Uye eluketela ukukuluma utando lwake kitina? Uti, “Umfazi angayikohlwa ini ingane yake encelayo, ukuba angabi nasihau endodaneni yenzalo yake? Yebo bangakohlwa; kanti mina anginakukohlwa.”¹

[49]

Qapela uma ungabaza ututumela; ngoba u Jesu upilele uku sincengela. Makabongwe Nkulunkulu ngokusipa i Ndodana Yake etandekayo, sikuleke, ukuba kungabi ukuba wasifelela ize. U Moya uyasimema namhlanje. Yizani uenhliziyu zenu zonke ku Jesu ukuze nisicele isibusiso sake.

Uma u funda izitembiso, kumbula ukuti ziukushumayela kotando olungakulumekiyo, nesihau. Inhliziyo eukulu yotando olu ngena mkaulo ibheke kitina boni, ngosizi olungenamkaulo. “Sinokusindiswa ngenxa yegazi Lake, ukutetelelwa kwezono.”² Yebo, kupela kolwa ukuba u Nkulunkulu ngumsizi wako. Ufuna

³Luke 15. 18-20.

⁴Jer. 31. 3.

¹Isa. 49. 15.

²Efesi 1. 7.

ukubuyisela isimilo sake uqobo kumuntu. Uma usondela Kuye ngokuvuma izono, nokupenduka, Naye uyakusondela kuwe ngomusa, nokutetelela.

IZIHLOHO 7—U PAN LOBU LANDELI BUKA KRISTU.

“Uma umuntu eku Kristu uyisidalwa esitsha; izinto ezindala sezidhlulile; bheka zonke izinto se zenziwe zintsha.”¹

Umuntu akangebe namandbla ukutsho uqobo lwendawo nesikati, mhlaumbe zonke intambo zezigameko endhleleni yokupenduka; kodwa loku akusiko ukuti kufakaza ukuti kakoliwe. U Kristu wati ku Nikodemu, “Umoya upepeta lapo utanda kona, uwuzwe umsindo wawo, kodwa awunako ukutsho lapo uvela kona nalapo uyakona; unjalo ke wonke ozelwe ngu Moya.”² Njengomoya ongabonakali, kanti noko imisebenzi yawo iyezwakala futi izwiwe, unjalo ke u Moya ka Nkulunkulu emsebenzini wawo pezu kwenhlizivo yomuntu. Lawomandhla avuselelayo. ange bonwe ngeso lenyama, azala ukupila okutsha empefumulweni; adala umuntu omutsha emfanekisweni ka Nkulunkulu. Uti noko umsebenzi wo Moya utule ungabonwa nje, kanti imisebenzi yawo iyabonakala. Uma inhliziyu yenziwe yantya ngu Moya ka Nkulunkulu ukupila kuya kuba ngufakazi waleloqiniso. Siti noko singenakwenza luto ukupendula izinhliziyu zetu, mhlaumbe ukuzileta ekuzwaneni no Nkulunkulu—siti noko singafanele ukutembala kiti ngokwetu noqobo, mhlaumbe emisebenzini yetu emihle, ukupila kwetu kobonakalisa, ukuti umusa ka Nkulunkulu uhlezi pakati [51] kwetu. Isimo esipenduk ileyo siyakubonakala esimilweni emikubeni, nasemisebenzini yetu. Umahluko uyakubonakala ngokusolubala kucace loko okwakuyiko, naloko okuyiko. Isimilo sibonakaliswe, kungesiko ngemisebenzi emihle yezikati, neziposiso zezikati, kodwa ngalapo sit yekele ngakona ngamazwi nangezenzo.

Kuliqiniso ukuti kungabakona ukuhamba kahle, nokuzipata kahle kwangapandhle, ngapandhle kwamandhla okwenza mutsha ka Kristu. Utando lokuhlonitshwa, nokufisa ukudunyiswa ngabanye kungaveza ukusipata kahle Ukuzihlonipa kungamholela

¹2 Korinte 5. 17.

²Johane 3. 18.

umuntu ukuba axwaye ukubonakala emubi. Inhliziyo ezitandayo ingasebenza imisebenzi emihle. Singenza ngalipi ke icebo ukuze sibone uhlangoti esingakulo?

Ngubani opete inhliziyo? Ngubani ezibambebele kuye inhliziyo zetu? Sitanda kakulu ukukuluma ngobani? Ngubani esimtanda kakulu nesimsebenzela kakulu? Uma singaba ka Kristu, imicamango yetu iKuye, nemicamango yetu emnandi kakulu ivela kuye. Konke esinako nesiyiko. sikungcwalisele ukukuyisa kuye. Silangazelele ukufana Nave. Sipefumle u Moya Wake, senze intando Yake, simtokozise ezintweni zonke.

[52] Labo ababa izidalwa ezitsha ku Kristu bayakutela kitelo zika Moya ezilu—tando, intokozo, ukutula, ukubekezela, ukutamba, ukulunga, ukolo, umusa, nokuzibamba. Abasayi kubuye bazifanise, bahlale, njengokwemfiso zabo zangapambili, kodwa ngokolo lweNdodana ka Nkulunkulu, bayakulandela ezinyatelweni Zake, bafuze isimilo Sake, bazihlambulule njengokuba Naye ehlambululekile. Izinto abake bazizona ngesinye isikati, manje sebeyazitanda; nezinto abake bazitanda ngesinye isikati, bayazizona. Ukuzigabisa, uokuzibabaza manje sekupenduke ukuzitoba nokutamba kwenhliziyo. Obengacamangi luto, ezicamanga ukuti nguye, yedwa manje usezinzisa ukucamanga, azitobe. Isidakwa sipenduke umuntu ongapuziyo, ati nomoni ahlambululeke. Amasiko angenamkuba, nemikuba yezwe, kubekwe bucala. Ama, kolwa akayikufuna “ukuzihlobisa kwangapaudhle” kodwa “umunt n wangapakati ofihlakeleyo, osenhliziyweni kuloko okungaboliyo; vebo ukuhlobiseka ko Moya otambileyo, notulileyo.”¹

Akuko bufakazi obuqinileyo ngapandhle kokuba kube kona ukupenduka kwemisebenzi. Uma ebuyisa loko akupangileyo, evuma izono zake, etanda u Nkulunkulu nabakelwane bake, nmoni angaqiniseka nkuti udhlulile ekufeni wabuyela ekupileni.

Uma siza kuKristu njengabantu abaposisayo, abonavo sibe ngabadhlelane bomusa Wake otetelelayo; kumila ntando ezinhliziyweni zetu. Yonke imitwalo ilula; ngoba ijokwe esilnikwa ngu Kristu lilula. Imfanelo zetu zibalula, nokuzinikela kwetu kube intokozo. Indhlela eya isitakele ngubumnyama ngapamblli, manje isiteleke ukukanya ngenxa yemisebe evela e Langeni loku Lunga.

¹Petro 3. 3, 4.

Ukutandeka kwesimilo sika Kristu kuya kubonwa kubalandeli Bake. Kwaku intokozo Yake ukwenza intando ka Nkulunkulu. Utando ku Nkulunkulu, nesineke sokutola ukukazimula kwake, kwakuuguwona mgomo wamandhla ekupileni ko Msindisi wetu. Utando lwalwenza muhle, lupakamisa yonke imisebenzi Yake. [53]

Utando luvela ku Nkuluukulu. Inhliziyo engahlanzwanga a inakuveza, iqambe imisebenzi emihle. Ifunyanwa enhliziyweni lapo kubusa kona uJesu. “Siyamtanda ngoba waqala wasitanda.”¹ Enhliziyweni eyenziwe yantsha ngumusa ovela ngaPezulu, utando ulona lu isisusa nenhloko yazo zonke izenzo. Lupendula isimilo, lubuse izisusa, lucime ulaka, lutambise ubuta, lwenze utando lube lukulu. Lolutando uma longiwe empefumlweni, lwenza, mnandi ukupila, lucite ipunga lobumnandi kuyoyonke indawo.

Kukona iziposiso ezimbili abafanele ukuzihlakanipela abantwana baka Nkulunkulu—ikakulu labo abasandu kuqamba ukutembela e Mseni Wake.—Esokuqala, ekuke kwakulunywoa ngaso, yilesi sokubuka imisebenzi yabo, betembela kuloko abangakwenzayo, ukuba kungabaleta ekuzwaneni no Nkuluukulu. Lowo otanda ukuba ngcwele ngemisebenzi yake, ngokugcina umteto , ulinga into engenako ukwenzeka. Konke umuntu anako ukukwenza ngapandhle kuka Kristu kungcolile, kungcoliswe ukuzidhla na yisono. Kungumusa ka Kristu kupela, ngokolo, ongasenza sibe ngcwele.

Esinye ke isiposiso naso esinengozi kakulu sona ilesi, sokuti ukukolwa ku Kristu kuyamkulula umuntu ekugcineni uinteto ka Nkulunkulu; ukuti, njengaloku ngokolo lodwa singaba ngabadhlelani emuseni ka Kristu, imisebenzi yetu a inaluto nokusindiswa kwetu.

Kodwa qapelani lapa ukuti ukulalela akusiso isibonakaliso sangapandhle kupela; kodwa kungumsebenzi wotando. UMteto ka Nkulunkulu ngumfanekiso wesimilo Sake uqobo; ungukuhlangana komgomo omkulu wotando, ngokunjalo ke u isisekelo sombuso Wake ezulwini nase mhlabeni. Uma inhliziyo zetu zenziwe ntsha emfanekisweni ka Nkulunkulu, uma utando lobu Nkulunkulu, luhlwanyelekile empefumlweni, umteto ka Nkulunkulu awuyikuhambiseka ini ekupileni kwetu na? Lapo inhloko, umgomo wotando ihlwanyelekile enhliziyweni, nalapo umuntu esenziwe mut-

¹Johane 4. 19.

sha ngokomfanekiso Wake owaindalayo, isitembiso sesigcwalisekile, lesi ke:— “Ngiyakufaka imiteto Yami ezinhliziyweni zabo, nasemiqondweni yabo ngiyaku ibhala.”¹ Nalapo ke umteto usulotywiwe enhliziyweni awuyi kulungisa ukupila na? Ukulalela—ukukonza nokuzinikela kotando—ku isibonakaliso sesiminya sokuti umuntu ngumlandeli ka Nkululuka Ngokunjalo ke isiBalo siti:— “Lolu kulutando luka Nkulunkulu, ukuba sigeine imiyalo Yake.” “Lowo oti, ngiyamazi, anga igcini imiyalo Yake, unamanga, neqiniso aliko kuye.”²

Endaweni yokukulula umuntu ekulaleleni, lukolo kupela, olusenza ukuba sibe ngabadhlelane bomusa ka Kristu, osenza ukuba sibenokulalela.

Asilutoli usindiso ngenxa yokulalela kwetu; ngokuba usindiso lu isipo sesisa sika Nkulunkulu, esa mkelwa ngenxa yokolo. Kodwa ukulalela ku isiqamo sokolo. “Niyazi ukuba wabonakaliswa ukuze asuse izono zetu; Kuye akuko isono. Osuke ehlezi Kuye akoni: osuke ona akanzange ambone, akazange amazi.”³ Nanu ukulingwa kweqiniso. Uma sihlala ku Kristu, uma utando luka Nkulunkulu luhlezi kiti, imicamango yetu, ukwazi kwetu, imiqondo yetu, izenzo zetu, kuyakuzwana notando luku Nkulunkulu njengaloku kutshiwo ezimfundisweni zemiteto Yake ecwebile. “Bantwana abancane, nize ningakohliswa muntu: lowo olungisayo ulungile, njengaloku Naye elungile.”¹ Ubulungisa bubonakaliswa ngesimo somteto ka Nkulunkulu ocwebileyo, njengaloku kulotywiwe emitetweni elishumi eyalotywa e Sinai.

Lolo okutiwa lukolo ku Kristu oluti lungakulula abantu emfanelweni yokulalela u Nkulunkulu, akusiukolo, kodwa ukuzenzisa nje. “Ngomusa niyasindiswa ngenxa yokolo.” Kodwa “ukolo uma lungena misebenzi lufile.”² U Jesu wati ekuluma Ngaye ngokwake, ngapambi kokub-aeze emhlabeni, “Ngiyatokoza ukwenza intando yako O Nkulunkulu wami: yebo umteto Wako upakati enhliziyweni yami.”³ Nangapambi kokuba enyukele ezulwini, futi washumayela

¹Heb. 10. 16.

²Johane 5. 3; 2. 4.

³1 Johane 3. 5, 6.

¹Johane 3. 7.

²Efese 2. 8; Jakobe 2. 17.

³Ixi 40. 8.

ukuti, “Ngi yigcinile imiyalo ka Baba, ngihlezi otandweni Lwake.”⁴ Izibalo ziti, “Sazi ngaloku ukuti siyamazi, uma sigcina imiyelo Yake. Lowo oti uhlezi Kuye ufanele ukuhamba, njengaloku wayehamba.”⁵ “Ngokuba u Kristu wahlupeka ngenxa yetu, wasishiyela umboniso, ukuze nilandele amanyatelo Ake.”⁶

Isimiselo sokupila okupakade sinjalo manje njengaloku sabe sinjalo,—njengaloku sabe sinjalo e Paradise ngapambi kokuwa kwabazali betu bokuqala, siyiloku:— IJkulalela okupeleleyo komteto ka Nkulunkulu, ukulunga okupeleleyo. Uma ukupila okupakade kwakunikwe ngezimiselo ezingapantsi nezilula kunalezi, kwakuyakona- kala intokozo yayo yonke indalo ibesengozini. Kwakuya kuvuleka indhlela yokwenza isono, nayoyonke imizila yaso yomunyu, nenhlupeko, ukuba ingafi.

[56]

Kwakulula ku Adamu, ngapambi kokuwa kwake ukuba aben-esimilo esilungileyo ngokulalela umteto ku Nkulunkulu. Kodwa wehluleka ukukwenza loku, kwati ngenxa yesono sake indabuko yetu iwile, asinako ke ukuzenza ukuba silunge. Njengaloku singaboni, singacwebile, asinakulalela umteto ocwebileyo ngokupeleleyo. Asinabo obetu ubulungisa, esingahlangabezana nako konke okudingwa ngumteto ka Nkulunkulu. Kodwa uKristu usenzele indhlela yokuba sisinde. Wapila emhlabenil pakati kwezilingo, nenhlupeko ezinjengalezi esihlangana nazo. Wapila ukupila okungenasono. Wasifela, manje uzinikele ukuba atate izono zetu asinike ubulungisa Bake. Uma nizinikela kuye uimamkele o ngu Msindisi wenu, niyakuti ke noma ninezono njengokuba ninje ekupileni kwenu, ngenxa Yake nibalelwe ebulungiseni. Isimilo sika Kristu simi endaweni yezimilo zenu, namkelwa pambi kuka Nkulunkulu njengabantu abangazange bone.

Ngapezu kwaloku u Kristu upendula inhliziyo; uhlala enhliziweni ngokolo. Ufanele ukukugcina lokukuhlangana no Kristu ngokolo, nangokuzinikela sonke isikati intando yako Kuye; ngaso sonke isikati wenza loku, uyakusebenza pakati kwako, ukuba wenze njengokwe Ntando Yake elungileyo. Ukuze ubenako ukutsho ukuti. “Ukupila engikupile manje enyameni, ngipile ngokolo lweNdodana

⁴Johane 15. 10.

⁵Johane 2. 3. 6.

⁶1 Petro 2. 21.

[57] ka Nkulunkulu, eyangitandayo, yazinikela ngenxa yami”¹ Ngokunjalo watsho loku u Jesu kubafundi Bake. “Akusinina enikumayo, kodwa u Moya ka Yihlo wenu okulumayo kinina.”¹ Uma ekinina u Kristu esebenza pakati kwenu, uiyakubonakalisa lowo moya nenze leyomisebenzi,—yebo imisebenzi yobulungisa,—ukulalela.

Asinaluto ke tina ngokwetu esinga zidhla ngalo. Asinaluto lokuzipakamisa. Esinako kupela litemba esinalo ebulungiseni buka Kristu obubekelwe tina, nakuleyo misebenzi esetslienizwa ngu Moya Wake oyisebenza kiti, nangati.

Uma sikuluma ngokolo, kukona umahluko esifanele ukuba sicamange ngawo. Lukona uhlobo lokukolwa olwehlukile impela ekukolweni. Ukuba kona kwaniandhla ka Nkulunkulu, iqiniso lezwi Lake, ngama qiniso angenakupikwa nangu Satana namabandhla ake ngokwawo ngeqiniso. iNcwadi e Cwebileyo iti, “Nabo Satana bayakolwa, futi bayatutumela”;² kodwa loku akusilo ukolo. Lapo kukona ukukolwa, ezwini lika Nkulunkulu kungabi iko kupela; kodwa kube kona ukuvuma intando Yake; lapo inhliziyo inikezelwe kuYea, yonke intando ibekwe pezu Kwake, kukona ukolo,—ukolo olusebenza ngotando, lublambulule umpefumulo. Ngalolukolo; inhliziyo yenziwa intsha emfanekisweni ka Nkulunkulu. Ke inhliziyo yati isesesimweni sobudala yangawutobela umteto ka Nkulunkulu, ingenako ukukwenza loko futi, manje iyatokoza emfundisweni ezingcwele imemeza kanye no Mhlabeleli ukuti. “Hai ukutanda kwami umteto wako! ngumcamango wami lonke usuku.”³ Nomteto wobulungisa ugcwaliswe kiti, “abangahambi ngokwenyama, kodwa behamba ngoko, Moya.”¹

Labo ke ilabo abalwazile utando luka Kristu ulutetelelayo, nabafisa ngeqiuiso ukuba ngabantwaua baka Nkulunkulu; kanti noko babona ukuti izimilo zabo azipelele, ukupila kwabo kunamacala, bahlezi bengabaza ukuti nembala inhliziyo zabo zenziwe ntsha ngu Moya oyi Ngcwele. Kulabo ke ngingati ningabuyeli emva ngokuswela itemba. Siya ba iloku ngaso sonke isikati sizitoba pantsi. sikala ezinyaweni zika Jesu ngenxa yobufutshane

¹Galoti 2. 20.

¹Matt. 10. 20.

²Jakobe 2. 19.

³Umhlabeleli 119. 97.

¹Rom. 8. 1.

bemisebenzi yetu neziposiso; kodwa asifanele ukupela amandhla. Noma sehluliwe isita asilahliwe, asishiyiwe, sadelwa ngu Nkulunkulu. Cabo; u Kristu usesandhleni sokunene sika Nkulunkulu, esenzela utetelelo nokuxolelana no Nkulunkulu. Wati u Johane otandekileyo, “Lezizinto nginibalela zona ukuze ningoni. Uma ekona umuntu owonayo, sinaye u Mteteleli ku Baba u Jesu Kristu olungileye.”² Ningawalibali amazwi ka Kristu awokuti, “U Yise ngo Kwake uyanitanda.”³ Ufis-aukunibuyisela kuye, ukuba nibone ukuhlambuluka Kwake nobungcwele Bake kukanya kini. Uma nivuma ukuzinikela kuYe, Lowo owaqala umsebenzi amuhle kini uyakuwuhambisa, awupumelelise kuze kube sosukwini luka Jesu Kristu. Kulekani ngesineke esikulu; kolwani ngokugcweleyo. Njengaloku sesipele itemba kwawetu amandhla, masetembe amandhla o Msindisi wetu, siyakumbonga ongukupila kobuso betu. [59]

Uma usondela ku Jesu uyakuya uzibona ngokuzibona ukuba ne cala kwako, ngoba imiboniso yako iyakucaea ibeselubala, ukungapeleli kwako, kuyakubonakala ngo kucaeileyo nokusolubala, kupambene nesimilo Sake esipeleleyo Loku ku ngubufakazi bokuba amapupo ka Satana alahlekelwe ngamandhla awo; ukuba amandhla anika ukupila o Moya ka Nkulunkulu ayakukupapamisa.

Aluko utando oluzinzile ngo Jesu olungahlala enhliziyweni engabuboniyo ububi bayo. Umpefumulo opendulwe ngomusa ka Kristu uyakutokoziswa isimilo Sake sobu Nkulunkulu; kodwa uma singaboni ukwonakala kwezimilo zetu. ku ngubufakazi obunga ngabazekiyo ukuti asizange sibubone, ubuhle buka Kristu obudhlulisa indawo.

Okukona siyeka ukuzincoma, kuyakuba ikona sibona ubukulu, ukuhlambululeka, uokutandeka ko Msindisi oku nge nasipelo: Ukubona kwetu ukonakala kwetu kusiqubela Kuye, onamandhla okutetelela; noma umpefumulo usukuqondile ukungabi namandhla kwawo, oyasuka utande ukufinyelela ku Kristu, Yena uyakuzibonakalisa esemandhleni. Okukona inswelo zetu zisiqubela Kuye nase Zwini lika Nkulunkulu, siyakuba nemicamango epakamileyo ngesimilo Sake, siyakuwubona ngokweqiniso umfanekiso Wake sifane Naye. [60]

²1 Johane 2. 1.

³Johane 15. 27.

IZIHLOHO 8—UKUKULELA KU KRISTU.

Ukupenduka kwenhliziyo, okuti ngenxa yako sibe ngabantwana baka Nkulunkulu kukulunywa ngako esi Balweni kutiwe ukuzalwa. Futi kufanekiswa nokudubula, kwembeu elungileyo ehlwanyelwe ngumlimi. Ngokufanayo labo abasandukukolwa ku Kristu bafana “nabantwana abasandu kuzalwa,” abaza “kukula”¹ baye esimweni sobudoda nobufazi ku Kristu Jesu. Mhlaumbe njengembeu ehle ehlwanyelwe ensimini bazakukula baveze izitelo. Ulsaya uti bayaku “bizwa ngokuti imiti yobulungisa, insimu ye Nkosi, ukuze Abongwe.”² Niya kubona ke ukuti imifanekiso itatwa ezintweni ezidatyuliweyo, ukusiza ukuba siqonde ngokungcono, amaqiniso afihliweyo okupila komoya.

Konke ukwazi nokuhlakanipa akunako ukuveza ukupila nakokuncane kunako konke okudatyuliweyo. Kungokupila kupela ate u Nkulunkulu ngokwake wakunika okuti isityalo noma isilwane kupile. Ngokunjalo kungokupila okuvela ku Nkulunkulu okuti ukupila komoya kuzaleke ezinhliziyweni zabantu. Ngapandhle kokuba umuntu a “Zalwe ngokuzalwa okuvela ngapezulu,”³ akanako ukuba ngumdhlelani nokupila u Kristu oweza kukunika.

Njengaloku kunjalo ekupileni, kunjalo nasekukuleni. Ngu Nkulunkulu oleta ukubalasa kokumqumbi, nembali avenze isitelo. Imbeu ikuliswa ngamandhla Ake, “kuqala ikasi, kubese kulandela ukukahlela, ngemva kwaloku kuvele ibele ekasini.”¹ IT Mprofiti u Hoseya uti i ngo Israyeli “Niyakukula njengomnduze.” “Bayakuvuseleleka njengamabele, bakule njengesi vini.”² U Jesu usiyalela ukuba “sibheke iminduze ukukula kwayo.”³ Izilimo nembali akukuli ngokunakekela, ngevuso, nangemizamo yako ngokwako; kodwa ngokwamkela loko u Nkulunkulu akunikele ukuba kuqapele ukukula

¹Petro 2. 2; Efesi 4. 15.

²Yisaya 61. 3.

³Johane 3.

¹Mark 4. 28.

²Hoseya 14. 5, 7.

³Luke 12. 27.

kwazo. Umntwana akanako, ngokufisa noma kungamandhla ake ukukula nokwenezela esimweni sake. Nawe ngokwako awunako ukukwenza loko, ngokufisa nangemizamo yako utole ukukula komova. Isilimo, umntwana, kukula ngokutatela kuloko okukuzungelezile loko okuqapele ukukula kwako,—umoya, ilanga, nokudhla.

Lezizipo zendabuko zi iloko ezilwaneni nasezilimweni loko a iko u Kristu kulabo abatembele Kuye. “Ungukukanya kwabo okupakade,” “ilanga nesihlangu.”⁴ “Uyakuba njengombete ku Israyeli.” “Uyakwehla njengemvula otyanini obusikiweyo.”⁵ Ungamanzi api lileyo, “Jsinkwa sika Nkulunkulu esivela ezulwini, sinika ukupila emhlabeni.”⁶

Esipweni esingenakulinganiswa se Ntodana Yake, u Nkulunkulu uwuzungezile umblaba wonke ngomoya wo. musa oliqinso njengomoya ohamba uzungeza kulolonke izwe. Bonke abautanda ukupefumula komoya onika ukupila bayakupila, bakulele esimweni sobudoda nobufazi ku Kristu Jesu. [62]

Njengembali ependukela elangeni, ukuze imisebe ekanyaye iyisize ekupeleliseni ubuhle bayo nemibala yayo ivumelane; ngokunjalo sifanele ukupendukela eLangeni lo Bulungisa, ukuze ukukanya kweZulu kukanye pezu kwetu, ukunze izimilo zetu zikulele ekufaneni no Kristu.

U Jesu usifundisa yona leyonto uma eri:—Hlalani kimi, nami ngihlale kini. Njengaloku igatya lingena kuzitwalela isitelo ngokwalo ngapandhle kokuba lihlale esivinini. nani aningekwenze loko uma ningahlali Kimi Ngapandhle kwami aninakwenza luto.¹ Nani neyeme ku Kristu ngokunjalo, ukuze nipile ukupila okungcwele, njengalokn linjalo igatya esiqwini somuti leyemele ukuba nezitelo, nokukula. Uma niugeko Kuye aninako ukupila; aninawo amandhla okwenqaba izilingo, nokukula emuseni nasebungeweleni. Ngokuhlala Kuye ningakula. Uma ukupila kwenu nikutabata Kuye, aniyikubuna, aniyi kungabi nazitelo. Niyakuba njengomuti otyalwe ngasemifuleni yamanzi.

Abaningi banomcamango wokuti bafanele ukwenza iuxenye yomsebenzi bodwa. Batembele ku Kristu ukuxolelwa kwezono,

⁴Yisaya 60.19; Izihlabelelo 84. 11.

⁵Hosea 14. 5; Izihlabelelo 72. 6.

⁶Johane 6. 23.

¹Johane 15. 4, 5.

kepa manje sebefuna ngeyabo imizamo ukupila ukupila okulungileyo. Kodwa imizamo enje imelwe ukwehluleka. U Jesu uti, “Ngapandhle kwami anina kwenza luto.” Ukukula kwetn emuseni, intokozo yetu. ukuba nomsebenzi kwetu,—konke kweyame pezu kwenhlangano yetu no Kristu. Kungobudhlelaue Naye insuku zonke, amahora onke,—ngokuhlala Kuye,—esinako ukukula emuseni.

[63] Akasiye u Mqali kupela, kodwa ungu Mpelelisi wokukolwa kwetu. Ungu Kristu wokuqala, wokugeina, nowa pakade. Ufanele ukuba nati kungesiko ekuqaleni nasekugcineni kohambo lwetu, kodwa ukuba nati kuzozonke isinyatelo zendhlela yetu. U Davide uti, “Ngiyibekile i Nkosi pambi kwami ngasonke isikati; ngokuba Vena usesandhleni sami sokunene, angiyi kuzanyazanyiswa.”¹

Uyabuza uti. “Ngingenzenjani ukuhlala ku Kristu na?”—Ngaleyondhlela omamkele ngayo ekuqaleni. “Ngako njengaloku nimamkele u Kristu Jesu i Nkosi ngokunjalo hambani Kuye.” “Abalungileyo baya kupila ngokolo.”² Wazinikela ku Nkulunkulu ukuba ubengo Wake ngoqobo. ukuba umkonze, umlalele, wamtata u Kristu njengo Msindisi wako. Wena ngokwako waungeuako ukuzincengela izono zako, mhlaumbe upendule inhliziyu yako; kodwa ngokuzinikela ku Nkulunkulu, wakolwa ukuba Yena ngenxa ka Kristu wakwenzela konke loku. Ngo *kolo* wabangoka Kristu, nangokolo ukulela kuye, nifanele ukutata konke.—u Kristu ongukugcwaliseka ukuba *ninikele* konke,—inhliziyu zenu, itando yenn, imisebenzi yenu—nizinikele Kuye ukulalela yonke imiyalezo kuye; nifanele ukutata konke,—u Kristu ongukugcwaliseka kwazo zonke izibusiso, ukuba ahlale ezinhliziyweni zenu, ukuba abengamandhla enu, ukulunga kwenu, umsizi wenu ka naPakade,—ukuba aninike amandhla okulalela.

Zahluka nisele Kuye u Nkulunkulu ekuseni, kwenze loku kube ngumsebenzi wako wokuqala. Umtandazo wako maube ngulona. “Ngitate. O Nkosi, ngibe owako ngempela. Onke amasu

[64] ami ngiwabeka ezinyaweni zako. Ngisebenzise ngalolusuku emsebenzini wako. Hlala nami, wenze yonke imisebenzi yami ukuba isetyenzwe Kuwe.” Lolu-ke ludaba lwazo zonke izinsuku. Ekuseni njalo zahlukanisele Kuye u Nkulunkulu kube ngumsebenzi

¹Izihlabelelo 16. 8.

²Kolose 2. 6; Hebere 10. 38.

walolo lusuku—Unikele onke amasu ako kuye, ukuba a wenze, mhlaumbe awayeke njengaloku okuyakukonjwa ngumusa Wake. Ngokunjalo zonke izisuku wenze njalo ukuzinikela kwako kuNkulunkulu ezandhleni zake, ngokunjalo ukupila kwako kuyakubujwa ngapezulu nangapezulu njengokupila kuka Kristu.

Ukupila okuku Kristu kungukupila kokupumula. Mhlaumbe akungebiko luvalo oluzwayo, kodwa kufanele ukuba kube kona itemba lokutula elihleliyo. Itemba lako aliko kuwe; liku Kristu. Ubutakataka bako buhlanganiswa kanye namandhla Ake, ukungazi kwako kuhlanganiswa nokwazi kwake. Ukungabi namandhla kwako kuhlanganiswa namandhla Ake angapeliyo. Ngaloku—ke akufanelekile ukuba uzetembe—umcamango wako ungawuzinzisi kuwe ngokwako, kodwa bheka ku Kristu. Umcamango wako mauhlale pezu kwo Tando lwake, pezu kwobuhle Bake, napezu kwokupelela kwesimilo Sake. U Kristu ekuzinikeleni Kwake, u Kristu ekuzitobeni kwake. U Kristu ekucwebeni kwake, ebungcwaliseni bake; u Kristu otandweni lwake olungena mlinganiso,—lolu—ke ilona lucatyangwa ngu mpefumulo. Kungokutanda yena, sifuze vena, sitembe kuye ngakokonke ongapendulwa ngako ubuyiselwe emfanekisweni Wake.

U Jesu uti, “Hlala kimi,” Lamazwi akuluma ukupumula, ukugxila, itemba. Futi uyakumema uti, “Woza kimi, . . . ngiya kuninika ukupumula.” Lamazwi o Mhlabeleli akuluma kona loko futi; “Pumulau e Nkosini. niyilinde ngokubekezela.”¹ No Isaya ufakaza ngamazwi afanayo uti:—“Ekutuleni, nasekwetembeni, kulapo kuyakubakona amandhla ako.”² Loku kupumula akutolwa ebuvileni; ngoba esimemweni so Msindisi isetembiso sokupumula sihlanganiswe nesimemo somsebenzi; “Tabata ijokwe lami uletwale uyakufumana ukupumula.”³ Inhliziyo epumula kakulu ku Kristu iyakuba nesineke esikulu, ipapame, emsebenzini Wake.

Lapo umcamango uzinze esiqwini sake umuntu, uyasuka ku Kristu afulatele, ongumtombo wamandhla nokupila. Ngokunjalo, ke kungumzamo omkulu ka Satane wafuti, ukuba umcamango a ususe ngempela ku Msindisi, ngokunjalo anqande inhlango, nobudhlangane kwompefumlo no Kristu. Intokozo yalelizwe, izinkatazo, iz-

¹Matt. 11. 28, 29.

²Izihla 37. 7; Isa 30. 15.

³Matt. 11. 28, 29.

inhlupeko, nezinsizi zaloku kupila, amaeala abanye, mhlaumbe amacala ako nokungapeleli kwako,—kuko konke loku u Satane ufuna ukupendula umcamango wako ukuba ubuke kona. Musa ukweduswa ngamacebo ake. Kaningi abaqonde ngempela, nabafisa ngempela ukupilela u Nkulunkulu, azinge ebaholela ukuba bapile ngo kubuka amacala abo, nobutakataka babo, ngokunjalo ke ngokubahlukanisa ku Kristu, abe netemba lokuqoba. Akufanele kile ukuba umgomo ube ukuzicamanga tina ngokwetu, sizihlupe ngamavuso okwesaba okuti kazi sosindiswa na. Konke lokukupendula umpefumulo ku ususe emtonjeni wamandhla etu. Kunikezele [66] ukulondolozwa kwompefumulo wako ku Nkulunkula, wetembe

Kuye. Kuluma ucamange ngo Jesu. Ukuzicamanga makutshoniswe ukucamauga ngaye. Lahla konke ukungabaza; uxotye konke ukwesaba. Yitsho njengo Mpostoli uti, “Ngipilile; kanti noko angipili mina, kodwa u Kristu opile kimina; loku kupila engikupile manje enyameni, ngipile ngokolo lwe Ndodana ka Nkulunkulu, eyangitandayo, yazinikela ngenxa yami.”¹ Pumulani ku Nkulunkulu. Unamaudhla okugciua loko okunikezele Kuye. Uma uziyekela ezandhleni zake, uyakukwenza ube ngapezu kowanqobayo ngenxa Yake owakutandayo.

U Kristu ekutateni kwake ismio sobuntu, wabopelela ubuntu Kuye ngentambo yotando engenako ukunqanyulwa nangawapi amandhla ngapandhle kwetando yake umuntu ngokwake. U Satane uyakuzileta njalo iziyengo zokukwenza ukuba wepule lesisibopo,— asenze sikete ukuba sizehluwanise ku Kristu. Lapa ku lapo kufanele ukuba silinde, sizaine, sikuleke, ukuba kungabiko luto oluyakusenza ukuba, *sikete* enye inkosi; ngokuba sikululekile ngaso sonke isikati ukuba sikwenze loku. Kodwa masigcine amehlo etu siwagxilise pezu kuka Kristu, yena uyakusigcina. Uma sibheke ku Jesu sipilile. Akuko luto olungasihlwita esandhleni Sake. Ekumbhekeni njalo si, “yapendulwa sifane nomfanekiso wake, sisuke ebukosini siye ebukosini, vebo njeugokungati sipendulwa ngu Moya we Nkosi.”²

Kwaba ngokunjalo okwati abafundi basendulo batola ukufana ne Nkosi yabo etandekayo. Lapo labo befundi bezwa amazwi ka Jesu bakuzwa ukumswela kwabo. Bafuna, bafumana, bamlandela

¹Gal. 2. 20.

²2 Kor. 3. 18.

Yena. Babenaye endhlini, ekudhleni, ngasese, nasensimini. Babe naye njengabantwaua benomfundisi wabo, zonke izinsuku bamkela emlonyeni wake izifundo zeqiniso elicwebileyo. Babembuka njen-gokuba inceku ibuka inkosi yayo, bafunda imfanelo yabo. Labo bafundi, “babepantsi kwezilingo njengati.”¹ Babelwa yona lempi yesono esiyilwayo; babe uswele wona lomusa e.s. usweleyo, ukuze bapile ukupila okungcwele. [67]

No Johane ngokwake umfundi otandekayo—oyena owabon-isa umfanekiso wo Msindisi ngokugcwele, wayengenaso ngend-abuko leso similo esitandekayo.— Wayengaziucomi kupela, ena-magugu odumo; kodwa wave tukutela masinyane, enenkani uma elinyaziwe. Kodwa njengaloku isimilo so Pezu Konke sabonakaliswa kuye. wabona ukungapeleli kwake watobiswa iloko kwazi—amandhla nokubekezela, amandhla nokutamba, ubukulu nokutoba, owayekubona zonke izinsuku ekupileni kwe Ndodana ka Nkulunkulu kwakugewalisa umpefumulo wake ngentokozo nan-gotando. Zonke izinsuku inhliziyo yake yabe idonswa, idonselwa ku Kristu, waze walahlekelwa ukuzibuka yena ngokwake ngenxa yotando owabe enalo nge Nkosi yake. Inkani yake, nokutanda udumo, kwavumela amandhla abumbayo ka Kristu. Amandhla awenza butsha o Moya oyi Ngcwele enza ntsha inhliziyo yake. Amandhla otando luka Kristu asebenza ukupendulwa kwesimilo sake. Lesi isiqamo seqiniso sokuhlangana no Jesu. Lapo u Kristu ehlala enhliziyweni yonke imvelo ipapendulwa. UMoya ka Kristu, utando lwake kutambisa inhliziyo, kwepule umpefumulo, ku- [68] pakamise imicamango, nezifiso, kuzibhekise nga ku Nkulunkulu ezulwiui.

Ekukupukeni kuka Kristu ukuya ezulwiui inkumbulo yobuso bake yasalela kubalandeli Bake. Kwaba inkumbulo yeqiniso, eyayigcwele utando nokukanya.—U Jesu, u Msindisi owaye hamba, ekuluma, ekuleka nabo; owaye kuluma amazwi okubetembisa nawentokozo ezinhliziyweni zabo, ekwati loludaba lokutula lus-esemlonyeni wake bepucwa, watatyatwa wayiswa ezulwiui; kwati invunge yezwi lake yabuya yeza kubo kwati isixuku sezitun-ywa samamkela,—“Bhekani nginani njalo, kuze kube sekupeleni

¹Jakobe 5. 17.

kwezwe.”¹ Wayesekupukile waya ezulwini ese simweni sobuntu. Ba bazi ukuti upambi kwesihlalo sokubusa sika Nkulunkulu. engumhlobo wabo esengu Msindisi wabo futi; nokuti umhau wake a ukapenduki; nokuti wae sekanye nalo uluntu oluhlupekayo. Pakati kwezigcawu zobukosi, izandhla zake ezinamanxeba, nezinyawo zake ezitshwabeneyo, kwakukala ngenxa yoluntu oluwileyo, kwabe loku kungufakazi wotando owayenalo kulabo abahlengileyo. Babazi ukuti wenyukile waya ezulwini ukuba lungiselela indawo, nokuti uyakubuya eze futi abatatele Kuye.

[69] Kwakuti uma behlangana ndawonye, ngemva kwokukupuka kwake, babefisa ukubeka isicelo sabo ku Yise egameni lika Jesu. Ngosizi olukulu, batobe bakuleke, bepinda lamazwi ati, “Loko eniyakukucela egameni Lami, uyakuninika. Kuze kube imanje anikaceli luto egameni lami; celani, niyakwamkela, ukuze intokozo yenu igcwaliseke.”² Baselula isandhla sokolo, basen- yusa besenyusa ugalamazwi anamandhla:—“Ngu Kristu owafayo, yebo, ngokweqiniso, uvnkile futi, esesandhleni sokuuene sika Nkulunkulu, esincengela.”¹ I Pentikosi yabaletela u Mtokozisi, ati ngaye u Kristu uya,— “kuba pakati kwenu.” Wabuye wati futi, “kunilungele ukuba ngihambe; ngokuba uma ngingemuki, u Mtokozisi akayi kuza kinina; kodwa uma ngimuka, ngiyakumtumela kini.”² Ukususela kulesisikati, ngaye u Moya, u Kristu weza kuhlala njalo ezinhliziyweni zabantwana Bake. Inhlangano yabo Nave, yabe iseduze kakulu kunalesi sikati eselapa emhlabeni. Ukukanya, amandhla, utando luka Kristu ohlala ngapakati lwakanya ngabo, baze bati abantu, uma bebona, “bamangala; babaqonda, bazi ukuti be be, no Jesu.”³

Konke loko owabe e ikona kubafundi bake bokuqala u Kristu uyatanda ukuba ikona kubantwana Hake namhlanje; ngoba kulowo mtandazo wake wokugcina, ekanye nebandhla eli incosana, limpahlile wati, “angikulekeli laba kupela; kodwa nalabo abayikukolwa yini ngezwi labo.”⁴

¹Matt. 28. 20.

²Johane 16. 23, 24.

¹Rom. 8. 34.

²Johane 14. 17; 16. 7.

³Izenzo 4. 13.

⁴Johane 17. 20.

U Jesu wasikulekela, wacela ukuba sibe banye naye, njengaloku Naye emunye no Vise. Nilangano ni lena! U Msindisi wati lapo ez-ibulayo. “Indodana ka ina kwenza luto ngokwayo;” “U uBaba ohlala kimina, owenza imisebenzi.”⁵ Ngokunjalo inxa u Kristu ehleli ez-inhliziyweni zetu, uyakusebenza pakati kwetu, “ukuba sitande, senze intando yake elungile.”⁶ Siyakusebenza njengaloku asebenzayo; siyakubonakalisa lowo Moya. Ngokunjalo simtande sihlale kuye, siya, “Kukula kuye ezintweni zonke, oyinhloko, yebo u Kristu.”⁷

[70]

⁵Johane 5. 19; 14. 10.

⁶Phil. 2. 13.

⁷Efesi 4. 15.

IZIHLOHO 9—UMSEBENZI NOKUPILA.

Unkulunkulu ungumtombo wokupila nokukanya, nokutokoza, kulolonke izwe. Njengemisebe yokukanya okuvela elangeni; njeugomfulana wamanzi, ovela emtonjeni opilileyo, ompompoza izibusiso ezivela Kuye ziyakuzozonke izidalwa. Noma ku kupi lapo ukupila kuka Nkulunkulu kukona ezinhliziyweni zabantu, kuyakumpoza kuye kwabanye ngotando, nesibnsiso.

Intokozo yoMsindisi wetu ya ise kupakamiseni. nasekuhlen-
geni abantu abawileyo. Ngenxa yaloku akakubalelanga luto ukupila
Kwake kuye; kodwa wabekezela isipambano, walitskaya ize ihlazo.
Ngokunjalo ke nezeitunywa zisebenza ngaso sonke isikati ziseben-
zela intokozo yabanye. Loku ku intokozo yazo. Loko izinhliziy
ezizidhlayo ebezingakubalela emsebenzini opantsi, nkukonza ku-
labo abalusizi, abangapansi kwazo ngazo zonke izindhlela, es-
imilweni, nasohlwini; kungumsebenzi wezeitunywa ezingenacala.
UMoya ka Kristu wokuzidela ngumoya obusa ezulwini, ilona punga
elimnandi lezulu. Lo ngumoya abayakuba nawo abalandeli baka
Kristu. no msebenzi abayakuwenza. Lapo utando luka Kristu lu-
vimbezele enbliziyweni, njengepunga elimnandi, a unakufihlakala.
Amandhla awo obungwele ayakuzwa kala kubo bonke ohlangana
nabo. UMoya ka Kristu enhliziyweni un jengomtombo ehlane. om-
pompoza ukwe- nza kutsha konke, nowenza labo asebelungele ukufa
[71] ukupikelela ukupuza emanzini okupila.

Utando ku Jesu luyakubonakaliswa ngesifiso soku sebenza, njen-
gokuba Nave wasebenza, ngenxa yesibusiso nokupakanyiswa kol-
untu. Luyakukokelela otandweni, nokutamba, nokuzwelana nazo
zonke izidalwa ezingapantsi kokunakekela kuka Baba wetu ose
Zulwini.

Ukupila ko Msindisi emhlabeni kwakungesiko okulula, nokuzi-
nakekela Yena; kodwa wasebenza ngokungayeki, nangesineke, enza
imizamo yokungadinwa ngenxa yosindiso loluntu olulahlekileyo.
Ukususela emkombeni kuse endaweni vokunqunywa amakanda.
(Kalivari) Walandela indhlela yokusidela, akufunanga ukukululwa

emsebenzini wake olukuni, imihambo ebublungu, nomsebenzi wenhlupeko, nodinisayo. Wati “INdodana yomuntu ayizanga ukukonzwa, kodwa yeza ukukonza, nokunika ukupila Kwayo, kube isiblenge kwabaningi.”¹ Loku kwakunguwona mqondo omkulu wokupila Kwake. Yonke enye into ya ilandela, ingeyokupasa. Kwakungukudhla nokupuza kwake ukwenza intando ka Nkulunkulu nokuqeda umsebenzi Wake. Uqobo Iwake nokuqondene noqobo Iwake kwakungenalo ilungelo emsebenzini Wake.

Ngokunjalo ke labo abangabadhlehane nomusa ka Kristu, bayakuba seloku bene nhliziyi ezitandayo ukunikela noma ingani, ukuze abanye abafelayo babe nesahlulo esipiwani sasezulwini. Bayakwenza konke abanako ukuba balenze izwe libengcono ukuba bahlale kahle kulo. Lomoya nguwona mpumelelo yeqiniso yompefu- mulo opendukileyo. Akupeli sikati umuntu eze ku Kristu, kubese kuzaleke enliliziyweni rake isifiso sokuba azise abanye ukuba unomhlobo wenani kangakanani ku Jesu; iqiniso elisindisayo nelicwebisayo alinakuvaleleka enliliziyweni yake. Uma sembatiswe ngobulungisa buka Kristu, sigcwalisiwe intokozo yo Moya Wake ohlala ngapakati, asiyukubanako ukutula. Uma sizwile, sabona ukuti, i Nkosi ilungile, siyakuba noto esingalukulumayo. Njengo Filipu ekufunyaniseni kwake u Msindisi wati siyakumema abanye sibalete, lapo ekona. Siyakufuna ukubabonisa izitandeko zika Kristu namaqiniso, angabonwayo elizwe elizayo. Kuyaknbakona imfiso enkulu nkulandela indhlela lapo u Jesu anyatela kona. Kuyaknbakona ukufisa okukulu kokuba labo abasizungezile babone i “Undhlu lika Nkulunkulu elisusa isono selizwe.”¹

[72]

Imizamo yetu yokuba kubusiseke abanye iyakubuye ilete ezinye izibuhiso pezu kwetu. yi Loku ke okwakuqondwe ngu Nkulunkulu ekusinikeni uhlangoti lokuba sisebenze icebo eswini lokusindisa. Ubanikile abantu ituba ukuba babe ngabadhlehane besimilo sobu Nkulunkulu, kuti—ke nabo ngokwabo esikatini sabo bahlwanyele izibusiso kubantu bakubo. Lolu ulona ludumo olukulu ngapezu kwalonke, intokozo enkulu ngapezu kwayoyonke, evumeleke ku Nkulunkulu nkuba a ibeke pezu kwetu. Labo abazuze ubudhlelane

¹Matt. 20. 28.

¹Johane 1. 29.

ngokunje. emisebenzini yotando, Imsondezwe ednze irapela ku Mdali Wabo.

[73] U Nkulunkulu wayengakwenza ukuba ukuhambisa i Zindaba eziLilungileyo, nayoyonke imisebenzi yobukonzi obutandekayo, akunike izitunywa zasezulwini. Wayengakwenza nokunye kokubambisa umsebenzi Wake. Kodwa otandweni Iwake olunge namkaulo Waketa ukuba asenze izisebenzi kanye Nave, no Kristu nezitunywa, ukuze sibe ngabadhlelane bezibusiso, intokozo, ukupakamisa koMoya, okungukupumelela kwalobubukonzi bokuzidela.

Sisondezwe ekuzwaneni no Kristu ngenxa yobuzalwane bezinhlupeko Zake. Sonke isenzo sokuzidela ngenxa yokulungisa—abanye kuqinisa umoya—wobulungisa enbliziyweni yalowo onikayo, simsondeze kakulu ku Msindisi wezwe o “Wati eyisicebi, kanti noko ngenxa yabanye wabampofu, ukuze niti nine ngenxa vobumpofu Bake nibe zicebi.” Kuyakuya-ke njengokugcwalisa kwetu icebo lobu Nkulunkulu ekudalweni kwetu okungabanga ukuba ukupila kube isibusiso kiti.

Uma uyakusebenza njengaloku u Kristu ekubhekile ukuba abafundi. Rake basebenze kanjalo, ukupendulela imipefumulo Kuye, uyakuzwa ukudingeka kokwazi okujulileyo nokwazi okukulu ngapezulu ezintweni zobu Nkulunkulu, uyakulamba unxanele izinto zobulungisa. Uyakucela ku Nkulunkulu, luti nokolo lwako luqinise, nompefumulo wako uyakupuza imitam o ejulilejo emtonjeni yosindiso. Ukuhlangana nezita, nezilingo, kuyakukuxotshela encwadini ecwebileyo, nasemtandazweni. Uyakukula emuseni, nasekwazini ngo Kristu, wonge ukwazi okucebileyo.

[74] UMoya womsebenzi wokuzidela ngenxa yabanye, unika ukujula, ukuma ngokuqinileyo, notando olufana noluka Kristu esimilweni, ulete ukutula nentokozo kulowo onawo. Izimfiso ziyapakanyiswa. A iko indawo yobuvila nokuzidhla. Labo abasebenzisa ngokunjalo umusa wobukolwa bayakukula, buyakuba namandhla, okusebenzela u Nkulunkulu. Buyakuba nemfundiso ezicacileyo zomoya. nkolo olungamazayo, olukulayo, namandhla akulayo ekutandazeni. UMoya ka Nkulunkulu uhamba pezu kwemimoya yabo, ulete ukuzwau okucebileyo kompefumulo, okuvezwa nkutintwa ubu Nkulunkulu. Labo abazinikela ngokunje emisebenzini yokuzidela ngenxa yokulungisa abanye. basebenza okwabo ukusindiswa ngokwe qiniso.

Eyona kupela kwendhlela yokukula emuseni evokwenza umsebenzi ka Kristu ngokunakekela okukulu, a ubeka pezu kwetu u Kristu, ukusebenza ngangokwamandhla etu, ekusizeni nasekubusiseni labo abadinga loko esingabasiza ngako. Amandhla avela ngokusetyenziswa njalo, ukusebenza isona simiselo sokupila. Labo abalinga ukuhlala ngobukolwa ngokwamkela nje izibusiso eziza ngenxa yomusa, abangamenzeli luto u Kristu, bazama nje ukupila ngokudhla ngapandhle kokusebenza Ezintweni zomoya njengaloku kunjalo ezintweni zelizwe, loku okunje kuvama ukupelela ekutshabalaleni, nasekuboleni. Umuntu ongavumi ukusebenzisa amalungu ake uyakula hlekelwa masinyane ngumsebenzi wawo. Kunjalo ke ikolwa elingavumi ukusebenzisa amandhla alo eliwanikwe ngu Nkulunkulu, alipeleli ukupela ek wahlulekeni ukukula ku Kristu; kepa lilahleklwa ngamandhla ebeselinawo.

I Bandhla lika Kristu nguwona mlomo ka Nkulunkulu omisiweyo ukuba libe lusindiso lwabantu. Umsebenzi walo ukutwala I Ndaba ezi Lungileyo kulo lonke ilizwe. Lowomsebenzi ke uhlezi pezu kwawo onke amakolwa. Wonke umuntu njengokuphiwa kwake namatuba anawo, ukuba agcwalise umsebenzi wo Msindisi. [75] Utando luka Kristu lwambula kitina, lusenze abanamacala kubobonke abangamaziyo. U Nkulunkulu usinikile ukukanya, kungabi ngokwetu kupela—kodwa sikanyisele nabanye.

Uma abalandeli baka Kristu bebe uqapele umsebenzi kungakube kukona inkulungwane lapo kukona oyedwa namhla nje omemeza i Ndaba ezi Lungileyo emazweni abahedeni. Nabobonke abangenako ukungena ngokwabo emsebenzini, bebengawenza ngaloko abanako, isihau sabo nemitandazo yabo. Kungakube kukona umsebenzi omkulu wonakekelo ngenxa yemipetfumulo emazweni, ama Kolwa.

Akufanelekile ukuba siye emazweni abahedeni, noma mhlaumbe sishiye izihlotyana zetu esinazo emakaya, uma kulapo imisebenzi yetu ikona, ukuze senze umsebenzi ka Kristu. Singakwenza loku ezihlotyeni zetu emakaya e Bandhleni, nakulabo esihlangana nabo, nakulabo esisebenza nabo.

Ubukulu bokupila ko Msindisi wetu emhlabeni, kwacitelwa ekusebenzeni ngesineke endhlini yokubaza eNazarete. Izitunywa ezikonzayo zahamba nayo i Nkosi yokupila, uma ya ihamba igudhlana nezinceku nezisebenzi, ingaposwe-so ingahlonitshwa. Waugewalisa umsebenzi wake ngokukolekileyo, esasebenza emuseben-

[76] zini wake wobupantsi, njengamhla Epilisa ogulayo, namhla ebamba pezu kwamaza o Iwandhle lwase Galili olwazanyaziswa ngumoya. Ngokunjalo emisebenzini epantsi, nasezikundhleni ezitobekileyo lapa emhlabeni singahamba sisebenze kanye no Jesu.

U Mpostoli nti:—Makati wonke umuntu, knloko abizelwe kuko, alilale kukona no Nkulunkulu.¹ Umuntu womsebenzi angawenza umsebenzi wake ngendhlela engabanga ukuba kubongeke i Nkosi yake ngenxa yokukoleka kwake. Uma engumlandeli weqiniso ka Kristu angakupata ukukolwa kwake kukokonke okwenziwayo, abonakalise kubantu u Moya ka Kristu. Isisebenzi singaba ngesimele Yena ngokutobeka nangokuko leka; yena owasebenza ezindaweni ezipantsi zokupila, pakati kwezintaba zase Galili. Wonke umuntu opata igama lika Kristu ufanele ukusebenza ngendhlela yokuba abanye bati, ngokubona imisebenzi yake emihle, baholelwe ekubongeni u Mdali no Msindisi wabo.

Baningi abazitetelela ekunikeni izipo zabo emsebenzini ka Kristu ngokuti abanye banomcebo omkulu nokunota namatuba ngapezu kwabo. Kukona umcamango, osewandile, wokuti kupela ilabo abapiwe kakulu abafanele ukungcwalisa abanako emsebenzini ka Nkulunkulu. Sekuqondakele eningini ukuti izipiwo zinikwa kulabo kupela abatandwayo, kuketwe abanye labo, ke kambe abangabizelwanga ukuba babengabadhlelane emsebenzini, mhlaumbe emivuzweni. Kodwa akubekwanga ke njalo emzekelelisweni. Lapo i Nkosi yendhlu ibiza izinceku zayo, yanika bonke ngabanye imisebenzi yabo.

[77] Ngomoya otandayo singenza imisebenzi epantsi ekupileni. “Siyenze njengaloku singayenzayo e Nkosini.”² Uma utando luka Nkulunkulu lusenhliziyweni, luyakubonakala ekupileni. Ipunga elimnandi lika Kristu liyakusihlaka, kuti nodumo lwetu lupakamise, lubusise.

Akufanelekile ukuba nilinde izikati ezinkulu, noku lindela amandhla angumangaliso ngapambi kokuba niye kusebenzela u Nkulunkulu. Aknfanelekile ukuba ube nomcamango wokuti izwe lona liyakutini ngawe. Uma ukupila kwako kwemihla ngemihla kungubufakazi bokuhlanzeka nokuqiniseka kokukolwa kwako, abanye

¹ 1 Korinte 7. 24.

² Kolosie 3. 23.

behlabeka ukuti uyafisa ukubasiza, imizamo yako ayi ikulahleka okwempela.

Oyena o pantsi kakulu nompofu kakulu kubafundi baka Jesu angaba isibusiso kwabanye. Abangeqonde ukuti benza okulungileyo kakulu; kodwa ngomsebenzi wabo abawenza bengawazi, bangasusa amaza ezibusiso, engababanzi. ijule, kuti ukupumelela okubusisekileyo bangakwazi, kuze kube lusuku lokugcina lwemivuzo. Kabezwa kabaqondi ukuba kukona uto olukulu abalwenzayo. Akufanelekile ukuba baziqobe ngamavuso okuti konje bangase bapumelele ini, kufanelekile ukuba baqubeke ngokutula, benze ngokukolekileyo, umsebenzi a unika ngomusa Wake u Nkulunkulu; nokupila kwabo akusoze kwaba ize. Imipefumulo yabo iyakukula ngokukula, ikulela emfanekisweni ka Kristu; bangabasebenzi kanye no Nkulunkulu kuloku kupila, ngokwenze nje bazilungiselele umsebenzi omkulu, nokutokoza okungasitekiyo kokupila okuzayo.

[78]

IZIHLOHO 10—UKU MAZI UTIXO.

Ziningi izindhlela u Nkulunkulu afuna ngazo ukuba azeke kiti nokusileta ebndhlelaneni Naye. Indabuko iyakuluma ezingqondweui zetu ngokungayeki. Inhliziyo evulekileyo iyakuhlatisiswa lutando nodumo luka Nkulunkulu njengokubonakaliswa kwalo imisebenzi yezandhla Zake. Indhlebe elalelayo ingezwa iqonde izindaba ezivela ku Nkulunkulu ziletwa yizozonke zendabuka Amasimu aluhlaza, imiti epakamileyo, imbali ezinqumbi, ifu elihambayo, imvula enayo, imifulana ebanga umsindo, udumo lwamazulu, konke kuyakuluma ezinhliziyweni zetu; kuyasimema ukuba sijwayelane Naye owazenza zonke.

UMsindisi wetu wazisonga izifundo Zake ezinqabileyo ngezinto zemvelo. Imiti, izinyoni, imbali zezigodi, izintaba, amacibi, namazulu amahle, njengazo zonke izigigaba ezisizungezileyo imihla yonke, zonke zablanganiswa namazwi eqiniso, ukuze izifundo Zake zibe nokukunjulwa ngokunjalo futi futi, noma umuntu esekutshiseni kwemisebenzi yaloku kupila.

[79] U Nkulunkulu uyatanda ukuba abantwana Bake batokoze imisebenzi Yake, bajabule ebuhleni obubonakalayo ahlobisile ngabo ikaya letu elisemhlabeni. Ungumtandi wokuhle, nangapezu kwakokonke okubukeka kukuhle ngapandhle, utanda ubuhle besimilo. Uyatanda ukuba siqambe ukuklambuluka, nokutamba. nomusa otulileyo wezimbali.

Uma besingalalela, imisebenzi ka Nkulunkulu a idalileyo iyakusifundisa izifundo ezinqabileyo zokulalela nokwetemba. Ukususela ezinkanyezini, emkondweni wazo onganqamukiyo zikamba pakati komkati izizukulwane ngezizukulwane ngalezondhlela ezemiselwa zona, kuze kube kwencane into, izinto zendabuko ziya ilalela intando yo Mdali. U Nkulunkulu unakekele zonke izinto ekugcina konke akudalileyo. Lowo opakamisa amazwe angenakubalwa kangangobuningi bawo, njengokuba enakekela umzwilili ohlabelela ingoma yawo etobekileyo ngapandhle kokwesaba. Uma abantu beya emisebenzini yabo yemihla ngemihla;

nalapo bekulekayo. Lapo belala pantsi ebusuku, nalapo bevukayo ekuseni; lapo o isicebi edhla idili lake esigodhlweni sake; nalapo o isihlupeki ebuta abantwana bake ebaabutela isinkwana sake isinganganani bonke laba babhekwe ngomusa ugu Yise ose Zulwini. Akuka zinyembezi eziwayo ezingabonwayo ngu Nkulunkulu. Akuko kumomoteka angakupauliyo.

Uma besingakukulwa loku ngeqiniso angaciteka onke amavuso angafunekiyo. Ukupila kwetu bekungeze kwagcwaliswa ukujabha njengaloko kunjalo manje; ngokuba zonke izinto noma zincane noma zinkulu besingaziyekela ezandhleni zika Nkulunkulu, ongadidakaliswa ukwanda kwezinhlupeko, ongembeswa ukusinda kwazo. Besingaba nentokozo yokupumuza imipefumulo, abaningi okungokwasemzini kubo loko kupumula.

[80]

Njengaloku ingqondo zenu zitokoziswa ubuhle bo mhlaba, camangani ngelizwe elizayo, elingasoze likwaxi ukufipaliswa isono nokufa; lapo ubuso bendabuko bungasoze busitwe litunzi lesiqalekiso. Imicamango ma ike ifanekise ikava labasindisiweyo, nikumbule ukuba liya kukazimula kakula ngapezu kwaloko eningakunikezwa yimicamango yenu.

Ezipiweni ezingafaniyo zika Nkulunkulu kokuda tyuliweyo, sibona izana nje lemisebe yokukazimula Kwake. Kulotywe ‘ukuti’ “Iiso kalibonanga, nendhlebe ka izwauga; futi akungenanga nasenhliziyweni yomuntu ukuqonda izinto u Nkulunkulu azilungisele labo abamtandayo. Kodwa u Nkulunkulu uzi-bonakalisile kiti ngo Moya Wake.”¹

Imbongi, noqapela okudatyuliweyo, banezinto eziningi abangazikulumayo ngokudatyuliweyo; kodwa likolwa elibutokozayo ubuhle bezwe ngentokozo eyedhlula konke, ngoba libona imisebenzi ka Yise, libona nota ndo Iwake embalini, nasasihlahleni, nasemtini. Akuko namunye ongaqonda ngokugcweleyo okona kukulunywa intaba, isigodi, umfula, noma ulwandhle, ukuba zi isibonakaliso sotando luka Nkulunkulu kumuntu.

U Nkulunkulu ukuluma kiti ngemisebenzi Yake yomusa uangamandhla o Moya Wake pezu kwenhliziyo zetu. Ezigamekweni zetu, nakuloko okusihaqileyo, ekupendukeni kwezinto okuvamileyo imihla, nge mihla nje ngaloku sibonya, singafumanisa izifundo ezin-

¹ 1 Korinte 2. 9.

[81] qabileyo; uma inhliziyo zetu zivulekile ukuba siziqonde. U Mhlabe leli elandela umkondo wemisebenzi yomusa ka Nkulu- nkulu uti:—
 “UMhlaba ugwele ukulunga kuka Jehova.” “Labo abahlakanipileyo, abayakuziqonda lezizinto; bona bayakuqonda umusa wotando ka Jehova.”¹

U Nkulunkulu uyakuluma nati elizwini Lake. Lapo ke sibona kahle ukwambuleka kwesimilo Sake, nemisebenzi Yake kubantu nomsebenzi Wake omkulu wokusindisa. Lapa-ke kuvuleke pambi kwetu indaba zabasendulo nezaba profiti namanye amadoda acwebileyo. Babengabantu “belingwa njengati.”² Siyabona ukuba benzenjani ukuzama kukokonke okunzima okufana nokwetu, ukuba benzenjani ukuwa ezilingweni, njengaloku nati senzile; kanti noko baqinisele benqoba ngawo uMusaka Nkulunkulu; njengaloku sibonayo-ke sitola ukusimama emizameni yetu yobulungisa. Njengaloku sifunda ngabakubonayo okunqabileyo, ngokukanya notanda, nesibusiso ababetokoziswa iko, nangemisebenzi aba yisebenzayo yomusa ababalelwa wona, umoya owabasusayo uveza ilangabi lokufuza ukucweba ezinhliziyweni zetu, nokufisa ukuba sibenje ngabo esimilweni,—sibenjengabo ukuze sihambe no Nkulunkulu.

[82] U Jesu wati ngezi Balo eziNdala:—kukangakanani-ke ukuqiniseka kwezi Ntsha,—“Iyona eqinisa Ngami,”³ UMsindisi, Yena okugxumekeke Kuye amatemba etu okupila okupakade. Yebo. Lonke i Baibele lisityela ngo Kristu. Kususela endabeni yokudala,—ngokuba “ngapandhle Kwake akwenziwanga luto, olwenziwayo,”⁴ —kuze kube sesitembisweni sokugcina esiti, “Bheka ngiyeza masinyane,”⁵ Siyafunla ngemisebenzi Yake siyalalala i Lizwi Lake. Uma utauda ukwejwayelana no Msindisi, funda izi Balo ezi Ngcwele.

Gcwalisa yonke inhliziyo ngamazwi ka Nkulunkulu. Angamanzi apilileyo, acima ukwoma kwako okutshisayo. A isinkwa sokupila esivela ezulwini. U Jesu ushumayela uti,—“Ngapandhle kwokuba nidhle inyama ye Ndodana yesintu, nipuze igazi Layo, aninako ukupila kinina.” Ubuye azicaze ngokuti, “Amazwi engi-

¹Mhiabeleli 33. 5; 1*7. 43.

²Jakobe 5. 17.

³Johane 5. 39.

⁴Johane 1. 3.

⁵Isambulo 22. 12.

wakulumayo kini, angumoya, angukupila.”¹ Imizimba yakeka ngaloko esikudhlayo naloko esikupuzayo; njengaloku kunjalo ekongeni kwendabuko, kunjalo nokonga ezintweni zomoya; iloko esikucamangayo okunika isisusa, namandhla esimweni setu somoya.

Isisusa sokusindiswa ileso ezisitandayo kakulu nezitunywa zezulu ukubheka kusona; kuyakuba ukwazi okuhlakanipileyo, nesihlabelelo sabasindisiweyo kuzozonke izikati ezingapeliya zapakade. Akufanele yini ke sikucabangisise ngokunakekela sikupenyisise manje? Umusa ongapeliyo notando luka Jesu, umnikelo awenzayo ngenxa yetu kuswele ukucatyangwa ngomcamango ojulileyo. Sifanele sibukusise esimilweni so Msindisi wetu otandekayo no Mncengeli wetu. Sifanele ukucamangisisa ngodaba Lwake oweza kusindisa abantu Bake ezonweni zabo. Uma sicainanga ngokunjalo izindaba zase zulwini, ukolo lwetu notando, kuyakukula ngamandhla, nemitandazo yetu iyakwamkeleka ngokungapezulu ku Nkulunkulu, ngoba iyakuya iya ihlangana ngokuhlangana nokolo notando. Imitandazo yetu iyakuba nokwazi, itshise, ifudumale. Kuyakubakona ukutemba okukulu okungapeliyo ku Jesu, nokwazi okupilileyo kwemihla yonke kwamandhla Ake apilisayo kuze [83] kube sekupeleni, kubobonke abeza ku Nkulunkulu ngaye.

Uma sicamanga ngakokonke ukupelela ko Msindisi, siyaku-fisa ukuba sipendulwe impela, senziwe batslia emfanekisweni wokucweba kwake. Kuyakuba kona ukulamba nokunxanela kwompefumulo ukuba sibenje Ngaye esimkulekayo. Oku ikona imicamango yetu ipezu kuka Kristu, kuyakuba ikona sibangeleka ukuba sikulume Ngaye kwabanye, simetule ezweni lonke.

INcwadi eNgcwele ka ilotyelwanga okwazi ukufunda yedwa, kepa yenzelwa abantu abapantsi. Amaqiniso amakuluafanele ukusindisa enziwa akanvya njengemini; abako abayakuposisa balahlekelwe indhlela yabo, ngapandhle kwalabo abalandela inhliziyiyo zabo, endaweni yentando ka Nkulunkulu epenywe yabasolubala kangaka.

Asifanele ukutata ukufakaza noma okukabani, bokuti isiBalo sifundisa loku naloku; kodwa sifanele ukuzifundela izwi lika Nkulunkulu ngokwetu. Umasivumela abanye ukuba basicamangele siyakubhatsha, namandhla etu angapeleli. Amandhla etu

¹Johane 6. 53, 63.

amakulu omcamango angabhatsha, abhatshiswe ukuswela ukusetyenziswa ezindabeni ezifanele onke amandhla emicamango yetu, futi ilahlekelwe ngamandhla okubamba inkulumo ezijulileyo zezwi lika Nkulunkulu. Umcamango uyanda uma usetyenziselwa ekufuneni umkondo wokuvumelana kwendaba ezilotywe e Baibeleni, ukufanisa isibhalo, kanye nesinyo isibhalo, nezinto zomoya uzifanise zodwa.

[84] Akuko luto olungapezulu, nolufanele kakulu ukuqinisa umqondo njengolokupenya iziBhalo. A yiko enye incwadi enamandhla njengale ekupakamiseni imicamango, ukunika amandhla emqondweni, njengamaqiniso amakulu nabanzi eNcwadi ka Nkulunkulu. Uma izwi lika Nkulunkulu beliefundwa njengokuba lifanele, abantu ngakuba banemicamango ebauzi, benesimilo esipakamileyo, benokugxila okumileyo kuloko abukuqondileyo, lokuke okungavamile.

Kodwa ke akuvamisi ukufumaniseka luto ekufundweni kwezibhalo ngamaputu. Umuntu anga ifunda a ipumele ngapaya, kepa ehluleke ukububona ubumnandi bayo, mhlaumbe ukuqonda izinkulumo zayo ezijulileyo nezifihlakeleyo. Ukufunda indawo ibenye, kuze kuqondakale kueace emcamangweni, kwambuleke icebo lokusindisa okukulunywa ngalo, kwendhlula kakulu kunokufunda izahluko eziningi ngapandhle komqondo oqondiweyo, futi akuko nesifundo esitolakalayo. Igeine kuwe i Baibele yako. Njengokufumanisa kwako ituba u if unde, izahluko uzibeke emcamangweni. Kuti noma uhamba emigwaqweni, ungafunda indawana ucamange ngayo ngalendhlelake u ihlalise emcamangweni wako.

[85] Asinako ukutola ukuhlakanipa ngapandhle kokunakekela okukulu, nangokufunda ngokukuleka. Ezinye izindaba esi Balweni zilula kakulu ukuba zitihlakale; kodwa zikona ezinye okungeko olubala loko ezikukulumayo, okungeze kwabonwa ngokubhekanye kodwa. Isi Bhalo sifanele ukuba sifaniswe nesinye isi Bhalo. Kufanele ukuba kubekona ukupenyisisa ngokunakekela, nokucamanga ngokukuleka. Ukufunda okunjeke kuya kuholeleka kakulu. Njengaloku umumbi wamatye anqabileyo ebona umtambo weliye elinqabileyo lifihlakele ngapantsi komhlaba, kuyakuba njalo ke nakulowo openyisisa ngesineke i Zwi lika Nkulunkulu, epenya ngati ufuna imfuyo elahlekileyo, ukufumanisa kwake amaqiniso a igugu elikulu kakulu, afihliweyo ekubonakaleni kulowo ofuna

ngokunganakekeli. Amazwi anika umoya, alondolozwe enliliziyweni, ayakuba njengemifula egeleza ipuma emtonjeni wokupila. Noma inini i Baibele alifanele ukufundwa ngapandhle komtandazo. Ngapambi kokuba sivule amakasi ayo sifanele ukucela ukukanya ko Moya o iNgcAwele. siyakunikwa kona. Ekuzeni kuka Natanyeli ku Jesu U Msindisi wati:—“Bheka u mIsrayeli wempela, ekungeko kuye inkohliso!” U Natanyeli wati:—“Unga zelapi Xkosi na?” U Jesu wapendula wati:—“Nga pambi kokuba u Filipu akubize loku wawupantsi komuti womkiwane, Ngakubona.”¹ U Jesu uyakusibona sonke futi endaweni zetu ezifihlakeleyo zokutandaza, uma sifuna Yena ukuba ake ukukanya kwetu, ukuba sazi ukuti iqiniso yini. Izitunywa zezulu ezivela ezweni lokukanya ziya kuba nalabo abati ekutobekeni kwenhliziyo bafuna uku holwa kwa Pezulu.

U Moya o iNgcwele upakamisa udumisa u Msindisi. Ngumsebenzi wawo u Moya, ukunikela u Kristu, ukucweba kobulungisa Bake, nosindiso olukulu, esinalo ngenxa Yake. U Jesu uti:—“Uyakwamkela o Kwami, uyakukubonisa kini,”² UMoya we qiniso kupela komfundisi osizayo ekufundiseni ama qiniso a Pezuulu. U Nkulunkulu abantu ufanele ukuba linganisa kanjani, njengoba anikela i Ndodana Yake ukuba ibafele, wemisa noMoya Wake ukuba ube ngumfundisi wabantu nomholi ongaye kiyoyi!

[86]

¹Johane 1. 47, 48.

²Johane 16. 14.

IZIHLOHO 11—ITUBA LOKUKULEKA

Ngayo indabuko nangeziboniso, ngawo umusa Wake; nangawo amandhla o Moya Wake, u Nkulunkulu uyakuluma kitina. Kodwa lezi azanele; kufanele ukuba nati inhliziyo zetu sizikipele zonke Kuye. Ukuze sibe nokutola ukupila komoya, namandhla kufanele ukuba sibenobudhlelane uoBaba wetu oseZulwini. Imicamango yetu kufanele ukuba ibhekiswe Kuye; sicamange ngemisebenzi Yake, u musa Wake, izibusiso Zake; kodwa loku akusibo ubudhlelane naye ngokugcweleyo. Ukuze sibe nobudhlelane no NKulunkulu kufanele ukuba sibe nesikutshoyo Kuye ngokupila kwetu esikupilileyo.

Ukukuleka ukuvula inhliziyo ku Nkulunkulu njengaloku sinoku ivula esihlotyeni setu. Kungesiko ukuti kufanelekile ukuba sazise ku Nkulunkulu loko esiyiko; kodwa kube ukuba sibe namandhla okuMamukela. Ukukuleka akumehlisi u Nkulunkulu kumlete kitina, kodwa kuyasenyusa kusiyise ku Yena.

[87] Ngesikati u Jesu esemhlabeni wafundisa aba fundi Bake uhlobo abangakuleka ngalo. Wabatyela ukuba inswelo zabo zemihla ngemihla bazibeke pambi kuka Nkulunkulu, inhlupeko zabo bazibeke pezu Kwake. Nalelo qiniso abanika lona lokuti izicelo zabo ziyakuzwiwa. nati futi Hinikiwe lona.

U Jesu ngokwake, ekuhlaleni kwake pakati kwabantu, wayekuleka ngaso sonke isikati. UMsindisi wetu wa zenza munye nezinswelo zetu, nobutakataka betu, ngaloku waba sesikundhleni setu, wabangumceleli wetu, wazifunela ku Yise amandlila amatsha, ukuze eze elungele ukusebenza nezilingo. Ungumboniso wetu kuzozonke izinto. Ungumzalwane ebutakatakeni betu. “Kuzozonke izinto walingwa njengokuba silingwa”; kodwa njengongenacapaza isimilo sake sabaleka kokubi; wabekezela ubunzima obukulu nokuhlutshwa kompefumulo elizweni lesono. Ubuntu bake benza ukuba ukukuleka kube-umsebenzi uemfanelo. Wafumana ukutokoza nokujabula ebudhle laneni no Yise. Uma ke UMsindisi wabantu, i Ndo-dana ka Nkulunkulu wezwa ukusweleka komkuleko, kukangakanani

ke kitina esibutakataka ukufanele ukuba sikuleke sonke isikati, tina abazimilo ezibi ezifayo?

UBaba wetu oseZulwini ulindele ukubeka pezu kwetu ukugcwala kwezibusiso Zake. Kulituba letu ukupuza kakulu emtonjeni wotando olungapeliyo Akusiso yini isimangaliso ukuba sibe sikuleka kancane kangaka? U Nkulunkulu ulungile, futi Uyavuma ukuzwa imitandazo yesineke, yabantwana Bake abatobekileyo; kanti noko kukona ukungavumi kitina ukuba sise inswelo zetu ku Nkulunkulu. Izitunywa zezulu zingacamangani nga bantu ababutakataka njengati nje, abapantsi kwamandhla esilingo, uma inhliziyi kaNkulunkulu yotando olungapeliyo isikalela, ilungele ukubanika loko abangenamandhla okukucela nokukucamanga; kanti noko bakuleka kancane kangaka, banokolo oluncane kangaka? Izitunywa zezulu ziyatanda ukutoba pansi pambi kuka Nkulunkulu, ziyatanda ukuba seduze naye. Ukuba nobudhlelane naye zikucamangela ukuba iyona ntokozi engapezu kwazo zonke; kanti noko abantwana abasemhlabeni abalufuna kangaka usizo abangabelufumana kuNkulunkulu kupela, babonakala banelisiwe ukuhamba ngapandhle kokukanya koMoya Wake, nobulingane bo buso Bake.

[88]

Ubunmyama bokohlakeleyo buyabavimbela labo abanqaba ukukuleka. Izilingo ezihletywa izita zabo ziyabahaula ukuba bone; lokukonke kuva ngoba bengawasebenzisi amalungelo abawanikwe ngu Nkulunkulu ekumt seni kwake ugobu Nkulunkulu ukukuleka. Kungani ukuba izintombi, namadodana ka Nkulunkulu benqabe ukukuleka, loku ukukuleka ku isihlutulelo esi.sesandhleni sokolo ukuvula izindhlu ezinkulu zase zulwini, lapo kulondolozwe kona inifuyo engabalisekivo yo Pezu konke? Ngapandhle kokukuleka okungayekiyo, nokulinda kwempela sisengozini yokuba sibe ngabanganakekeliyo, nabapambukayo endhleleni elungileyo. Isita siyafuna sonke isikati ukuvala indhlela eya esihlalweni somusa, ukuze singabinako ngokucela, ngesineke, nangokolo sizuze umusa namandhla okwenqaba izilingo.

Kukona izimiselo ezitile esingalindela ngazo ukuba u Nkulunkulu asizwe apendule imitandazo yetu. Esokuqala salezi zimiselo esokuba sizizwe ukuba sifuna usizo oluvela Kuye. Utembisile ukuti “Ngiyakutela amanzi kulowo owomileyo nemisinga emhlabeni ey-

omileyo”¹ Labo abalamba bomele ukulunga abafuna uNkulunkulu bangaqiniseka ukuba bayakwesuta. Kodwa inhliziyo kufuneka ivulekile emandhleni o Moya, ngapandhle kwalokoke izibusiso zika [89] Nkulunkulu azinakwamkelwa.

Inswelo yetu enkulu nayo ngokwayo iludaba, iyacela kabukali ngenxa yetu. Kodwa iNkosi kufanele ukuba incengwe ukuba isenzele lezizinto. Iti:—“Celaui niyakupiwa” Futi “Lowo onga yigcinanga eYake I Ndodana, kodwa wa yinikela ngenxa yetu sonke, angatini ukuba angati Ngayo futi asinike zonke izinto ngesihle?”¹

Uma sigcina i nkohlakalo ezinhliziyweni zetu, umasi bambelela nakusipi isono esazekayo. iNkosi a yinakusizwa; kodwa ukukuleka kokupenduka, nenhliziyo ezisolayo. kuyamkeleka ngaso sonke isikati. Uma zonke izono ezazekayo sezilungisiwe, singakolwa ukuba u Nkulunkulu uyakupendula izicelo zetu. Imisebenzi yetu ngokwayo a yinako ukusiyalela emuseni ka Nkulunkulu; ukuba namandhla kuka Jesu okuyakusisindisa; igazi Lake elingasi hlambululayo; kanti noko sinomsebenzi esifanele ukuwenza ovumelana nezimiselo zokwamkela usindiso.

Esinyo futi isiqalo somkuleko osizayo lukolo “Lowo ozayo kuNkulunkulu kufanele ukuba, akolwe ukuti Ukona, nokuti ungumvuzi wolabo abamfuna ngesineke.” U Jesu wati kubafundi Bake “Lezozinto noma zi yini, enizifisayo uma nikuleka, kolwani ukuba niyakuzamkela, niyakuba nazo.”² Siyalikolwa ke izwi Lake?

Leliqiniso libanzi alinamkaulo, ukolekile Lowo olitembisile. Uma singazamkeli lezozinto esizicelayo, nangalesosikati esizicela ngaso, sifanele sihlale ngokukulwa ukuba i Nkosi iyezwa; nokuti futi iyaku ipendula imitandazo yetu. Siposisa kangankuba, futi si izimpumpute zokuba, siti ngezinye izikati sicele izinto ezin- [90] gasizo i zibusiso kiti ati ke u Baba wetu ose Zulwini otandweni

apendule imitandazo yetu ngokusinika loko okuyakuba okulungileyo kakulu kitina,—loko ebesingakufunayo nati ngokwetu uma besite ngokukanyiswa kwapezulu saba nokubona zonke izinto njengaloku zinjalo. Uma imitandazo yetu ingati a ipendulwa. sifanele sibambelele esitembisweni; ngokuba isikati soku- pendula siyakufika ngeqiniso, siyakusamkela isibusiso esisifuna

¹Isa 44. 3.

¹Matt. 7. 7; Rom. 8. 32.

²Heb. 11. 6; Marko 11. 24.

kakulu. Kodwa umasiti imitandazo iyakupendulwa sonke isikati ngalevondhlela, ipendulwa kuleyonto kanye es ifunayo, ukuzicamangela nje. UNkulunkulu uhlakanipile kakulu ukuba aposise, futi ulungile kakulu angeze enqaba naloko okulungileyo kulabo abahamba ngokulungileyo. Musani ke ukwesaba ukumtemba noma ninga iboni masinyane impendulo yemitandazo yenu. Yeyamani, nitembe esitembisweni sake esiliqiniso “Celani niyakupiwa.”

Uma sitata, amacebo etu ngokungabaza nangokwesaba, mhlaumbe silinga ukuba kusieaele ukuba sibone zonke izinto kahle, ngapambi kokuba sibenenkolo, kuyakuvama ukudidekanje kupela kube kuningi. Kodwa uma siza ku Nkulunkulu seyame kuye ngokuziqonda ukuba asina mandhla, njengaloku sinjalo nempela siti ngokolo lokuzi toba simazise loko esikuswelevo, Yena onamandhla angenamkaulo, obona zonke izinto ekudalweni, nobusa zonke izinto ngeNtando nangezwi Lake, Uyakulalela, ngoba enamandhla okwenza njalo, kuko konke esikala ugako, uyakuvumela ukukanya Kwake kukanye ezinhliziyweni zetu. Ngomkuleko onesineke siyaletwa ebudhlelaneni bwemicamango nonamandhla a-nge nam-kaule. Singeze mhlaumbe sibe nabo ubufakazi obueacile ngaleso sikati bokuti ubuso bo Msindisi wetu butobe pezu kwetu [91]

ngomhau nangotando; kodwa loku kona kunjalo. Singeze mhlaumbe sakuzwa ukusitinta Kwake okubonakalayo, kodwa isandhla Sake sipezu kwetu ngotando nosizi nomunyu.

Lapo sizakucela umusa nezibusiso ku Nkulunkulu sifanele ukuba sibe nomoya wotando nokutetelela ezinhliziyweni zetu. Singatini ukukuleka ngokuti “Sitetelele amacala etu, njengaloku sibatetelela labo abasonayo tina,”¹ kanti noko sibileli emoyeni wokungateteleli ? Uma silindele ukuba eyetu imitandazo izwiwe, sifanele ukuba tetelela abanye ngalo loluhlobo nakangangokuba silindele ngalo nati ukuba sitetelelwe.

Ukwenza isineke ekukulekeni isona simiselo sabekwayo sokwamkela ukutetelelwa. Sifanele sikuleke njalo uma sitanda ukukula elukolweni nasekwazini. Sifanele sibe se “Mtandazweni sonke isikati ” uku “hlala e mtandazweni njalo silinde kuwo ngokubonga,”² uPetro wabayala abakolwayo ukuba bahlale be “sile balinde emtan-

¹Matt. 6. 12.

²Roma 12. 12; Kolose 5. 2.

dazweni.”³ UPaule usiyala ati:—Kuzo zonke izinto ngokukuleka nangokunxusa, nangokubonga, ma zenziwe izicelo zenu kuNkulunkulu.⁴ “Kodwa nina bataudekayo utsho ke uJuda, Nitandaze kuMoya o iNgcwele zigcineni olandweni luka Nkulunkulu.”⁵ Ngokungayeki ekukulekeni, ilapo kukona inhlangotho engapukiyo yompefumulo kanye noNkulunkulu, ngokunjalo ke ukupila okuvela kuNkulunkulu kugelezela kokwetu ukupila; kusuke kokwetu ukupila kupupume ukuhlambululeka, nokucweba kuye ku Nkulunkulu.

[92]

Kukona ukusweleka ukuba umtaudazo wenziwe ngesineke; makungabiko luto olunenqabelayo. Yenzani yonke imizamo ukuba kuvele ubudhlelaue pakati kwowako umpefumulo no Jesu. Funa wonke, amatuba okuba uye lapo kuvama kona ukwenziwa imitandazo. Labo, abafuna ubudhlelane no Nkulunkulu ngempela bayakubonwa enhlanganisweni zemitandazo, bekolekile emisebenzini yabo, bomile, befisa ukuzuza konke okungafunyaniswayo. Befisa njalo ukwenza ngcono onke amatuba okuba bazibonakalise lapo, lapo bangamkela kona imisebe yokukanya okuvela ezulwini.

Sifanele ukukuleka nasemizini yetu; nangapezu kwako konke singawudembeseli umtandazo wangasese, ngoba loku kungukupila kompefumulo. Kungezeke nakanye ukuba umpefumulo ukule ngaso sonke isikati umtandazo udembeselwe. Umtandazo wase zi ndhlini noma owangasese yodwa ayanele. Uma sihlolile sisodwa umpefumulo kufanele ukuba uvulwe impela ukuba uhlolwe liliso lika Nkulunkulu. Umtandazo wangasese ufanele ukuzwiwa nguNkulunkulu ozwa imitandazo ukupela. Akuko ndhlebe enye engenamsebenzi efanele ukwamkele umtwalo wezicelo ezingangalezi. Emtandazweni ongasese umpefumulo ukululekile kukokonke okuzungezileyo, ukululekile nasovalweni. Ngokutula, kanti noko ngamandhla uyakupumela ku Nkulunkulu. Ayakubamnandi, abe angapeliyo amandhla avela Kuye obonayo ekusitekeni ondhlebe evulekele ukuzwa umtandazo ovela enhliziyweni. Ngokolo, oluhle nolutambile, umpefumulo uba nenhlamgano noNkulunkulu, ubutele imisebe yamandhla okukanya kuka Nkulunkulu ukuba kuwuqinise kuwugcine empini yawo no Satana. UNkulunkulu u intaba yetu yamandhla.

[93]

³1 Petro 4. 7.

⁴Phil. 4. 6.

⁵Juda. 20. 21.

Tandaza egumbini lako; noma uhamba emsebenzini wako wemihla ugemihla, inhliziyi yako maihale ipakamisekele kuNkulunkulu. Kwaba ngohlobo olunje awati u Enoki wahamba noNkulunkulu. Lemitandazo etulileyo ipakaina njengepunga elimnandi pambi kwesihlalo somusa. USatana kanakumehlula ouhliziyi izinze kangaka ku Nkulunkulu.

Akukosikati nandawo lapo, kungafanele kona ukuba sinikele izicelo zetu kuNkulunkulu. Akukoluto oluugasenqabela ukuba singazipakamisi izinhliziyi zetu ngomoya womtandazo onesineka. Pakati kwezixuku ezisemigwaqweni, pakati kokukulu ukupateka yimisebenzi singasitumela isicelo setu kuNkulunkulu, sinxuse ukukokelwa nga Pezulu, njengaloku enzenjalo uNehemiah ekwenzeni kwake isicelo sake pambi kweNkosi uAratekesesi. Ubudhlehlane obusesite bungafunyaniswa noma sikupi. Sifanele iminyango yenhliziyi zetu siyivule sonke isikati, kuti izimemo zetu zenyyukele pezulu ukuba uJesu eze, ahlale njengesimenywa sasezulwini empefumlweni.

Noma uraoya osizungezileyo ungomubi nongapilileyo asifanele ukuba sipefumule umkuhlane wawo, kodwa singapila ekucwebeni komoya wasezulwiui. Singa yivala yonke iminyango emicamangweui emibi nasezizindhlweni ezingacwebileyo, ngokupakamisa umpefumulo pambi kukaNkulunkulu ngomtandazo wesineke. Labo abanenhliziyi ezivulekele ukwamkela ukupaswa, nesibusiso sika Nkulunkulu bayakuhamba emoyeni ocwebileyo kunalowo wasemhlabeni baya kuhlala benobudhlehlane obungapeliyo ne Zulu.

Kufanele ukuba sibenemicamango ecaee ngapezu kwaloku ngo Jesu nokuqonda okugwele ngapezu kwaloku ngenani lamaqiniso akanapakade. Ubuhle bokucweba bufanele bugcwalise inhliziyi zabantwana baka Nkulunkulu; ukuze ke loku kwenzeke, sifanele ukufuna izimau galiso zezinto zanga Pezulu.

Umpefumlo maukitshwe wenyuswe ukuze uNkulunkulu asinike ukupefumula komoya wase Zulwini. Sifanele ukuba seduze kangaka ku Nkulunkulu ukuze kuti eziling weni zetu esingazilindele, imicamango yetu ipendukele kuye njengaloku imbhali ipendukela elangeni.

Zonke iswelo zenu, injabulo zenu, intsizi zenu, inhlupeko zenu, nokwesaba kwenu kubekeni pambi kuka Nku lunkulu. Aninako ukumsindisa ugemtwalu; aninakum dinisa. Lowo okwazi ukubala

inani lezinwele zenu, akanako ukulibala izintswelo zabant wana Bake.

“I Nkosi inesihau esikulu inomusa otambileyo”¹ Inhliziyo Yayo yosizi iyatinteka zinsizi zetu, noma sikuluma ngazo. Yisani kuye konke okuhlupa imicamango yenu. Akuko luto olukulu kakulu kuye ukuba alutwale, ngokuba Upakamisa imihlaba, ubusa zonke izindaba zalolonke ilizwe. Akuko luto olupete ukutula kwetu olungaba luncane kuye ukuba angaluboni. Akuko sahluko ekwazini kwetu esimnyama kuye ukuba angesifunde, akuko kudideka okulukuni kuye ukuba angekuhlaluse. Akuko ngozi engavelela nomncane wabantwana Bake, kungeko luvalo olungahlupa umpefumulo, akuko ntokozo ekanyisa, kungeko mkuleko opeleleyo opuma emlonyeni angase angawuboni u Baba wetu. Ose Zulwini, angeze futi autokozele masinyane Yena. “Upilisa inhliziyo eyapukileyo abope amanxeba azo.”¹ Ubuzalwane obupakati kuka Nkulunkulu nompefumulo ngamunye buyabonakala bugcwele sengati awuko omunye umpefumulo pezu komhlaba onesikalo sonakekelo Lwake. Sengati awuko omunye umpefumulo awunikela i Ndodana Yake etandekayo.

U Jesu wati “Niyakucela ngegama Lami; angitsbo ukuti ngiyakukuleka ku Baba ngenxa yenu, ngokuba uBaba ngokwake uyanitanda.” Nginiketile . . . ukuba kuti noma ngubani oyakucela kuBaba egameni lami, Uyakumnika.² Kodwa ukukuleka egameni lika Jesu ku yinto engapezulu kokufane nmuntu alipate lelogama ekuqaleni nasekugcineni kokukuleka. Kungukukuleka emcamangweni osemoyeni ka Jesu, uma sikolwa izitembiso Zake kufanele seyame emuseni Wake sisebenze imisebenzi Yake.

UNkulunkulu akatsho ukuti noma ubani wetu makabe lilolo mhlaumbe abe ngumhamba wodwa, acatshe ezweni, ukuze sibenokuzinikela emisebenzini vokukuleka. Ukupila kwetu kufanele ukuba kube njengokuka Kristu pakati kwezintaba nezixuku. Lowo ongenzi luto kupela ukutandaza uyakuyeka masiyane ukutandaza, mhlaumbe umtandazo wake uyakupenduka ube lisiko nje elenziwayo. Uma abantu bezikipa pakati kwabantu, pakati komsebenzi wabantu abakolwayo, nokutwala isipambano; lapo sebeyeka ukusebenza ngesineke kuyo iNkosi, eyabasebenzela

¹Jakobe 5, 11.

¹Izihlabelelo 14. 2, 3.

²Johane 16. 26, 27; 15. 16.

ngesineke yona, bayalahlekelwa ngumtandazo, bangabi nayo inkutalo yokuzinikela. Imitandazo ipen duka ibhekise ebantwini nakubo ngokwabo. Abanako ukukuleka ngenzwelo zoluntu, mhlaumbe ukubumba umbuso ka Kristu, banxuse amandhla okungasetyenzwa ngawo lomsebenzi. [96]

Siyalahlekelwa umasenqaba ituba lokuba sihlangane udawonye, ukuqinisa sikutazane omunye nomunye enkonzweni ka Nkulunkulu. Amaqiniso eZwi Lake olahlekelwa nkukanya kwawo nobukulu bawo emcamangweni yetu. Inhliziyo zetu zipele ukukanyiseka, nokululekwa ngamandhla ake acwebisayo sibe se sehla emoyeni. Ezinhlanganisweni zetu njengamakolwa silahlekelwa okuningi ngokuswela usizi omunye komunye. Lowo ozivalela yedwa akasigcwalisi isikundhla ayeqonde ukuba eme kuso u Nkulunkulu. Ukulungisa okulungile kweziqalo zokuhlangana kwetu ezimilweni zetu kusiletela ukuba sibe nosizi omunye komunye, ku indhlela yokuhamba bisela pambili namandhla kiti emsebenzini ka Nkulunkulu.

Uma amakolwa abengahlangana udawonye, akulumisane ngotando luka Nkulunkulu, nangamaqiniso amahle okusindiswa, inhliziyo zawo bezingakutazeka. futi akutazane. Singafunda zonke izinsuku okungapezulu ngoBaba wetu ose Zulwini sitole ukwazi okutsha ngomusa wake; kona singafisa ukukuluma ngotando Lwake; uma senzaloku inhliziyo zetu zifudumale sikutazeke. Uma besingacamanga sikulume ngapezulu ngo Jesu, sikulume kancane ngokwetu, singatola okungapezulu kobukosi bake.

Uma besingacamanga ngo Nkulunkulu futi futi njengaloku sinobufakazi bokusinakekela Kwake, besifanele ukumgcina emcamangweni yetu izikati zonke. Sibonge Yena. Sikuluma ngezihlobo zetu, ngoba sizitanda; intokozo zetu, nensizi zetu zibopelelene nazo. Kanti noko kukona isizatu esingapezulu kakulu sokuba sitande u Nkulunkulu, kunokutanda izihlobo zetu zase mhlabeni bekufanele ukuba kube yinto eyandile ezweni ukuba senze Yena ukuba abe ngowokuqala emicamangweni yetu, sikulume ngokulunga kwake, sikulume ngamandhla Ake. Izipo ezicebileyo asinikele zona asizinikelwanga ukuba zibambe imicamango yetu notando lwetu kangaka ukuba singabi naluto esingalunikeza uNkulunkulu; zifanele ukuba sikumbuze Ngaye ngasonke isikati zisibope ngezibopo zotando, nokubonga kuMsizi wetu wase Zulwini. Sihleli eduze [97]

kakulu nemihlaba ezikileyo yomhlaba. Masipakamise amehlo etu siwabhekise emasangweni avulekileyo endawo e ingewele yapezulu lapo kukanya kona ukukazimula kuka Nkulunkulu ebusweni buka Kristu, “onamandhla okusindisa kuze kubesekupeleni, labo abeza ku Nkulunkulu Ngaye.”¹

Kufanele simbonge u Nkulunkulu ngapezu “Ngenxa yobulungisa Bake, nangenxa vemisebenzi Yake emangalisayo kubantwaua babantu.”² Imisebenzi yetu yokuzinikela akufanele ukuba kube eyokucela nokwam kela kupela. Masingacamangi njalo ngenzwelo zetu, singacamangi neze ngaloko esikwamkelayo. Asikuleki kakulu, kodwa siyazonga ekubongeni. Singabamkeli ngaso sonke isikati bonmsa ka Nkulunkulu, kanti noko sibonga kancane; kanti noko simbonga kancane, ngaloko asenzela kona!

[98] Endulo i Nkosi yati kwaba kwa Israyeli, lapo behlangana beza ku ikonza, “Niyakudhla pambi kuka, Jehova u Nkulunkulu wenu, niyakutokoza kuko konke eniyakubeka izandhla kuko, nezindhlu zenu, lapo u Jehova u Nkulunkulu wenu enibusisela kona.”¹ Loko okwenzelwa ukudunyiswa kuka Nkulunkulu. kufanele kwenziwe ngokutokoza, ngokuhlabela nangokubongal kungesiko ngokudana nangokuvilapa.

U Nkulunkulu Wetu utainbile, u Baba onomusa. Umsebenzi wake akufanelekile ukuba ubukwe njengomsebenzi ohlupayo nowosizi. Kufanele ukuba kube ngokwenjabulo, ukukuleka e Nkosini, nokuba semsebenzini Wayo. U Nkulunkulu katandi ukuba abantwana bake, abenzela usindiso olungaka ukuba benze songati ulukuni futi uyacindezela. Ungumhlobo weqiniso; lapo bekuleka kuye utanda ukuba nabo, ukuze ababusise abaduduze; izinhliziyi zabo azigcwalise ngentokozo nangotando. I Nkosi ifuna ukuba abantwana Bayo baduduzeke enkonzweni yayo, bufumanise intokozo ngapezu kosizi emsebenzim wayo. Ifisa ukuba labo abeza enkonzweni yayo, beze nemicaniango emihle ngotando lwayo, noku nakekela kwayo. Ukuze bavuseleleke kuyoyonke imise benzi yemihla vonke, ukuze babenomusa wokuse benza ngobulungisa, nangokukolekileyo kuzozonke izinto.

¹Hebere 7. 25.

²Izihlabelo 107. 8.

¹Deut. 12. 7.

Kufuneka ukuba sizungeze isipambano. U Kristu Yena ebetelwe ufanele ukuba abe ludaba lokucatvangwa. lokukulunywa, nolwezimvalo zetu ezitokozileyo. Sifanele ukugcma emicamangweni yetu sonke isibusiso esisamkela ku Nkulunkulu; nalapo sesiqonda utando Lwake olukulu, sifanele ukuba sivume ukutembela konke esandhleni esabetelwa esipambanweni ngenxa yetu. [99]

Umpefumlo ungenyukela eduze kwezulu ngamapiko okubonga. UNkulunkulu uyabongwa, ngokuhlabelelanangengoma ezinkndhleni zangapezulu, nalapo sibeka ukubonga kwetu. sisondelela ekubongeni kwemikosi yase Zulwini. “Lowo owenyusa izibongo udu misa u Nkulunkulu.”¹ Masize Kuye ngentokozo yokuzitoba, pambi ko Mdali wetu ngokubonga, nangezwi elimnandi.² [100]

¹Izihlabelelo 1. 23.

²Isaya 21. 3.

IZIHLOHO 12—MASENZENI NGOKU NGABAZA.

Baningi, kakulu kulabo abasagena ekuhambeni kobu Kristu, aba'de bekatazeka imizindhlo yokungabaza. E Baibileni kukona izinto eziningi abangenakuzieasisela baziqonde, u Satane ke ufike atate zon'ezinjalo asebenze ngazo ukuxegisa ukukolwa kwabo em-Bhalweni ukuti iwona oisambulo esivela ku Nkulunkulu. Baye bazibuze ngokuti, “Konje indhlela okuiyona—yona ngingayazi kanjani na? Uma i Baibile i ilizwi lika Nkulunkulu ngempela, ingaze ingitukulule kanjani kuloku kungabazu enginako nalenkatazo?”

U Nkulunkulu akaze angasibizela ekukolweni'qede angasiniki ubufakazi obanele esingati sakele kubo ukukolwa kwetu. Ubukona Bake, isimo Sake, ukuqiniseka kwe 'zwi Lake, konke loku kukanyiswa bufakazi obufike bubonakale ekuqondeni kwetu; lobu 'fakazi buningi. Kanti noko u Nkulunkulu akabonanga asuse nya isimo sokuba kungakona nokungabaza. Ukukolwa kwetu ku fanele kugxile pezu kwento esobala, kungabi pezu kwento elinganiswayo ngamazwi. Labo abanemfiso yokungabaza nabo banalo ituba; kanti nalabo abalifuna ngokwempela iqiniso banokuzuza ubufakazi obanele abangakela kubo ukukolwa kwabo.

[101] Ku unqabele umqondo onomkaulo ukubambisisa ugo kwanele isimo nemisebenzi ya Lowo Ongenamkaulo. Lesi 'Sibili esingcwele siyakuhlala sembeswe imfihlo engenakuqondwa nangabahlakanipile kakulukazi nangabafunde ngokupakeme. “Ungahle ngokumfuna umtole na u Nkulunkulu? uhle ngokumtola umazisise ngokupelele? Kupezulu nje ngezulu; ungenz'enjani? kujule ngapezu kwesihogo; ungazi kanjani?”¹

Umpostoli Paule uti, “Kukulu ukujula komcebo wokuhlakanipa nokwazi ruka Nkulunkulu! izahluelo Zake azinakupenywa, nendhlela Zake zidhlule ekubeni zibe nokuqondwa?”² Kodwa noma “amafu nobumnyama bu m'zungezile, ubulungisa nezahlulelo

¹Job. 11. 7, 8.

²Rom. 11. 33.

'sisekelo sesihlalo Sake sobukosi."³ Sinokuqonda kancane izezenzo Zake kiti, nozwela abanalo, kupela ngokubona utando olungenamkaulo, nomusa oxubene namandhla angapeli, kitina. Singabanokuqonda loko asuke e ku cabangile ngati kupela kulezozinto ezi usizo ukuba sizazi; ngapezu kwaloku sifanelwe ukwetemba, kupela, isandhla esipezu konke nenhliziyo egcwele lutando.

Izwi lika Nkulunkulu, nje ngesimo so 'Mnini, lifike lisevezele imfihlakalo engenakuze ibenokuqondwa izinto ezinesipelo. Ukungena kwesono emhlabeni, ukwembata inyama kuka Kristu, ukuzalwa ngokutsha, uvnko, nezinye izindaba eziningi esiziboniswayo e Baibileni, 'zimfihlakalo ezinzulu kakulu ukuqondwa ngumuntu abe nokuzicasisela, azibonise ngokugcwele. Kodwa u Nkulunkulu usinikile ubufakazi obanele esi Balweni ukuba sizibone ukuba e Zake, ngako akufanelekile sibe nokungabaza Izwi Lake ngenxenye yokuba singenakuqonda imfihlakalo yobukosi Bake tina ngokwetu. Kuleli'zwe kwandile ukuba sihaqwe 'zimfihlakalo esingenakuze sifikelele ebunzulwini bazo siziqonde. Zona nje izintwana ezidelekile zendalo zifike zibonakalise ubulukuni obungenakuqaqwa naizazi ezihlakanipe kakulu. Yonke indawo sibona izimangaliswa ezingapezu komqondo wetu. Poke, singamangaliswa yini inxa kukona izimfihlakalo esingenakufikelela ebunzulwini bazo ezweni loraoya na? Ubunzima sibufunyana kupela ebutakatakeni nase buncaneni be ngqondo zobuntu.

[102]

Umpositoli Petrosi uti kukona ezi Balweni "izinto ezingenakuqondwa, ezingenakufundwa eziye zindunyelwe ngabangaqondile.....zize zibangele, ukubujiswa kwabo."¹ izo lezinto abafike basizakale ngazo ukulwa ne Baibile labo abangabazayo; kodwa zikude kakulu nombono lowo wabo ngoba izo ezifike zimise ubufakazi obuqinile bokuba yona ipefunyulelwe ngu Nkulunkulu. Ukuba ya igcine ngokusityela ngo Nkulunkulu lezo'nto esinokuziqonda; ukuba ubukulu Bake nobukosi Bake babunokwaziwa ngokupelele yingqondo enomkaulo yetu, lalingeke i Babili libe nobufakazi obungangabazekiyo bamandhla a Pezulu. Uqobo lobuhle nemfihlakalo yalezi zindaba esizityelwayo, zifanele ukuhlongoza ukolo kuzo njengeZwi lika Nkulunkulu.

³Izihlabelelo 47. 2.

¹2 Petro 3. 16.

[103] I Baibele lipenya amaqiniso ngobulula nokufana oku peleyo nezinswelo nezimfiso zenhliziyo zobuntu, osebumangalise, batokozisa imicamango esifundiswe yahluzeka kakulu; kanti nakwaba pantsi, nabangafundile baya ibona indhlela yosindiso. Kanti lamaqiniso abekwe kalula aze afinyelele pezu kwezindaba ezipakamileyo, ezikude kangaka, ezipakeme kangaka ngapezu kwokuqonda kwomuntu, esize sizamkele ngokuba zikulunywe ngu Nkulunkulu. Icebo lokuhlangwa limiswe kanjalo ke ukuba sisizakale, ukuze wonk'ubani abe nokubona izinyatelo afanele ahambe ngazo inxa ependukela ku Nkulunkulu, abe nokukolwa iNkosi yetu u Jesu Kristu ukuze abe nokusindiswa ngokubona kuka Nkulunkulu; kanti noko pansi kwaleliqiniso, eliqondakala lula kangaka, kuhlezi imfihlakalo efihle ubukosi Bake,—imfihlakalo eyehlula ingqondo yomuntu ukuba abe noku ipenya, idhlule noko ingenise, kofuna iqiniso, ngenhlonipo nokolo. Inxa eya elipenyisisa i Baibile, kuya kumkanyela ukuba ilona lizwi lika Nkulunkulu opilile; nokuqonda komuntu kufike kukubazeke pambi kwesambulo sobukosi Bake.

Uma sivuma ukuba asinakuze siliqonde ngokwanele iqiniso elikulu leBaibile, loko ukuti siyavuma ukuba, ingqondo enomkaulo ainakuze ibonisise ngokwanele ingqondo engenamkaulo; urauntu nokwazana kwake okupelayo kobuntu, akanakuze aqonde oku catyangwe Ngowazikonke.

[104] Ngenxa yokuba abangabazayo nabangakolwa bengenakufikelela ebunzulwini bemfihlakalo ye'zwi lika Nkulunkulu baya lidela; akusibo bonke abati bayakolwa li Baibile abakude nale ngozi ekuyo le nhlamvu. Umpostoli uti. “Xwayani, bazalwana, funa kanti bakona pakati kwenu abanenhliziyi embi yokungakolwa, bacezuke ku Nkulunkulu opilile.”¹ Kuhle ukwefundisisa izeluleko ze Baibile, sipenye “izinto ezizikile zika Nkulunkulu.”² Njengaloku zambuliwe embalweni. “Izinto ezifihlakele eze Nkosi yetu u Nkulunkulu.” “Kanti lezo ezambuliwe izona ku ezetu.”³ Kodwa ku umsebenzi ka Satane ukwedusa amandhla engqondo okufundisisa. Kukona nkubabazeka okutile oku hlanganiswe nokufunda iqiniso le Baibile, okubangela abantu batshiseke baze behluleke inxa bengenako ukucasisela yonke

¹Hebere 3. 12.

²1 Korinte 2. 10.

³Duet. 29. 29.

indawana esesi Bhalweni ngokudelisa bona. Bakubukele pansi kakulu ukuvuma ukuba abakuqondi okutshiwo ngalamazwi apefunyulelwe. Abavumi ukulinda ngokubekezela aze u Nkulunkulu abone yena inxa sekufanele abambulele iqiniso. Basuke bezwe sengati ukwazana kwabo kwobuntu kwanele ukubaqondisa isi Bhalo ngapandhle kokun cediswa, kuti ke nxa sebehluleka baqale ukupika ngok wempela amandhla aso. Kuliqiniso ukuti miningi imibuko nezimfundiso, okutshaya sengati zitalelwa e Baibileni, kepa zifumaniseke zingenasisekelo ekufundiseni kwazo, empeleni zipambene nya nomongo wokupefunyulelwa ngomoya. Yizo lezi-nto ezibangele ukuba kube kona ukungabaza nokudideka emiqondweni yabangingi. Noko ke konke loku akunakubekelwa ubucala ngenxa ye lizwi lika Nkulunkulu, kodwa kungenxa yokupanjaniwa kwabantu.

Ukuba bekunokwenzeka ukuba izidalwa zibe nokufinyelela ekumqondeni ngokwanele u Nkulunkulu nemisebenzi Yake, gekoti ke, sezifinyelele kulelobanga, kubonakale kungasasele luto ezifanele zilufune zilutole malunga neqiniso, nokwanda ekwazini, kungabe kusabakona kuqubeka kwa ngqondo nanhliziyo. U Nkulunkulu anbage saba ngopezukonke; nabantu, sebefikelele emkaulweni wokwazi, bangabe besaqubekela pambili. Asimbonge u Nkulunkulu loku kungenjalo. U Nkulunkulu akanamkaulo; “wonke umcebo wokwazi oku iko ukuye.”¹ Abantu bohlala befuna, befunda kuze kube pakade. po bebengenako uku uqeda umcebo wokwazi Kwonke. ukulunga Kwake, kuuye namandhla Ake. [105]

U Nkulunkulu ukuqondile ukuba kuti sise kona lap’ezweni nje, Izwi Lake liye lembuleka ngokwe mbuleka kubantu Bake. Inye kupela indhla okungatolwa ngavo lokukwazi. Singafumana ukuqondana neZwi lika Nkuluukulu kupela ngokukanyiselwa ngulowo Moya elinikezwe ngawo i Zwi. “Izinto zika Nkulunkulu kazaziwa muntu, kupela U Moya ka Nkulunkulu;” “ngokuba uMoya upenya zonke izinto, yebo izinto ezijulileyo zika Nkulunkulu.”¹ Nesetem-biso so Msindisi kubalandeli Bake ,saba ilesi, “Lapo Yena, u Moya weqiniso esefikile, uyakunikokela kulo lonke iqiniso Ngokuba Yena uyakwamkela Kimi anibonise nina.”²

¹ 1 Kolose 2. 3.

¹ Korinte 2. 11, 10.

² Johane 16. 13, 14.

U Nkulunkulu ufisa ukuba umuntu asebenzise amandhla omqondo wake; kuti ukufundwa kwe Baibile, kuqinise, kupakamise umcamango ngapezu kwazo zonke izifundo.. Kanti noko kufanele ukuba sixwaye ukucamanga okugagamelayo, okubangelwa ubutaka, nokugogeka kwobuntu. Uma singatandi ukuba izi Balo zibe netunzi emqondweni wetu ukuba kuti neqiniso elisobala lingabi nakuqondwa, kufanele ukuba sibe nokutamba kokolo lwomntwana omncane, olungele ukufunda, enxusa usizo luka Moya o iNgcwele. Ukuqonda ngamandhla nokuhlakanipa kuka Nkulunkulu, nokuswela kwetu amandhla okuqonda ubukulu Bake, kufanele kuhlongoze ukuzitoba, sibese sivula i Zwi Lake, njengaloku besingenza njalo uma sipambi Kwake ngokwesaba okungcwele. Uma sitabata i [106] Baibile ukuqonda kwetu kufanele ukuba kuvume ukuti ukona onamandhla angapezu kwawetu, nezinhliziyo zetu, nokwazi kwetu kufanele ukuba kutobe kulowo omkulu o NGI NGUYE.

Kukona izinto eziningi ezibonakala zilukuni mhlaumbe zisitakele, ayakuti u Nkulunkulu azenze zibelula zikanye kulabo abafuna ngokunje ukuba baziqonde. Kodwa ngapandhle kokuholwa ngu Moya o iNgcwele sohla sazipambanisa njalo izi Bhalo mhlaumbe sizihumushe ngokungesiko. Kukona ukufundwa kwe Baibile okunguni okun gasizi luto, kuti kwabaningi kube isilimazo ngempela. Lapo iLizwi lika Nkulunkulu livulwe ngapandhle kwenhlonipo ngapandhle kokukuleka; lapo imicamango nentando zingagxilisiwe ku Nkulunkulu, mhlaumbe zinobudhlelane ne Ntando Yake, ingqondo inetunzi lokungabaza; kuti esa ifunda njalo i Baibile umuntu kuqine ukungabaza. Kutu isita singene sibuse imicamango, siveze izihumushe ezingesilo iqiniso. Uma abantu bengacabangi ngamazwi, mhlaumbe ngezenzo ukufuna ukuba babe nobudhlelane no Nkulunkulu, yebo, noma bangafundiswa kangakanani, kusobala ukuba bangaposisa ekuqondeni kwabo isi Bhalo, kungepilise ukutembela ekucasiseni kwabo. Labo abafuna e Baibileni ukufumana izinsolo abanawo amehlo oMoya. Ngombono wabo wokukamelela bangabona izisusa eziningi ezingabangela ukuba bangabaze bangakolwa ezintweni ngeqiniso ezilula nezisobala.

Bangafihla uma betanda, kodwa sona isizatu sempela sokungabaza nokungakolwa, imvamo, ukutanda isono. Imfundiso, nezitintelo zeZwi lika Nkulunkulu azimnandi kwabazigabisayo, nenhliziyi etanda isono, nakulabo abangavumi ukulalela izim-

fundiso zalo, baseloko belungele ukungabaza amandhla alo. [107]
 Ukuze sifike eqinisweni, kufanele ukuba sibenesifiso sesiminya sokwazi iqiniso, nenhliziyo etandayo ukulilalela. Bonke abeza ngalo moya ukufunda i Baibile bayakufumanisa ubufakazi obugcweleyo ukuba li iZwi lika Nkulunkulu, bangazuza ukuqonda amaqiniso alo ayakubenza bahlakanipe kuze kuye ekusindisweni.

U Kristu wati. “Uma ubani avuma ukwenza intando Yake, uyakuzazi izimfundiso.”¹ Endaweni yokuba sihlale sibuzwa, sihlupeka ngaloko esingakuqondiyo, kufanele ukuba sibheke kuloko kukanya osokukanya pezu kwetu, niyakwamkela ukukanya okukulu. Ngomusa ka Kristu yenza yonke imisebenzi ese ikanyisiwe emqondweui yako, uyakuba nokuqonda nokwenza naleyo osangabaza ngayo.

Kukona ubufakazi obuvulekele bonke,—labo abafundiswe kakulu, nalabo abangafundile neze,—ubufakazi bokwazi. U Nkulunkulu uti masizibonele ngokwetu ubuqiniso be Zwi Lake, iqiniso lezetembiso ZakeUti kiti, “Yizwani nibone ukuti i Nkosi ilungile.”² Endaweni yokutembela ezwini lomunye kufanele ukuba sizizwele tina. Uti, “Celani niyakwamkela.”³ Izetembiso Zake ziyakugewaliseka. Azi-zange zihluleke; azi-zoze zehluleke. Siti-ke uma sisondele eduze ku Jesu, sijabule ekugcwalisekeni kotando Lwake, izingabazo zetu nobum unyama buyakueatsha ekukanyeni kobuso Bake.

U Mpostoli u Paule wati u Nkulunkulu “wasikulula emandhleni obumnyama, wasipendulela ebukosini be Ndodana Yake etandekayo.”⁴ Nalowo osedhlule eku feni wezu ekupileni unamandhla oku “beka upau Lwake ukuti u Nkulunkulu uliqiniso.”⁵ Angafakaza ukuti, “Ngangifuna usizo, ngalufumana ku Jesu. Zonke izin- swelo zaneliswa, ukulamba kompefumulo wami [108]
 kwesutiswa; manje i Baibile li isambulelo sika Jesu Kristu. Ubuza ukuti ngikolelwani ku Jesu ua?—Ngokuba kimina ungu Msindisi ka Nkulunkulu. Ngilikolelwani i Baibele na?—Ngokuba ngalifumanisa ukuti li izwi lika Nkulunkulu empefumulweni wami.” Ngahle abe ufakazi upakati kwetu wokuti, i Baibele liliqiniso, nokuti u

¹Johane 7. 17.

²Izihlabelelo 34. 8.

³Johane 16. 24.

⁴Kolose 1. 13.

⁵Johane 3. 33.

Kristu u iNdodaua ka Nkulunkulu. Siyazi ukuti asilandeli amacebo, izinganekwana ezenziwa ugohlukakanipa.

U Petrosi uyala abazalwane bake ukuba 'bakule emuseni, nasekwazini i Nkosi yetu no Msindisi wetu u .Jesu Kristu.¹ Inxa abantu baka Nkulunkulu bekula emuseni, bayakuya betola ukuqonda okucacile kakulu kweli zwi Lake. Bayakubona ukukanya okutsha nobuhle emaqinisweni acwebile. Loku kuliqiniso ngokuzwakala kwako ezindabeni ze Bandhla kuzozonke izikati, kuyakuba njalo kuhlale kunjalo kuze kube sekupeleni. "Indhlela yabalun gileyo injengokukanya kokusa, okukanya ngokukanya kuze kufike osukwini olupeleleyo."²

Ngokolo singabuka esikatini esizayo, sibambe isitembiso sika Nkulunkulu ukuba kukule ukuqonda, kuti imizindhlo yobuntu ihlangane neyapezulu, wonke ama ndhla ompefumulo aletwe aqondane noMtombo wokukanya. Singatokoza ngoba konke okusididile emuseni ka Nkulunkulu kuya kubekwa obala; izinto ezilukuni ukuba ziqondeke ziyakucasiseka; kuyakuti lapo izi ngoqonda zetu ezipelayo bezibona ukudideka, nemiqondo eyapukileyo, siyakubona ngokubona ngokupeleleyo ubu dhlelane obuhle. "Okwamanje sibona kaluvivi, kumnnyaina; kodwa siyakubonana ubuso ngalesosikati: Manje ngazi inxenye; kodwa ngalesosikati ngiyakwazi njengaloku ngaziwa."³

[109]

¹2 Petrosi 3. 13.

²Amazwi 4. 18.

³1 Korinte 13. 12.

IZIHLOHO 13—JABULANI E NKOSINI.

Abantwana baka Nkulunkulu batunyelwe ukuba babe ngabameli baka Kristu babonise ukulunga nomusa we Nkosi. Njengaloku u Jesu ebonakalise kitina isimilo sika Yise, ngokunjalo kufanele ukuba sibonakalise u Kristu elizweni elingalaziyo utando Lwake olutambile, nolunesihau. “Njengaloku wangitumela ezweni,” watsbo u Jesu, “ngokunjalo nami ngibatumele ezweni.” “Mina ngipakati kwabo, Wena upakati kwami, ukuze izwe lazi ukuti ngabe ngitunywe Ngume.”¹ U Mpostoli Paule uti kubafundi baka Jesu, “Nishunya yelwe ngokusobala ukuba ni incwadi ka Kristu,” “eya ziwa, ifundwa ngabo bonke abantu.”² Ngabo bonke abangabautwana Bake u Jesu utumela iucawadi ezweni. Uma ningabalandeli baka Kristu. utumela kini, nangani, incwadi kubantwana emzini, nasemigwaqweni enake kuyo. U Jesu uhleli kini. ufisa ukukuluma ezinhliziyweni zalabo abangamejwayele. Mhlaumbe aba ifundi i Baibele, mhlaumbe abalizwa ilizwi elikuluma kubo emapepeni e Baibele; abaluboni utando luka Nkulunkulu emisebenzini Yake. Kodwa uma ningabameli beqiniso baka Jesu, kungati ngani baholelwe ekuqondeni uto ngokulunga Kwake, banqotyelwe otandweni nasekumkonzeni Yena. [110]

Amakolwa abekelwa ukuba abe ngabapati bobhaqa endhleleni eya ezulwini. Bafanele ukukanyisa ezweni, ukukanya okukanya pezu kwabo okuvela ku Kristu. Ukupila kwabo, nezimilo zabo zifanele ukuba zibenjengokuba, kuze, kuti ngabo, abanye baze batole umqondo olungile ka Kristu, nangenkonzo Yake.

Uma simele u Kristu, siyakuyenza inkonzo Yake itandeka, njengaloku nempela itandeka. Amakolwa azitatela usizi nenhlupeko emipefumulweni yawo, akonone, asole, anikeza abanye abantu isimilo esiposisekile ngo Nkulunkulu nangokupila kobu Kristu. Anikeza umcamango wokuti u Nkulunkulu akatokozi ukubabona abantwana bake bejabule; kulokuke afakaza amanga ngaye u Baba wetu ose Zulwini.

¹Johane 17. 18-23.

²Korinte 3. 3.

U Satana uyaotkoza uma eholela abantwana baka Nkulunkulu ekungakolweni, nasekupeleni itemba. Uyatokoza ukusibona singametembi u Nkulunkulu, singabaza ukuvuma kwake namandhla ake okusisindisa. U Satana uvatanda ukuba sizwe ukuti i Nkosi ifuna ukusilimaza ngomusa Wayo. Kungumsebenzi ka Satana ukuba atyenise ukuti i Nkosi i swele umusa nesihau. Ulibeka alisonte iqiniso Ngaye. Ugwalisa imicamango ngemicamango engasiyo ngo Nkulunkulu; kuti endaweni yokuhlala pezu kweqiniso ngaye u Baba wetu wase Zulwini, siyavama ukuba sigxilise imicamango yetu ekwedusweni kwetu ngu Satana, singamhlonipi u Nkulunkulu ngokungametembi, nangokumkonona. U Satana uyatanda njalo ukwenza impilo yobukolwa ukuba ibe ngeyosizi. Uyatanda ukuba ibonakele i impilo enomsebenzi nelukuni; kutike inxa ikolwa lifaka ekupileni kwalo lombono ngo- bukolwa, lona uqobo lwalo, ngokungakolwa kwalo, lipasa ukuqamba amanga kuka Satana.

[111]

Baningi, abahamba kuleudhlela yokupila abahlala pezu kweziposiso zabo, nokungapumeleli kwabo, nezijabiso zabo, izinhliziyi zabo zigwaliswe usizi nokungakutali. Ngesikati ngipetsheya e Europe, omunye udade owenza loku, owayesosizini olukulu, wangi balela ecela izwi lokumkutaza. Kute ngobusuku engatola ngabo incwadi, nga ifunda ngapupa ugise ngadini kwati umnini wayo wangityenisa zonke izindhlela zayo. Ngabe mina kungati ngibuta izimbali, ngitokoziswa ipunga lazo. kwati lona udade, owabehamba eceleni kwami. wangiweba wangityenisa ameva angabukekiyo awayevale endhleleni Yake. Lapoke wafikelwa usizi nokuhlupeka. Wabengahambi ngendhlela, elandela umkokeli; kodwa wabehamba pakati kwenciji nameva. “O,” wakala, eti “akusilo yini icilo ukuba lengadi enhle kangaka yoniwe ugameva?” Waseti keumkokeli, “ayeke ameva, ngokuba azakukulimaza. Buta izimbali, eziqakazile ngo ku bomvu.”

Akuzange kube kona amabala akanyayo ekwazini kwako? A uzange ube nezikati ezimnandi, okwati inhliziyi yako yaze yatshaya ngokujabula, ipendulana no Moya ka Nkulunkulu? Uma upenduka ubuka emva ezahlukweni zokupila kwako a ufumanisi imikumbulo emnandi? Izetembiso zika Nkulunkulu, njengembali ezinepunga elimnandi ezimila emaceleni emhlela yako? A u kuvumela ubuhle bazo nobumnandi bazo ukuba bugwalise inhliziyi yako ngobumnandi?

Inciji nameva kungakulimaza kukuzwise ubuhlungu; kuti ke uma ubuta lezizinto, uzinikeze kwabanye; nga- pandhle kwokonakalisa minis a ka Nkulunkulu ngokwako, a ukwenzi ini ukwenqabela, abakuzungezile ukuba bahambe endhleleni yokupila? [112]

Akulungile ukubutela ndawonye yonke imicamaugo engatokozekile yokuhamba kwako kwangapambili,— ububi bako, nezi-jabiso ukulume ngako nohlupeko ngako uze wembeswe ukujaba,— Umpefumulo ojabhileyo ugcwaliswa ubumnyama, uvalela ukukanya kuka Nkuluukulu kuye, utela itunzi endhleleni yabanye.

Bonga u Nkulunkulu ngenxa yezifanekiso ezihle azibeke pambi kwetu! Asihlanganise ndawonye zonke izibusiso eziqinisekile zotando Lwake, ukuze sibheke kuye njalo. I Ndodana ka Nkulunkulu ishiya i Sihlalo sika Vise, yagqokisa ubu Nkulunkulu Bayo ngobuntu, ukuze ihlengi abantu emandheleni ka Satana; ukupumelela kwayo ngenxa yetu kwavulela abantu izulu, kwavulela abantu imibono yesigodhlo lapo u Mvelinqangi ebonisa kona ubukosi Bake; isizwe esiwileyo sipakanyiswe emgodini wencitakalo lapo beponswe kona isono, si-buyiselwe ekuhlanganeni no Nkulunkulu ongenasipelo; siti ke lapo sesicutshile sabekezela ukulingwa kwa Pezulu ngokolo kuye u Msindisi, sigqokiswe ubulungisa buka Kristu, sipakanyiswe sisiwe kuso isihlalo Sake sokubusa,—Yizo ke lezi izifanekiso u Nkulunkulu atanda ukuba sizicamange.

Lapo kubonakala ukuti singabaza utando luka Nkulunkulu sidele izetembiso Zake, asimhlonipi siya ulimaza u Moya Wake o iNgcwele. Unina womuntu angezwa kanjani uma abantwana bake behlala ngokumsola njalo, songati akabenzeli okuhle, nemizamo yake yokupila ayenzela ukuba kuqubeke intokozo yabo? Ake ngitike mhlaumbe bangabaze utando lwake; kungepula inhliziyo yake loko. Umzali uqobo lwake noma ngumupi angezwa kanjani uma abantwana bake bempete kanje? Yena ke u Baba wetu ose Zulwiwi angasibuka kanjani uma sidela utando lwake, olwamholela ukuba asinike i Ndodana Yake ezelwe iyodwa ukuze sitole ukupila? U Mpostoli uloba ati, “Lowo onga igcinanga i Ndodana Yake, kodwa wa inikela ngenxa yetu sonke, angatini ukuba kungati ngayo futi asinike ngokukululekile zonke izinto?”,¹ Kanti noko bangaki, [113]

¹Roma 8: 32.

ngezenzo zabo, noma kungasingamazwi, abati, “I Nkosi a ikuqondisile kimi loku. Mhlaumbe itanda abanye, kodwa mina a ingitandi.”

Konke loku kungukulimaza umpefumulo wako; ngokuba lonke ilizwi olenzayo lokungabaza umema isilingo sika Satana; kungukuqinisa pakati kwako umcamango wokungabaza, loku kutandaza okulimaza izitunywa ezikonzayo kuwe kuzixotshe. Uma u Satana ekulinga ungalokoti ulikulume izwi lokungabaza, nelobumnyama. Uma utanda ukuvula umnyango kuloko akukulumayo, umcamango wako uyakugcwaliswa ukungetembi nemibuzo yokuhlubuka. Uma ukuluma imicamango Yako, konke ukungabaza okukulumayo akupindeli kuwe kupela, kodwa ku imbeu eyakumila itele izitelo ekupileni kwabanye. kubese kwenqaba ukuvimbela amamlhla ako emazwini ako. Wena ngokwako ungaba namandhla okupepa okwesikatshana esilingweni, nasogibeni luka Satana; kodwa abanye abaholwa ngamandhla ako esitunzi, abangeze babenamandhla okupepa kuloko kungakolwa okuqambile. Kulusizo olukulu kangakanani ukuba sikulume ngalezozinto kupela eziyakusinika amandhla oMoya nokupila!

[114]

Izitunya ziyalalela ukuzwa ukuti ludaba luni olukulumayo nolutweleyo ezweni nge Nkosi yako vase zulwini. Ukukuluma kwako makube, Ngaye ohleli ekuncengela pambi kuka Vise. Lapo utata isandhla sesihlobo, ukubonga u Nkulunkulu makube semlonyeni wako nase nhliziyweni yako. Loku kuyakudonsa inhliziyo yesihlobo sako ku ise ku Jesu.

Bonke banezilingo, izinsizi ezilukuni abazetweleyo, izilingo ezilukuni ukwenqabeka. Musa izinsizi zako ukuzityela izihlobo zako zezwe, kodwa konke kuse ku Nkulunkulu ngomtandazo. Kwenze kube ngumteto ukuba ungakulumi ilizwi noma lilinye lokungabaza nokupela amandhla. Ungenza imisebenzi eminingi ukukanyisa ukupila kwabanye, uqinise imizamo yoba ngamazwi okwetembisa anokukutaza okucwebile.

Miningi imipefumulo enobuqawe ecindezelwe yizilingo, esifuna ukuqaleka ngenxa yokueindezeleka imisebenzi yayo nangamandhla enkohlakalo. Onjalo musa ukumqeda amandhla ekuzameni kwake okulukuni. Mkutaze ngamazwi obuqawe nangamandhla amkokela endleleni yake. Ngokunjalo ke ukukanya kuka Kristu kungapuma

kuwe kukanye. “Kako kitina ozipilelevo.”¹ Nga mandhla etu esingawazelele singabakutaza abanye babena mandhla mhlaumbe bangati ngawo amandhla etu bapele amandhla bemuke ku Kristu neqiniso.

Banengi abanemicamango eposisakele, ngokupila nesi milo sika Kristu. Bacamanga ukuti kwakuswelekile ukufudumala, nelanga Kuye, nokuti unenkani, ujezisa kakulu, futi ungumuntu ongenami, kanti kukaningi ezindabeni zobukolwa zifipazwa ilemicamango enamatunzi.

[115]

Kukaningi kutshiwo kutiwa u Jesu wakala, kodwa kakuzange kutshiwo ukuti wamomoteka. U Msindisi wetu wave yiNdoda yezinsizi ejwayelene nokuhlupeka; ngoba wavula inhliziyo Yake kuzozonke izinhlupeko zabantu. Kodwa noma ukupila kwake kwabe kungokwokuzidela kwelekwe ngamatunzi obuhlungu nenkatazeko, u Moya Wake a ucindezelekanga. Ubuso bake babungesibo bomuntu oqedwa lusizi noqedwa uto ngapakati, kodwa kwabe kugcwele injabulo ecacileyo. Inhlizivo Yake vabe ingumtombo wokupila; nalapa wavehamba kona wabe twain ukupumula nokutula, ukwenama nokujabula.

Umsindisi wetu wabengumuntu onokuqonda okujulileyo, enesineke esikulu. kodwa noko akazange abengumuntu onobuso obubi nobujabileyo. Ukupila kwa labo bantu abalingisa yena kuyakugcwala ngumqondo olungileyo; bayakuba nokuqonda okujulileyo ngobucala babo njengabantu. Ubulula buyakucindezelwa akunge biko ukutokoza kokugcwaneka, kungabiko ukuncokola kokuganga; kodwa ukukolwa kuka Jesu kunika ukutula njengomfula. Akukucishi ukukanya kokutokoza, aku ncipisi ukwenama futi akubufipazi ubuso obumomote kayo. U Kristu akezelanga ukuba akonzwe, kodwa ukuba akonze; kutike lapo utando lubusa enhliziyweni, sibe sesi ulandela umfanekiso wake.

Uma sigcina sicamangisisa kakulu izeuzo ezingalungile neziposisakele zabanye abantu, siyakukufumana kulukuni ukubatanda njengaloku u Kristu asitandayo nati; kodwa uma imicamango yetu ihleli pezu kwotando olu yisimangaliso, nesihau sika Kristu kitina, wona lowomoya onjalo uyakupuma kitina uvekwabanye. Sifanele ukutandana, sihlonipane, noma kambe ekona amacala nokun-

[116]

¹Roma 14. 7.

gapeleli esingenakukusiza nknba sikubone kwabanye.— Ukuzitoba, nokungazetemi kufanele ukuba sikufune, nokutamba kokubekezela amacala abanye. Loku kuyakubulala konke ukucuteka kwemica-mango yetu, kuseuze ukuba sibe nesibindi nenhliziyi ezibanzi nezi lungileyo.

Umhlabeleli uti, “Tembela e Nkosini wenze okulungileyo; uyakuhlala ngokunjalo elizweni, ngokweqiniso uyakupiwa.”¹ “Tembela e Nkosini ” Zonke izinsuku zinemitwalo yazo, insizi, nenhlupeko zazo; kuti lapo sihlanguana kona kube iyona ndaba leyo esinayo yezinhlupeko nezilingo. Kntike lapo kungene nebingeko inhlupeko kube kona ukwesaba okuningi, kukulunywe ngomtwalo omkulu wenhlupeko, size sicamange nangokuti, sengati asinaye u Msindisi ositandayo, nonesibau olunyele nkuzwa zonke izicelo zetu, abelusizo kiti manje nangaso sonke isikati esimdinga ngaso.

Abanye bayesaba ngaso sonke isikati, besukela inhlupeko engeko. Zonke izinsuku bazungezwe izipo zotando luka Nkn-lunkulu; zonke izinsuku bayajabula ebuningini bomusa ka Nkn-lunkulu; kodwa abazinaki lezizibusiso ezikona. Imicamango yabo iseloko ihleli kuloko okungemnandi, abesabayo songati kuyeza; mhlaumbe inhlupeko esikona esivele ngempela, noma kambe incane, abavala imehlo ezintweni eziningi ezidinga ukubongwa. Izingozi abahlangana nazo, endaweni yokuba zibaxotshele ku Nkulunkulu, okukupela komtombo wosizo lwabo, zibahlukanisa Naye ngoba

[117] sebesosizini kukona okubadhla ngapakati.

Senza okuhle kambe ngokunkagolwa kanje? Kufanele ngani ukuba singabongi singatembeki? U Jesu u isihlobo setu; lonke izulu liyatokoza ekupileni kwetu. A kufanele ukuba sivumele iuhlupeko nenkatazo zayo zonke izinsuku ukuba kuhlupe imicamango, kufipaze ubucopo. Uma senze njalo, kuyakuseloko kuba kona okuhlupa unuamango, kukataza. Akufanelekile ukuba sibe imihamba yodwa ehamba iqedwa, izinhlupeko zenhliziyi, ezingaselekeleli ekutwaleni izilingo zetu.

Mhlaumbe ungahlupeka emsebeuzini; kuti ezindabeni zako kuye kubamuyama ngokubamnyama kubonakale impela ukuti uzolahlekelwa yikokonke; kodwa ke musa ukuswela itemba; zonke izinhlupeko zako zibhekise ku Nkulunkulu, uhlale upolile we-

¹Umhlabeleli 37. 3.

namile. Kulekela ukuhlakanipa ukuba imisebenzi yako u iqube ngesu ukuze kungaveli kulahlekelwa nangozi. Yenza konke onako ngolwako uhlangoti ukuba kuvele ukupumelela okuhle. U Jesu watembisa usizo Lwake, kodwa loku akusiko ukuti tina asingenzi luto. Lapo, sesiyamele ku Msizi wetu, senenze konke eninokukwenza, isipumelelo saloko samkele ngentokozo.

Akusiyo intando ka Nkulunkulu ukuba abantu Bake bacindezelwe pansi izinhlupeko. Kodwa i Nkosi yetu a isikohlisi. A yitsho kiti ukuti, “Musani ukwesaba; aziko izingozi endhleleni yenu.” Iyazi ukuti zikona izilingo nezingozi, usebenza nati ugokusobala. Akaqondile ukutata abantu Bake abakipe elizweni lesumo nobubi, kodwa ubakombisa esipepelweni esingehluleke. Imi kuleko Yake ekulekela abafundi Bake wati. “Angikulekeli ukuba ubasuse elizweni; kodwa ngikulekela ukuba ubagcine kokubi.” “Elizweni,” Utsho ke ati, “niyakuba nezinhlupheko; kodwa yiinani isibindi; ngilinqobile ilizwe.”¹

[118]

Eutshunayelweni yake esentabeni u Kristu wabafundisa abafundi Bake izifundo ezinhle ngokusweleka ukuba kutenjelwe ku Nkulunkulu. Lezizifundo zabe ziqonde ukukutaza abantwana baka Nkulunkulu kuwoonke amapakade, zifinyelele nakwezetu izikati zigcwele izimfundiso neziduduso. UMsindisi abalandeli Bake wabakombisa izinyoni zezulu lapo zihlabelela izingoma zazo zibonga zingapazanyiswa imicamango yokuhlupheka, ngoba, “azilimi, futi azivuni.” Kanti noko u Baba omkulu uyazibonelela ezinsweleni zazo aziphe. U Msindisi uyabuza, “Aningcono yini nina kakulu kunazo na?”² U Menzeleli omkulu wabantu nezilwane uyasivula isandhla Sake aponke izidalwa Zake. Izinyoni zezulu azimcatshela Yena, ukudhla akakuposi emlonyeni wazo, kodwa uyazilungiselela izinswelo zazo Kufanele ukuba ziwabute amabele azicitela wona, zifanele ukuba zilungise izinto zokwaka izidhleke zazo. Zifanele ukuba zipe amazinyane azo, ziye emsebenzini yazo zihlabelele, ngokuba. “U Yihlo ose Zulwini uyazondhla.” Ani “Ngcono kakulu nina kunazo na?” Nina bakuleka ngomoya, nabangqondo, anisibo benani elikulu kunenyoni zezulu na? Umqambi wokubela kwetu, u Mlondolozu wokupila kwetu, Lowo owasenza

¹Johane 17. 15; 16. 33.

²Mateu 6. 26.

ngomfanekiso. Wake we zulu akayi ukusibonela ekusweleni kwetu uma setembela Kuye na?

[119] U Kristu wabakombisa abafundi Bake izimbali zasendhle, zimila hgokunota okukulu, zigewele ubhule obutandekayo ezibupiwe ngu Baba ose Zulwini ekombisa utando lwake ebantwini wati, “Bekani iminduze vasendhle, nkumila kwayo.” Ubuhle nokutandeka kwalezimbali zemvelo, yebo zehlula ubuhle buka Solomon. Noma enjani ingubo eyake yavezwa ukuhlanipa nobungcibi bomuntu, a inakuze ilinganiswe nobuhle bemvelo, nendalo ku Nkulunkulu. U Jesu ubuza uti, “Uma u Nkulunkulu egqokisa utyani basendhle, obukona namhlanje, kanti ngomso abuseko sebubasiwe, akanakuze anigqokise ngokwedhlulileyo, O, nina bokolo oluncaue?”¹ Uma u Nkulunkulu iNgcibi vase Zulwini enika ezimbalini ezi yize, ezifa ngosuku lemibala emihle yezinhlobo. nge zinhlobo, unakekelo lwake lungakananike kulabo abenziwa ngomfanekiso Wake! Lesisifundiso sika Kristu si isikuzo emicamangweni enovalo, nakwaba dideke ukungabaza, nakulabo abanhliziyi zingakolwayo.

U Nkulunkulu nfisa nkuba onke amadodana Ake namadodakazi ajabule. abenokutula, alalele. r Jesu uti, “Ngininika ukutula kwami; kungasiko loko eninikwa ilizwe, engininika kona. Ma yingakatazeki inbliziyi yenu, futi ma ingesabi.” “Lezizinto ngizikulumile kinina. ukuze ukujabula Kwaini kuhlale kinina, ukuze ukujabula kwenu kugcwale.”²

[120] Ukwenama kwokuzipoqela nje umuntu ngemizamo yake, okungapandhle kwendhlela yemfanelo, akulingene, akulungile futi kungokudhlulayo; kuyedhlula, umpfumulo ugwaliswa yisizungu nosizi; kodwa kukona ukutokoza nokwaneliswa enkonzweni ka Nkulunkulu; i Kolwa aliyekwa nkuba lihambe ezindhleleni eziugabazekayo; aliyekwa ukuba likwelwe ukuzisola kweze nezi-jabhiso. Uma singenako ukukutola ukutokoza kwalelizwe, singanetemba lokujabulela, nokulindela ukupila okuzayo.

Kodwa nalapa, amakolwa angakutola ukujabula kobudhlelana uo Kristu; angakutola ukukanya kotando Lwake. intokozo engapeliyo yobukona Bake. Zonke izinyatelo ekupileni zingasisondeza ku Jesu. zingasinika ukwazi okujulileyo kotando Lwake, kuye

¹Mateu 6. 28, 30.

²Johane 16. 27; 15. 11.

kusisondeza isinyatelo ngasinye ekayeni elibusisekileyo lokutula.. Ngakoke masingalilahli itemba letu, kodwa sibe netemba eliqinileyo, liqine ngapezu kwangapambili. “I Nkosi isisizile kwaza kwaba imanje.”¹ Isayakusisiza kuze kube sekupeleni. Masibheke ezinsikeni ezi isiku mbuzo, ezisikumbuza loko okwenziwa iNkosi okokuba kusi tokozise, kuisindise esandhleni sotshabalalisayo. Makuhlale kukutsha emicamangweni yetu, wonke umusa olungileyo asenzele wona u Nkulunkulu,—izinyembezi ezesuliwe, ubuhlungu Abutam-bisile, imvalo ezisusiwe,. izesabo azisusile, izinswelo azanelisile, izibusiso asipe zona, ngokunjalo sibe siyaziqinisa, siziqinisele konke okupambi kwetu, ngaye umkumbuzi wohambo lwetu.

Asinakusiza ukuba singalindeli inhlupeko ezintsha empini ezayo; kodwake singabuka kuloko okudhlulileyo njengaloku silindele okuzayo siti, ke “I Nkosi isisizile kwaza kwaba imanje.” “Njengokuhamba kwezinsuku zako, namandhla ako ayakuba njalo.”² Isilingo asinakudhlula amandhla esiwanikiwe ukuba sisitwale. Ngakoke masi utabate umsebenzi wetu lapo si ufumanisa kona, sikolwa okokuti noma kuza ni, amandlila alingenelesosenzo siyakuwanikwa.

[121]

Koti ngesikati esizayo amasango ezulu ayakuvulwa ukungenisa abantwana baka Nkulunkulu, kuyakuti emlonyeni we Nkosi yobu Kosi kuvele isibusiso sokugcina ezindhlebeni zabo esinjengeculo elimnandi esiti, “Wozanini nina enibusiswe ngu Raba, nidhle ifa lobukosi enilungiselwe lona kwase kusekweni kwezwe.”¹

Koti labo abahlengiwe bahlangatyezwe ekayeni aba lungiselwa lona u Jesu—Boti abangane babo bangabi okubi komhlaba, amaxoki, abakonza izitombe, abangcolile, nabangakolwayo; kodwa bayakuhlangana nalabo abenqoba uSatana, abati ngomusa ovela Pezulu baba nezimilo ezipeleleyo. Konke ukulingeka, ukuba cindezela lapa kuyakususwa ligazi lika Kristu; nobuhle nokukanya kwobukosi Rake; okwedblula kakulu ukukanya kwelanga bayakunikwa bona. Nobuhle besimilo Sake, kukanye ngabo, ngenani elikulu eledhlula kakulu ubuhle bangapandhle. Rayakuba ngapandhle kwesono pambi kwesihlalo sokubusa esimhlope, bepiwe ubukulu namatuba ezitunya.

¹Samyeli 7. 12.

²Deut. 33. 25.

¹Mateu 25. 34.

Ngenxa yobundhlalifa bobukosi okungaba okwake, “umuntu angatela ngani ukuhlenga umpefumulo wake?”² Angaba mpofu, kanti noko angaba nawo umcebo, nobukulu angebunikwe izwe napakade. Umpefumulo oblengiwe wahlanzwa esonweni, nawo wonke amandhla awo amahle, anikezelwe enkonzweni ka Nkulunkulu, adhlulisele kakulu ngenani lawo; kukona ukwejabula ezulwini pambi kuka Nkulunkulu nezitunywa ezicwebileyo ngompefumulo owodwa oblengiwe,—njabulo olukulunywa ngamaculo okwenza ukujabula ngcwele.

²Mateu 16. 26.